NgeTerm edlulile isikole sawina izindebe ezine emidlalweni ye Y.M.C.A. Sports League eyabe ihlelwa kahle nguMn. Peter Brown phezu kwobulukhuni obabukhona. Ku-Basket Ball nasebholeni izigaba A no B zangoba. NgaleTerm zombili zadliwa yiAshdown kodwa isigaba sabancane sanamathela eziqwini zaso. Kulemidlalo isikole sawina izindebe eziyisithupha ukwedlula zonke ezinye izikole zalapha.

Isikole sahanjelwa yizikole zaseGreytown nesaseLamont nyakenye. Sazingoba zombili. Kodwa iGreytown nayo yabehlula kabi mhla behambele khona. Ngalonyaka uCaluza uqonde ukuhambela eNewcastle, Glencoe naseMnambithi ezikoleni zakhona ayodlala ahlabelele.

INGOMA NOKUNYE. Futhi isikole sapumelela emncintiswaneni wokuhlabelela ngo1952. Amakwaya amabili amakhulu ashaya phezulu, into emqoka leyo nakusiphi isikole. Bazokhumbula abafundi bakho isikole sinehawu lombukiso wezikole zesigodi saseMgungundhlovu namaphethelo lika 1950. Ngo 1951 ikwaya enkulu yashaya phezulu emncintiswaneni ngo 1952 amakwaya amabili amakhulu, Std. 5 no 6 no Std. VI Higher bashaya phezulu. Isikole sinethemba lokuthi nangawo lonyaka sizohola engomeni.

Ngizwa ukuthi isikole silungiselele ukwenza amaRekodi ezingoma zesintu neFemu ethile yaseThekwini ngalonyaka.

Ngesonto leAzalea Week lombukiso isikole sadla ubhedu. Ngo 1951 sawina imiklomelo eyisi 8 kweyisi 9 ngo 1952 sawina 7 kweyi 12 imiklomelo kanye nendebe yomsebenzi omqoka owedlula ezinye izikole eMgungundhlovu."

THE ROVER.

(ISikole sakwaCaluza kufanele siziqhenye ngokuhlalana kwaso, ekubukeni kwethu. - Abahleli).

ISAZISO : UMTHETHO WEZILINGANISO KA 1922.

Kuyaziswa ukuthi bonke abantu abanezikali nezinye izinto zokulinga nisa impahla emsebenzini yasezitolo bacelwa ukuba balethe izinto lezi ukuba zihlolwe zimiswe kahle esimweni sokulinganisa kahle ngomhla ka March 5, 1953, kusuka ku 9 ekuseni kuya ku 3 ntambama emahovisi eKhomishani eClermont.

Bazise ngokulobela futhi uDistrict Assizer, P. O. Box 1047, Durban, noma amaPhoyisa ePinetown ngesimo sezikali lezo ukuba zizolungiswa ezindaweni zabo. Uma zilungiswa ezindaweni zabaninimsebenzi kubizwa ngaphezulu imali.

* * *

"Ihlahla likakhisimusi lezingane esontweni laseWeseli. Kayilele nempela iClermont futhi inensha efisayo ukusiza abantu bakubo.

Isono lenza omkhulu umzamo wokusiza kulomdlalo kodwa umfutho kwabe kungabafana namantombazana abenza uphumelele. Umququzeleli weHlahla kungu Mn. L. Msimang nesiGungu sakhe esiphethe phansi kukaSihlalo Mn. A. B. Dhlamini. UMiss Dhlamini eluleka ngokuqondene nabesifazana.

Umkhosi wabe ungoDecember 26. Umuhle. Ziziningi izibiliboco neziphungo nokuhlabelela kuhlwabusile kwathokozisa izingane nabadala. Konke kwabakuhle kwadela. Kwokhelwa imililo. Kwakuhle ngempela.

* * *

"UKUBUNGAZANA. Kwabe kushada u-Miss Mavis Dolly, indodakazi eyodwa kaMn. noNkk. P. Butelezi baseClermont nendodana yesithathu kaNkk. D. noMufi uMn. A. J. Sililo base 25, Baumanville esontweni laseWeseli ngoJanuary 1, 1953. Kukhona isgejane sabafana baseClermont nabaseThekwini beBoys' Brigade.

Ifindo laboshwa nguMfundisi J. C. Mvusi esizwa ngabefundisi Klatshwayo noNtshinga. UMfundisi Yeni efisela abashadi okuhle wathi isisekelo sentokozo yomshado nguKristu.

Izipho zakhombisa ukuthandwa kwabashadi bobabili. Kwafundwa nezincingo ezibafisela okuhle.

Amakwaya amabili athokozisa elinye liphethwe nguMn. H. W. Mdhlozini likaMakoti nelikaMn. C. Ngubane lonyeni. Abantu ababekhona 500 esontweni. Igcelele indlu yaseWeseli.

Kwababekhona nampa : Bafundisi J. C. Mvusi, Hlatshwayo, Ntshinga (Weseli); Mfundisi Nduli, Sivetshe, Sililo (American Board); Mfundisi Mavundhla (African Cong. Church); Mfundisi Bottoman (Presbyterian Church).

Kusihlwa kwayiwa eBantu Y.M.C.A. lapho kwabungazwana khona.

Sibafisela okumhlophe abashadayo.

* * *

"INGOZI YEBHASI. Basinda ngokulambisa abantu ababekhwele ibhasi ngo-December beya eClermont kwaphuma isondo langaphambili iBhasi laphuma endleleni layoshayeka emthini lema. Kwalimala abambalwa nabo kancane.

* * *

"IZULU ICLERMONT. Izulu lapha lasihlaba. Uphahla lwezindlu eziningi lwemuka nomoya ngoDecember 8. Ngenhlanhla kakwalimala muntu. Izindlu ezalimala ngezaseMvuzane naseUmngeni Wards.

* * *

"DAFFODILS LAWN TENNIS CLUB. Ngo-November amaDaffodils adlala nama-Morning Stars aseKing George V Hospital esibhedlela. Ushisa umdlalo nhlangothi zombili. Kwaphungwa netiye. Kwadliwa idina endlini yokudla yoNesi.

Emuva kwedina kwabonakala ukuthi sebeyahluleka abeDaffodils ingabe basebesuthi kakhulu yini? Adlula amaStars.

Abathanda iTennis eClermont abangakajoyini bacelwa beze ngeyabo leClub.

* * *

"WAHLEHLISWA UMBUKISO WABANTU. Lombukiso okwabe kufanele ubengo-December 14 sewuyokuba ngo July 1953. Umn. A. Mtetwa ilungu le-Komidi yawo uthi uhlehliswa ngoba uMthethimacala wasePinetown ongum-

phile batho dokotela kumkhandli ngenkathi yezinyanga ezintathu.

Kodwa wabengafuni yena ukuba uhlehliswe umbukiso ngoba egula. Eth i noma egula mawubekhona. Kodwa iKomidi yathi yona ngoba uMthethimacala ungimsunguli no-Sihlalo wawo wakubona kufanele ukuba ungabikho ima yena engelaho. Kwathiwa mawuhlehle aze abekhona naye siqu avune izithelo zomsebenzi wakhe.

Bayokwaziswa abantu ngosuku kuJuly....okwamanje onke amalungiselelo awo mawaqhutshwe ngamandla kungayekwa lutho."

P. B. KHUMALO.

WASCHBANK

"UKUBUNGAZANA. Kuyasithokozisa ukubika ukuthi uMn. Paulos Ntuli okadi esebenza kwaLoliwe eShede iminyaka eminingi useyaphumula emsebenzini wakhe, usezobakanye nababili abadla iPhenisheni uMn. J. Cebekulu noJacob Mathunjwa. Amadoda lawa abeyisibonelo esihle sokusebenza ngokucophelela nesi-neke nokubekezela okufanele abasha bakufuze.

* *

"UNKOSAZANA Dagmary N. Sithebe waseLenge wadlula lapha nonina beya ekhaya bevela eNewcastle lapho babehambele isihlobo.

* *

"Uma ulunguza eHovisi likaHloko wesikole salapha esikhulu wobona uhlu-nje lwezindebe ezanqotshwa yisikole iminyaka eminingi. Ezinye bazithola ebholeni, ezinye ngezokuhlabelela ezinye ngezemidlalo kaBasket Ball. Kukhona neka Morar Cup yeBasket Ball neka Mrs. Alex Maharaj yokuhlabelela. Zikhomba ukumiswa kahle kwokuphathwa kwesikole. Umn. Solly S. Nyandeni nabasizi bakhe basebenza ngokuzwana. Ukuzwana kungamandla.

* *

"Abantu baseWaschbank bayathokoza ukubingelela uMn. noNik. P. J. Nkosi. Engakashadi uNkosikazi Nkosi wabenguMiss Duma. Basanda ukushada. Wayefundisa eNgungundhlo-

vu uMrs. Nkosi manje usefundisa e-Orlando eGoli.

* * *

"IMIDLALO. Ukuphela kwesonto likaNovember 23 kwakunemidlalo eminingi esemqoka kungeyokuvalwa kwezikole yenziwe ngabeWaschbank Government School Staff. Kukhona amakwaya amaningi ayehlabelela ezikole kukhona neSpendikrona phansi kuka Mn. Mabuza. Badela ababekhona.

Ebholeni kwabe kudlala amaWaschbank Roses anama Rovers ku-quarter finals. Umdlalo awuthatha amaRovers ngo 2 - nil.

"ITHIRD ROUND YOKUGCINA.

Kwabe kubuthene abantu abaningi bezobukela amaWaschbank Roses namaRovers bedlalela lomdlalo wokugcina. Waseuke wadlalwa kathathu ingabikho eyahlulwayo. Kwala noma emdlalweni wokugcina uNompempe uThath'ufak'esakeni esebabuyisela futhi enkundleni kwamnyama izoco. Kuthe sebebuyela futhi amaminithi ayishumi ioutside left yamaRovers uHamba-nje yasivula iskolo ngembumbulu yegoli. Ogolikhapha ababili okuthiwa naboThath'ufak'esakeni bavala. Umdlalo ubalingene bobabili.

UF. Ntuli (Seven Days Hard Labour) wayedlala ngempela eBack yama Roses. UZondamakhaladi kumaRovers edlala kahle. Umdlalo waphela kanje 1 - nil kwadlula amaRovers. UPresident Mn. Johannes D. Khoza wanikeza indebe kumaRovers.

* * *

"Umn. D. R. Smith weKhomishani okade esecela ukuyeka phansi umsebenzi usebuye wathi uzoqhuba futhi. Kuyasithokozisa ukuzwa ukuthi usazokuba nathi uMn. Smith.

* * *

"UMBIKO. Siyadabuka ukubika ukumuka kwentombi enhle ethandekayo uMrs. Tryphina Khwapa emuva kwokugula isikhathi eside. Wahamba ngokuthula ngoNovember 20 eAssegaai Kraal walondolozwa emathuneni amasha ase Waschbank. Inkonzo iphethwe ngoMfundisi Masango noMn. Petros Marhwa. Sizwelana nezihlobo zakhe.

* * *

"Ukufa kwathumba ngoNovember 23 uNkosikazi Jemima Langa umka-

Mvangeli wase Assegaai Kraal. UNkosikazi Langa wabegula isikhathi eside. Inkonzo eyabiphethwe nguMfundisi N. Makepeace Nomvete yabe inabantu abeqile kuma 150. Kukhona uManyano lwamhlelo ngamhlelo lwevathe zobuManyano.

* * * * *

UKULOBA ABAFILEYO : ECLERMONT

Injongo yokuloba kwami ngalendaba wukuchachisa inqubo okuhanjwa ngayo kungakalotshwa amagama alabo abafileyo ehovisi leli. Okubangele lokho yingoba abantu abaningi kabazi ukuthi kwenziwa yini amanye amagama alotshwe lapha eClermont kodwa amanye kuthiwe mabayowaloba ePinetown. Bacabange ukuthi iHovisi leli liyenqaba-nje ukubasiza.

Nansi indlela efanele okuhanjwa ngayo :

1. Ihovisi leli libhala onke amagama abafileyo eClermont uma beveza isitifiketi sikedokotela okade ebheke isiguli leso sisagula.
2. Ofileyo kade engabhekiwe ngudokotela esagula siyalela abazomloba ukuba baye enkantolo ePinetown ukuba avume kulotshwe phansi ukuthi kasekho.
3. Lapho ofile kade ebhekwe ngudokotela eklinika kodwa kwasekudlula isikhathi eside phakathi kwokubonwa kwakhe udokotela nosuku afa ngalo nabo ababika lokho sibathumela eNkantolo ePinetown.

Esigaheni sesibili 2 abantu yabaqonda ukuthi sibathumelelani eNkantolo noma kungemnandi kubona. Kodwa kwabesithathu 3 kabezwa-nje kahle ngoba kabazi ukuthi kubangelwa yini ukuba udokotela angakwazi ukubanika isitifiketi sokuthi umuntu ufile uma kade engasambhekile leso sikhathi esingaphambi kwokufa kwakhe. Kanti uma kunjalo yiNkantolo kuphela engakhipha incwadi yokuthi ufile umuntu.

Nakhona eNkantolo kukhona okufanele kwenziwe okufana nalokhu:

- (a) Umuntu ozobikwa uthunyelwa kudokotela wakwaHulumeni ukuba amnike incwadi yokuthi

ufile ubani.

- (b) Athi angayinikwa incwadi leyo lowo ozobika aye nayo kwabalo loba amagama abafileyo ukuba anikwe incwadi ethi ufile lowo ozobikwa

noma

- (c) Uma udokotela wakwaHulumeni enganeliswa ngokuthi ufe kanjani umuntu lowo aqonde emzini walowo ofile ukuba ahlole isidumbu abone ukuthi angabe ubulewe yini.

Niyazibonela kulokhu ukuthi kuchithwa esikhulu isikhathi kwenziwa nomsebenzi omkhulu, kulindwe futhi isikhathi eside. udokotela wakwaHulumeni ovamise ukungabinasikhathi ngenxa yomsebenzi aze atholakale emuva kwamadina.

Ikhambi lohlupho lolu yikuba abantu bajwayele njalo ukuya kwodokotela uma begula babonwe ngawodokotela baseKlinika. Kwokuningi kungesikhona kubo bonke abantu abanye bangamavila-nje okunganaki okuyikhona kubalethela ukuhlupheka lokhu.

SESIYAKWAZI OKUFANELE SIKWENZE MASIKWENZEKE.

P. B. KHUMALO,
Local Health Commission,
Clermont.

AMALUNGULO
KWABANGESIBO ABELUNGU

(Yinkulumo efinyezelelwe lena yo-Mn. D. R. Donaldson ayikhuluma kwabehlangano yamaPension nokusiza abadinga usizo yaseSouth Africa. Umn. Donaldson ngumbhali we-Khomishani.)

*

AbaBusi abaningi abancane e-South Africa kabakagculiswa wukudingeneka kwamalungelo amapenishani kulabo abangesibo abelungu noma amalungelo lawo anikwa izisebenzi zabo ezingebona abelungu iminyaka engama 23 eyadlula nguKopeletsheni waseCape Town nangawoKopeletsheni behlangene bonke eKoloni ngazo izinsukwana ezidlulile, kusho umn. Donaldson.

Njengoba sincane isikhathi enginaso lapha ngifisa ukuthi isibala lendaba ngomqondo wombhali ophethe udaba lolu..yokuvezela labo amalungelo epenishani nokuthi labo abangavumelani nalomqondo baveza izizathu ezidida imiqondo abathi zibangela bona bangavumelani nalomqondo wokunika abangesibo abelungu amalungelo amapenishani.

(Lapho kukhona imali yokusiza ngamapenishani..kubanjwa imadlana masonto onke ezisebenzini ngazinye Lemali umnikazi-msebenzi ayongeze athi uma umsebenzi esephimula aholwe masonto onke imali encane kunaleyo abeyihola esasebenza aze afe. - UMhleli.)

Ngo April 1952 OKopeletsheni behlangene bonke ngodaba lwesikhwama salemali bakhapha isinqumo esithi :

UKuba oMabhalane abelulekayo bacelwe ukubeka umqondo wanamuhla mayelana namalungelo epenishani kwabangesibo abelungu nokuthi amalungelo lawo kufanele yini ahlukeni swe kwawezinye izizwe nokuthi ubulungu babajoyina kufanele yini bucindezelwe noma umuntu azingenele ngokuthanda kwakhe.

Baphendula ngokuthi : Kasikho isizathu esibangela ukuba abangesibona abelungu bangangeni nabo ekutholeni amalungelo epenishani ohlelweni olukhona eqinisweni sebevunyelwe ukungena ohlelweni eKoloni kusukela mhla bewanikwa amalungelo. Uma amalungelo epenishani ezonikwa abangesibo abelungu sibaluleka ukuba bangene ohlelweni olukhona emisebenzini yabo.

Iphuzu lesibili kakuvamisile ukuba isisebenzi kuthiwe asingene ngokuzithandela. UHulumeni wakubeka phansi wathi uma isu leli lizophumelela kufanele zonke zisebenzi zingene. Ngoba uma isisebenzi kuthiwa masizikhethela ukungena ngokuthanda kwaso singase singavumi beseke kuthi emuva kweminyaka eyishumi sesifika sithitsabe singezwanga kahle ngoba kasitshelwanga kahle sithike sesifuna ukujoyina manje.

"Seluleka ukuba abajoyinayo kube ngenkani. Uma kungenzeka kungamiswa isikhashana sokulinda ukuze izisebenzi ezinganamatheli emsebenzini zihlungike. Siyayazi inhlango engabavumeli abangesibo abelungu ohlelweni lolu base baqede iminyaka emithathu besebenza kuyona. Njengoba abantu sebegcwele emisebenzini emadolobheni izinhlangano eziniginiziyaluhlola udaba lolu lokunika abangesibo abelungu amalungelo amapenishani, kuyosithokozisa ukuzwa ukuthi kuqhubeka kanjani kululuhlangothi."

Basho njaloke ababhali baloluhlelo. Kabasho lutho olungathikameza ukuba kwande ukwamukelwa kwabangesibo abelungu ohlelweni lwamapenishani.

Sithinike ngalabo abasidida imigondo ngezizathu zabo bona abathi kabafuni ngazo ukunika abantu amalungelo lawa?

Okukuqala bathi izisebenzi zabantu kazinamatheli emisebenzini, bayingcosana abasebenza imisebenzi abanathela kuyona baze bafe. Uma iphuzu leli lilihle kufanele benze isikhala sokulinda esingangeminyaka emithathu kuqala isisebenzi singakanikwa ilungelo noma bagcizelele bathi bazonika amalungelo kulabo abanamathela emsebenzini kuphela. Noma singavuma ukuthi abantu bayizisebenzi ezibuye ziyeke ukusebenza sukuyakhula kubona ukunamathela emisebenzini okucishe kungabikho kwabangingi abelungu uqobo namuhla. Uma umuntu onamathelayo emsebenzini eyivelakancane kufanele abaninimisebenzi bafuna izivikelo ezithile zokuvikela izikhama lezo.

Iphuzu lesibili lithi kufanele yini abantu bangeniswe kulelisu ngenkani noma ngokuzithandela. Sebshilo ababhali ukuthi kakusiyona into efanele ukuba umuntu azijoyinele ngokuthanda kwakhe beluleka ukuba bacindezelwe. Isinyathelo sokuqala kufanele sibe ngukuvumela abantu bangene ngendlela enemiban-

dela ethile efinyeziwe ohlelweni oluqondene nabelungu bodwa. OKusho ukuthi abantu labo bayizisebenzi "eziyofela" emisebenzini leyo njengabo abelungu.

Iphuzu lesithathu elivamise ukucindezelwa ngabaBusi bezindawo bathi kungakhona izindleko ezinkulu ezingethwalwa ngabelungu abathela amarates. Abafundela ukubuswa kwabantu bayazi ukuthi zinkulu izindleko ezibhekene nabatheli bamarates nokuthi abaBusi bezindawo kabakwazi ukwenza imizebenzi yabo uma bengakhuphuli amarates, yilokho okubangela ukuba nalowo impela oshisekayo ngokufisa ukuba abantu banikwe amalungelo amapenishani abemadolonzima uma esebona izindleko ezinagabangelwa yilokho. Noma kunjalo sesifikile isikhathi lapho lonke ilungu likeKopeletsheni noma yimuphi ukuba likulwele ukuba abantu bawanikwe amalungelo amapenishani.

Uma sesibuka osekushiwo sibona kufanele ukuba sicele ukuba izikhwama zemali yepenishani zikhule ukuba kuphele ukungabazela nokwezabela izikhathi zokuguga kwezisebenzi. Kungasusa umthwalo kubatheli bamarates wokusiza abagugile nabaphelele ngamandla kwabangesibo abelungu bona abangenalutho ababheke kulona lokubondla ngaphandle kwosizo lwoMnumzana ekhaya naye othwele kalulhuni ngezinsuku lezi lapho isizwe sakhe sesigijimela emadolobheni.

* * * *

I Y.M.C.A. EEDENDALE

Kalukho olusha olwenzekile kuY.M.C.A. kusukela ekulobeni kwami kwokugcina ekhwezini. IHolo yavalwa izinsuku eziyishumi ngoKhisimusi kodwa manje seyibuyela esumweni sayo sokuqala. Aseyaqalwa namaKilasi esibhakela njen-goba ake ayekwa yonke inyanga, sebekhona impela abaningana abasha abajoyinela esibhakela. Kusukela manje sizoqala ngezinkani ukufunda esibhakela sethamba ukuqala owethu umdlalo wesibhakela ngenkathi yezinyanga eziyingcosana eziyayo.

Seladuma ladlula elebhola, amaRovers aseAshdown sabeke phansi izicathulo kuze kuvulwe iSeason ensha. NgeSeason ezayo siyofaka

Thimu ibeyinye kuphela kuLeague umake yona yenza kahle njengoba yabe yenza sekuyophela iSeason edlulile kuyodela uMakhasana.

Noma iSeason enkulu seyivaliwe izovala masinyane eyeziKole njen-goba sezizovulwa-nje. Sethemba ukuba nezikole eziyisithupha ezi joyinayo ngalonyaka, mhlawumbe singase sibenezigaba ezimbili, abangobe kwezinye nadlale nabesinye kumaFayineli.

Okwamanje iY.M.C.A. ilinga ukuthola omunye umsizi wayo e-Edendale, uma esetholakele siyo-kwazi ukunwba esiyokwenza khona. Empeleni sethemba ukuba nemidlalo eminingi kusihlwa okuyokuba ngeyabadala. Ngethemba ukuthi ngalenkathi ngenyanga ezayo uma sengiloba futhi eKhwezini ngingase ngibike ngokuthi usetholiwe ozosiza lapha eEdendale ngimemezele futhi okunve okusha okuhle oluzokwenziwa.

PETER BROWN.

* * * * *

IZINCWADI EZIBHALELWE UMHLELI

P. O. Clernaville.

Mnumzana,

AmaBhasi : Impendulo
kuMn. Bhulose.

Umlobeli wakho uMn. M. A. Bhulose usaphinda uthi inkampane yamabhasi yomuntu ngayedwa ingcono kunekaHulumeni noma kaKopeletsheni. Usekela inkulumo yakhe ngokuncoma amaBhasi kaMn. Ngema. Kuyinto eyahlukene ukuqhuba kwalenkampani ngendlela egculisayo olungasho ukuthi nezinye izinkampane zingaqhuba kanjalo. Kulapho ngehluke khona ngomqondo kuye. Kakusho ukuthi ngoba lenkampani iqhuba kahle eClermont zonke ziqhuba kahle.

Inkathi edlulile yakhombisa kahle ukuthi inqubo yamabhasi lawa ezinkampane yayingagculisi. Kakusiyona into efanele ukulinganisa amabhasi ezinkampane nawawoKopeletsheni ngoba awoKopeletsheni asebenzela ukusiza uquqaba lwabantu abaningi abasebenzayo. Naye uMn.

Bhulose uyangiseka kulokhu uma ethi uSihlalo weLocal Road Transportation Board lapho enika uMn. Ngema izitifiketi ezintha-thu wathi wethemba ukuthi nabanye bayohambela eClermont bayobona ukuthi amabhasi lawa ahanjiswa kanjani. Ngabaphi labo akhuluma ngabo? Ngabezinkampane noma ngabakwaKopeletsheni? (Sicabanga ukuthi uSihlalo wabegondise kulabo abangaqhubi ngokugculisayo noma yibaphi. - Abahleli.)

Futhi umlobeli wakho uthi sake sahlupheka sina isikhathi eside edilesini silinde amabhasi ngobuza ukuthi kwabe kungobani ababephethe amabhasi ngaleyonkathi? Ngabezinkampani ezincane noma ngabakhulu? Impendulo ithi kwabe kungabezinkampane ezincane. Kusobala ukuthi ukubonga inqubo enhle yamabhasi eClermont kugondene ne noMn. Ngema yena yedwa siqu mayi njengomqhubi wamabhasi.

Ngigcina ngelithi ezindaweni lapho kusebenza izinkampane bayakhala abantu bafuna amabhasi ahambe kahle ngoba abaphethe kabagculisi.

Owakho,

P. B. KHUMALO.

* *

c/o Cokerts Kraal Sch.,
P.O. Mkhondeni.

Mnumzana,

Ngibonga iCommission ukubakhona kwayo. Esengathi inganda futhi ngomsebenzi omuhle.

Okokugala inigwaga isiphethe kahle kakhala, njengoba beyikade ingekho.

Kanti izindlu zizakhela impilo enhle, ukuphakama kwazo nokwakheka kwazo ngomqondo. Njengoba besikade sakhe amafuku impilo beyingekho kahle.

Manje ngibonga namanzi ngoba selize lana izulu, ithonsi siloku silithola kancane emathangini kaPoyinandi; kanti kuqala besiwadoba epitsini aze aphele du.

Kusho ukuthi ukunikana imiqondo neCommission kusinika impilo nathi. Nabanye bayabonga lolusizo.

Sengathithi unganda umqondo
nathi sithole ngoba nakusesiphila
manje.

Ngowami umbono ngibona ukuthi
besingabe siyakhula impela uma
besingahle sakhe ibandla (Advis-
ory Board) elizokhulumela umuzi
waseOckerts Kraal, lilethe ku-
Poyinandi nezikhalo zabantu.

Ngiyabonga, bahleli,

Imina Ozithobileyo,

E, S. KUNENE.

* * *

Hollingwood.

Mnumzana,

Siyabonga ukuthola iKhwezi,
sizwe nezindaba zomhlaba.

Thina lapha into esihluphayo
AMANZI. Singajabula uma iLocal
Health Commission isizamela
AMANZI.

Sibonga noma nisinika umqondo
wokumba imigodi yezibi. Imizi
yethu isiyaqala ukuba clean.

Sijabula nokuba sesine Tea
Room. Ngoba lentokazi yakwa
Gasa iyazama ukusenza ukuba sibe
abantu abangcono.

Into esingajabula siyithola i-
CLINIC. Nathi nisizamele lena
eyinqola ejikeleza yonke indawo.
Siyayithanda nathi.

Into futhi esiyicelayo yi-
Bus yangesonto. Asinayo thina
uma siya esontweni. Nezihlobo
zethu azikwazi ukusivakashela.

Sibonga nemvula. Beselibalele
kakhulu. Sesizolima amazambane
manje. Futhi lendawo iyathanda
ukusinika ukudla uma lina.

Into esihluphayo yilena :
udokotela wokujova ufika singekho
ngomsombuluko. Sicela nisinike
ilanga elifanele thina Bawashi,
ngoba siyathanda ukujova. Pho
singathini ukulahla ilanga lawo
Mesi esikhonze kubona.

Nezinhliziyo zethu ziyakhatha-
zeka uma sizwa ukuthi siyasuswa;
singazi ukuba siyolishomisaphi
ilizwe. Asazi noma Baqinisile
yini. Sesinvalo kakhulu ngoba
lendawo sesiyijwayele. Abantu

lendawo bayithenge nesiwa elilano.
Pho sebexoshelwani manje?

Sesike sabona nomdlalo omuhle
ibayisikobo siyenzelwa umfo ka
Sokele waseGreytown. Sajabula
kakhulu.

Ngiyabonga bahleli,

Imina Ozithobileyo,

(Mrs.) M. MNCWABE.

* * * *

Hollingwood.

Mnumzana,

Makhosi Athembekileyo, sino-
hlupho lapha ngakithi lobisi na-
masi. Sizwa kuthiwa niyabasiza
abakhalayo kinina bakwaPoyinandi.
Engethemba ukuthi lesikhalo sethu
niyothi uma senihlela izindaba
zenu nisiBeke enkundleni.

Okunye futhi besifakelwa izi-
khonkwane (pegs). Sizwa songathi-
thi loku kwenzelwa ukubala izindlu
besesiyazithelela intela (rates).
Kepha besicela ukuba nisiphe aman-
zi amtoti kaMpompi, safa uMsunduzi.

Sizwa kuthiwa futhi sizonyaka-
ziswa iGroup Areas Act - Umthetho
wokwahluka - nisa izizwe; abantu
bephucwe izindawo zabo abazijulu-
kela ngezithukuthuku ezimathonsi.
Kuliqiniso ukuthi sizosuswa lapha
na?

Sesikhala nangesikole sabantwana
abancane (Nursery School) abangaka-
fundi. Sesicelile komunye onesa-
khiwo sesonto ukuba izingane ezin-
cane zifundele khona. Sikhona
esikhulu - Day School. Sicela
esabancane.

Kwane bus ngesonto kalikho kwa-
bathanda ukuyosonta eThawini,
alikhho. Besingacela ukuba libe-
linye-nje elisuka eCity Hall ngo
9.30 a.m., lisuke lapha ngo 10
o'clock ekuseni. Libuye lisuke
ngo 4 noma ngo 5 o'clock ntambama
eThawini selibabuyisa abavela ezin-
konzweni. Kukhona nabathanda uku-
sonta ezinkonzweni zantambama ngo
3. Singathokoza kakhulu uma
lesicelo sethu singasesamukelwe
abakhulu.

Sizwa kuthiwa nino sizo lweKili-
nika esemotweni (Mobile Clinic).
Noma ibingeza kanye ngenyanga besin-
gakujabulela loko.

Owenu ngenhlonipho, Owakhileyo,
(Miss E. J. MKWANAZI.

2 MAR 1953

1) Mr. Hecht ✓
2) Libram ✓

IKHWEZI



Vol. 4 No. 2
3 MAR 1953

Prepared and published by the Local Health Commission, 195, Longmarket Street, PIETER- FEBRUARY 1953
MARITZBURG.

A LETTER TO OUR READERS

In our last number we published a whole lot of letters from our new little Areas of Hollingwood and Ockert's Kraal. But because our reply is bound to be a long one - and because it will show something of the way in which the Commission plans the development of Areas - and because it will deal with a number of questions which are often asked in other Areas - we are giving up our editorial columns to it in this number.

Here, then, is our reply to our two small Areas, and we trust that other readers of Ikhwezi will find it answering a number of problems of their own:-

'Dear Hollingwood and Ockert's Kraal,

Ikhwezi was particularly glad to publish your letters because they revealed two very pleasing qualities - the one, a spirit of confidence in the goodwill of the Commission : the other, a very real desire of the health and welfare of your communities. Your representations have been carefully considered at high levels, and certain answers to them will be found below.

Let us say, first, though, that the Local Health Commission is like every other sort of governing-body in one thing - it has only so-much money to spend! Also (and in this it is

NOT like other local authorities) it has to be given most of its money by the Provincial Government. This is because, in places like Edendale or Clermont or your own Areas, the people cannot pay enough in rates and taxes to cover the cost of all the things their Area needs. Because they are poor, the Province pays a great part of the Area-costs. But even the money from the Province is not unlimited : it has to be carefully shared out among a lot of Areas - so-much to one, and so-much to another - and every Area finds itself obliged to WAIT, now and then, for the services it wants.

Now, you people (quite rightly) want clinics, pure water, roads, improved bus services, a nursery school, milk and amasi, and an Advisory Board! Clearly, these things cannot come all at once; but there are "answers" which will show that the Commission is in earnest about helping your communities.

- (1) Clinics. The Doctor writes that he appreciates your viewpoint, but at present child-clinics and mobile-clinic services cannot be started in your Areas. The Commission must be satisfied at the moment with protecting the children (and the adult residents) against infectious illness. A doctor comes to the Areas to see that children are protected against Diphtheria, and that all members of the community are immunised against Smallpox and Typhoid Fever. (Do not think that this doctor will always come on a Monday. He visits your Areas whenever time permits or there is special need. He has no regular visiting-day for Hollingwood and Ockert's Kraal.)

Other members of the Commission's Health Department visit the Areas to help you to get better housing and sanitation and to teach you many of the rules of health. You can help greatly to reduce ill-health among you by learning and obeying all these rules.

And, of course, when infectious disease occurs in spite of all this, the Commission helps you to get the sick person to hospital and takes measures to prevent the disease from spreading.

In other words, the Commission is working to improve the general health in your Areas and to keep the infectious illnesses away from you all - BUT it cannot, at present, afford to give you clinic-services for the "ordinary" sicknesses of yourselves and of your children.

- (2) Pure water. The Engineer writes that a scheme to give Hollingwood good water has been drawn up and considered by the Commission, but it cannot yet be brought into operation for a number of reasons. The Doctor advises Hollingwood, meanwhile, to BOIL ALL WATER before drinking it. Ockert's Kraal has already had a supply

of pure water brought to the Area.

- (3) Roads. Ockert's Kraal roads have been hardened since the Commission "took over". Hollingwood has not been so fortunate, but that is for reasons over which the Commission has no control.

- (4) Bus services. These are not really the business of the Commission at all, but the Pietermaritzburg Transport Manager was good enough to allow Ikhwezi an informal talk with him about your services. He is sympathetic with your needs and the matter is before the City Council. But until new buses arrive, no new services can be established.

- (5) Nursery School. We think the best way you can go about this matter is to form a committee and then write to:-

The Medical Officer of Health,
Local Health Commission,
P. O. Box 416,
PIETERMARITZBURG,

and ask his advice. He is in charge of Social Welfare in the Commission's Areas. Remember, you can look to him and to the Social Welfare Section for guidance; but education is not the Commission's business and you will find that it is necessary for you to help yourselves. For a nursery school to be started, the people have to rely largely on themselves to pay for the teacher, and other expenses - as the folk at Siyamu do. At a later stage, the Pietermaritzburg African Welfare Society might be willing to help you with a grant.

- (5) Milk and Amasi. Your Areas cannot be considered at this stage for Commission sales of milk and amasi. It is a costly service, and anyway there are several private dairies close to you, we understand.

- (6) Advisory Board. The best way to go about getting a Board established is to write to
The Midlands Regional Secretary,
Local Health Commission,
P. O. Box 416,
PIETERMARITZBURG.

It is an excellent and progressive step to take, to form an Advisory Board to speak with authority on your behalf.

- (7) General. First, do not be worried about the pegs in front of your houses. These have no purpose except identification - just as houses in towns have numbers on their gates.

And, secondly, all of us know that it is the will of the Government that the different races in this country shall, once day, live each in their own area. But none of us know, yet, just how these things will be arranged or just what areas

will be assigned to our particular race. Our best course, as we wait, is just to go quietly on with our own business, planning each day in what we think the wisest, happiest way, and not allowing any nervousness about the future to stop us doing the best we can with the PRESENT.

- (8) Conclusion. Our thanks to you, Ockert's Kraal and Hollingwood. And we trust that, in our long "conversation" - yours and ours - we have cleared up certain points which are of concern to many different Areas.'

Yours faithfully,

THE EDITORS.

* * * * *

DID YOU KNOW?

...THAT Ikhwezi would appreciate news from the various Clubs in the Areas relating their activities - present, past and future - just in the same way as the Women's Institutes and other flourishing Clubs in towns and country districts publish accounts of their "doings" in the newspapers, and, where possible, give a programme of future events?

There must be many members in the Clubs who would be glad and willing to be given the opportunity of letting the readers of Ikhwezi know what is taking place. So just ask one member to write the news of your next meeting and send it to The Editors, Ikhwezi, P. O. Box 416, Pietermaritzburg.

* * *

...THAT Ikhwezi is very grateful to the following friends for donations:-

Mr. and Mrs. Fearnhead....£1/1/-
Mrs. J. M. Loveband Fulford..£1.
Mr. R. B. Maharaj.....£1.
Mr. S. R. Naidoo.....£1.

This is great riches! Ikhwezi does not remember ever having had more than £2/1/- in its "till" before! When it has had to spend a little more than that - (as, for instance, on the Christmas cards and envelopes and stamps

which were distributed with the December Number) - the working-committee has usually met the small extra costs by personal contributions.

So we thank our friends, telling them that it is a very happy thing to feel that Ikhwezi has some real funds in hand to spend on readers' interests. And happier still it is to know that there are those who care for our small magazine and for its message.

* * * *

...THAT Waschbank and Umhlatuzana have each undergone a tiny change of name. The former must be spelt WASBANK from now on, and the latter drops its first "u" to become MHLATUZANA.

This is official! From now, the old spellings will be WRONG.

* * *

...THAT the fight against Tuberculosis is engaging the sympathy and support of some very fine people. Here is an item which appeared recently in the Natal Daily News - a report of a generous gesture by African people:-

"Fifteen Natives arrived at the Toc H TB settlement, Bothas Hill, on Saturday and worked the day through without pay - so that they could help the good cause.

Mr. Don McKenzie, warden, first showed them round the settlement and then they started on the foundations of a new building.

Under the leadership of an induna, they excavated earth and brought it by lorry to the site. At lunch, when Mr. McKenzie offered them tea or coffee, they replied: "Water is enough. We have come here to work, not to eat and drink".

The same Natives, who are employed by an international firm of road builders which lent them the lorry, first heard of the work of the settlement before Christmas.

They then contributed three-penny pieces, sixpences and shillings every week from their pay packets to a fund, which their European foreman was asked to use for presents for child patients at the settlement. Each child got a generous Christmas parcel, paid for by the labourers.

"These people show that Natives are ready to help themselves," said Mr. McKenzie.

* * *

...THAT you might be one of the "Persons Unknown" for whom the Government is holding moneys? Government Notice No. 42 of 1953, published in the Government Gazette Extraordinary of the 16th January, 1953, gives a long list of Moneys belonging to Persons Unknown - such persons as untraced heirs, and the like.

It might be well worth your while to refer to this list if you believe that moneys of this kind are due to you. The list contains any number of African names.

* * *

G A R D E N I N G

Gardening is one of the most ancient occupations of the human race. There was never a time when it could be pursued with more interest and profit than at present. Gardening is an occupation

open to everyone because the poorest amongst us can practise it on a small scale, and the richest can find in it a wide scope for the use of capital. It is open to the possessor of even a small piece of land to grow something useful, interesting or beautiful.

Window-box gardening in recent years has aroused the interest of the fastidious, and might now almost be classed as one of the fine arts. And in a garden there is scarcely anything that cannot be ornamented and rendered beautiful by an outlay of time, a little money and some trouble.

"You are nearer God's heart in a garden than anywhere else on earth". The love of gardening is indeed the purest of all human pleasures. It is refreshing and uplifts the jaded spirit of man. Is it not high time, then, that we took the good advice offered to us for our benefit and improvement and put them into practice? I suggest that we miss none of these golden opportunities, but seize them as and when they become available because "time lost is never regained", and "procrastination is the thief of time".

Transition Period in Agriculture.

Until the middle of the eighteenth century, medieval methods of agriculture were still in vogue, but the growth of the population demanded a sweeping change in these methods. During the next 200 years great advances were made in farming practice and knowledge.

Vegetable Foods.

There are various kinds of foods necessary to feed our bodies, but in this article I shall deal with only two food constituents, - proteins and vitamins - which we are able, and should, grow in our gardens. First of all I would point out that proteins are the principal tissue(flesh)-building materials, while vitamins are absolutely essential for nutrition and, without them, sickly conditions called deficiency will arise. A doctor of repute sometime ago made a statement to the effect that more than one-half of the chronic diseases which endanger the latter half of life are due to faults in the diet which could easily have been prevented. If one considers the large number of people who suffer from such ail-

ments as indigestion, malnutrition, etc. (ailments which are mostly due to wrong feeding habits) one realises how necessary it is that those who are responsible for the choice and preparation of food should at least know the elementary principles of Dietetics. These elementary principles are that if vegetables such as cabbages, tomatoes, carrots, spinach, beans, peas, potatoes and maize were planted in our gardens and made use of by us daily, we should be safe from the above-mentioned troubles. What I have noticed in many of the gardens of my fellow people is that 75, if not 100, per cent. of those gardens have been used exclusively for mealie crops, which shows that they have not yet realised the importance of vegetables, nor do they appreciate the value of flowers in beautifying their homes. We should keep abreast of the changing times, and make up our minds to apply modern principles to agriculture and gardening; this, after all, is a transition period and a time of radical change.

In itself, the growing of vegetables and flowers is one of the most fascinating of all past-times, and a profitable one, too. Moreover, despite modern facilities for getting fruit and vegetables to market, it may be taken as an incontrovertible fact that nothing purchased at a shop, store, or at market possesses the same freshness and delicacy of flavour as that which is taken direct from the garden for the table. No one can possibly appreciate the best in vegetables until he has learnt to grow them in his own garden.

B. MADIKWA,
Health Assistant,
HOWICK WEST.

HERE AND THERE

CLERMONT

"Children's Christmas Party at Clermont Clinic. Of all the events, there is none so happy and inspiring as that of Christmastide - the Children's festival. At that time the hearts of men and women are filled with a great desire to give happiness to children so that all may rejoice in celebrating the birth of Christ.

Sister von Puttkamer was amongst those who strove to attain this end. She was the organiser of the children's party held at the Clermont Clinic on January 6. The number of mothers and children who rolled up was very gratifying and quite beyond expectation. At first the children were somewhat subdued for the Clinic to them was associated only with inoculations, but it did not take them long to forget their fears - such is the magic of cakes, minerals, sweets and ICES! These the Nurses served amidst much glee and laughter.

Generous contributions are acknowledged from Mr. F. Ngema, £10; Toc H, £2; Mr. I. Alexander, 95 lbs. sweets, and the Local Health Commission, £5. Thank you all!

May 1953 bring you happiness and prosperity, and may we meet again in the same spirit next time.

* * *

"Umgeni Ward Children's Christmas Tree. It has become a tradition for residents of Umgeni Ward to celebrate their Christmas festivities on New Year's Day. And so again this year the Children's Christmas Tree was held at Fannin School on that day. This festivity is held for all the residents of Umgeni Ward, irrespective of their church leanings, whilst other parties in the Area are organised by one church or another for their particular congregations.

The sponsors were Messrs. R. S. Mtshali, Shangase, Phakathi and Sithole, who are to be congratulated on the success of the party.

Rev. A. Khumalo, of the Presbyterian Church, said it was an honour for him to officiate at an undenominational function as that in itself indicated that there was a peaceful understanding between the churches and was in accordance with the Christmas message that there should be 'Peace on earth and goodwill towards men'.

The Christmas Tree, sparkling with decorations, was the centre of attraction whilst tables nearby bent under the weight of presents. Mr. Phakathi was the master of ceremonies and kept things going with a swing. Music was rendered by the Drapo Sisters, Dudu Dark Kids, Morning Stars and Sea Blue Birds. Mrs. Mtshali and Mrs. Mseleku, assisted by a band of

helpers, served the refreshments.

Thank you all for your kindness to the children.

*

"Boys' Brigade - First Clermont Company.

Ever since the formation of the 1st Clermont Company of the Boys' Brigade three years ago, there has been a crying need for band instruments to make the Company what it ought to be. However, the lack of these instruments did not daunt the leaders of the organisation nor discourage the recruits. Instead, they grew from strength to strength and carried on with the hope of achieving their goal. This hope has now been realised.

Mr. I. P. Seitisho informs us that Mr. F.P. Ngema, of the B.B.S. at Clermont, has presented the 1st Clermont Company with a set of brand-new band instruments, and he wishes to place on record, on behalf of the Company, his colleagues and himself, their gratitude to Mr. Ngema for his magnificent gesture.

The public of Clermont, in its joy and gratitude for this donation, acclaims Mr. Ngema the 'hero of charity'. Mr. Ngema's kindly act is proof that kindness is the sunshine on which virtue grows.

The band instruments were for-

mally handed over to the Company on the 28th December at a well-attended function held in the Christ-ianenburg Hall. Mr. H. S. Mtetwa was in the Chair.

Mr. H. W. Mdhlozini's choir rendered musical items, and speeches were made by Rev. P. M. Yeni, Mr. S. P. Mtshingila and Mrs. Yeni.

The 2nd Durban Band, accompanied by Capt. J. S. Gwegweni, attended the ceremony.

Before handing over the instruments, Mr. Ngema was asked to say a word of encouragement to the boys. He said, amongst other things, that he had not thought of buying these band instruments just as a present from a rich man who had lots of money, but he had acted purely for the betterment of the African people. He told the boys that in order to become great men they should (1) avoid gambling; (2) Avoid intoxicating drinks; (3) Be thrifty and save money; (4) Beware of newly-

hatched, unfledged comrades.

After the speeches, Mrs. J. Yeni was asked to receive the instruments from Mr. Ngema, which she graciously handed to the Sergeant of the Company and they were then blessed by Rev. Yeni. Mr. B. D. Kunene thanked Mr. Ngema on behalf of the Company, after which the Band played a selection of items.

LOCAL HEALTH COMMISSION

VACANCIES FOR NON-EUROPEAN SPOTTERS
Public Health Areas of EDENDALE AND
DISTRICT. CLERMONT. CAVENDISH A N D
MHLATUZANA and MIDLANDS REGION.

APPLICATIONS are invited from suitable persons for permanent positions as BUILDING SPOTTERS in the above areas.

The salaries attaching to the positions are £126 per annum for Grade I Spotters and £102 per annum for Grade II Spotters, plus cost-of-living allowance at present being paid. Any appointment will be subject to the Commission's Conditions of Service.

Applicants for both Grades should possess:-

- (a) A sound knowledge and ability to peg out sites for new inferior-type houses;
- (b) The ability to read and write reasonably well;
- (c) A knowledge of the Area concerned;
- (d) A sound knowledge of Zulu.

Applicants for Grade I position should also have had experience in controlling Non-European workers and be persons of good standing in the Area.

Applications, in sealed envelopes marked "Applications for Building Spotter" will be received by the undersigned until noon, 5th MARCH, 1953.

D. R. DONALDSON,
SECRETARY.

The Secretary,
Local Health Commission,
195, Longmarket Street,
PIETERMARITZBURG.

The mothers, who had been watching their sons proudly and did not suspect that they could extract a sound from the instruments, raised so great a ululation that the Band itself was almost silenced.

After the function the two bands paraded the streets of Clermont and drew large crowds of spectators. Thus ended a perfect day.

The Clermont Township (Pty.) Limited generously donated £10/10/- towards the purchase of certain items of uniform. The Company is now fairly well equipped though not completely. The uniforms are very expensive.

We wish to place on record our thanks to both Mr. Ngema and the Clermont Township (Pty.) Limited for these handsome donations.

We congratulate the 1st Company on their good fortune and trust that they will show their gratitude by putting their best effort into their Company and by living up to Mr. Ngema's words of wisdom."

P. B. KHUMALO.

WASBANK

"Nearly 400 children from Hlathikhulu, Wasbank, Tholeni, Sondoda and other places attended a children's Christmas Party at Evansdale Mission, arranged by the Rev. N. M. Nomvete. This is the second Sunday School Christmas party to have been organised here. A number of parents from various centres attended. The Boys' Brigade (all the way from Durban!) led by Mr. J. S. Godweni, paraded at the school grounds. The Brigade was met at the Wasbank station by the Rev. N. M. Nomvete. The spectators were delighted with the ceremonial marching and enthusiasm ran high. The Boys' Brigade at Evansdale was led by the Evangelist Ndhlovu. This group is still in its infancy and did remarkably well. They were later presented with hats by Mrs. College, of Dundee.

The most exciting feature of the party for the children was, of course, the arrival of Father Christmas (Rev. College) laden with boxes of toys. The Wasbank

Government School choir, conducted by Mr. C. B. Khanyile and the Evansdale Church Choir, conducted by the Rev. N. M. Nomvete, rendered good music. After the party there was the showing of a film at the hall at Granby Estates.

Amongst those at the party were seen : Messrs. Charles Xala, Jacob Mathunjwa, Zondi, T. F. Mngadi, Sonny Hayward; Mesdames. Evelyn Xala, Beauty Khoza, Norah Ntuli, A. Majozi, Girlie Xala, Emma Myaka, M. Sibisi, C. B. Khanyile, Rose Khoza and others.

* *

"Mr. Tom Dlamini, a first-year medical student in Durban, spent part of his Christmas holidays with his family at Ruigtefontein. He has since returned to College.

* *

"Mr. Bernard Zondi, B.Sc. (Hygiene), now with the Health Training Centre, Durban, has been home on leave.

* *

"Elliott Mtinkulu (S. A. P., Ladysmith) spent part of his annual leave at Wasbank with relatives, the remainder he is spending in Durban. He was interested in the copies of Ikhwezi given him by his brother, Baxter.

* *

"Mr. Elias Zwane of the S. A. P., Dundee, has returned after spending an enjoyable holiday with his family at Ruigtefontein.

* *

"We are pleased to report the recovery of Mr. Charles Xala who has been on the sick list for the past few months. He wishes to thank all those who were kind enough to visit him during that time, especially Mr. and Mrs. Macingwane (Clarkebury, C.P.); Mr. S. Mzondeki (Kimberley) and Miss Faith Maya (Student, Ixopo Coloured School).

* *

"Mr. and Mrs. Shabangu of St. Augustine's, Zululand, were the guests of Mr. Charles Xala and his daughter, Girlie.

* *

helpers, served the refreshments.

Thank you all for your kindness to the children.

*

"Boys' Brigade -
First Clermont
Company.

Ever since the formation of the 1st Clermont Company of the Boys' Brigade three years ago, there has been a crying need for band instruments to make the Company what it ought to be. However, the lack of these instruments did not daunt the leaders of the organisation nor discourage the recruits. Instead, they grew from strength to strength and carried on with the hope of achieving their goal. This hope has now been realised.

Mr. I. P. Seitisho informs us that Mr. F.P. Ngema, of the B.B.S. at Clermont, has presented the 1st Clermont Company with a set of brand-new band instruments, and he wishes to place on record, on behalf of the Company, his colleagues and himself, their gratitude to Mr. Ngema for his magnificent gesture.

The public of Clermont, in its joy and gratitude for this donation, acclaims Mr. Ngema the 'hero of charity'. Mr. Ngema's kindly act is proof that kindness is the sunshine on which virtue grows.

The band instruments were for-

mally handed over to the Company on the 28th December at a well-attended function held in the Christianenburg Hall. Mr. H. S. Mtetwa was in the Chair.

Mr. H. W. Mdhlozini's choir rendered musical items, and speeches were made by Rev. P. M. Yeni, Mr. S. P. Mtshingila and Mrs. Yeni.

The 2nd Durban Band, accompanied by Capt. J. S. Gwegweni, attended the ceremony.

Before handing over the instruments, Mr. Ngema was asked to say a word of encouragement to the boys. He said, amongst other things, that he had not thought of buying these band instruments just as a present from a rich man who had lots of money, but he had acted purely for the betterment of the African people. He told the boys that in order to become great men they should (1) avoid gambling; (2) Avoid intoxicating drinks; (3) Be thrifty and save money; (4) Beware of newly-hatched, unfledged comrades.

After the speeches, Mrs. J. Yeni was asked to receive the instruments from Mr. Ngema, which she graciously handed to the Sergeant of the Company and they were then blessed by Rev. Yeni. Mr. B. D. Kunene thanked Mr. Ngema on behalf of the Company, after which the Band played a selection of items.

LOCAL HEALTH COMMISSION

VACANCIES FOR NON-EUROPEAN SPOTTERS Public Health Areas of EDENDALE AND DISTRICT, CLERMONT, CAVENDISH A N D MHLATUZANA and MIDLANDS REGION.

APPLICATIONS are invited from suitable persons for permanent positions as BUILDING SPOTTERS in the above areas.

The salaries attaching to the positions are £126 per annum for Grade I Spotters and £102 per annum for Grade II Spotters, plus cost-of-living allowance at present being paid. Any appointment will be subject to the Commission's Conditions of Service.

Applicants for both Grades should possess:-

- (a) A sound knowledge and ability to peg out sites for new inferior-type houses;
- (b) The ability to read and write reasonably well;
- (c) A knowledge of the Area concerned;
- (d) A sound knowledge of Zulu.

Applicants for Grade I position should also have had experience in controlling Non-European workers and be persons of good standing in the Area.

Applications, in sealed envelopes marked "Applications for Building Spotter" will be received by the undersigned until noon, 5th MARCH, 1953.

D. R. DONALDSON,
SECRETARY.

The Secretary,
Local Health Commission,
195, Longmarket Street,
PIETERMARITZBURG.

Most people in Public Health Areas are reasonable and co-operative, though of course we all like being just a little difficult at the start, if only to show our natural independence! Then (being reasonable souls) we toe the line.

When one looks back over the last eight years in Edendale, and remembers the old "teething" troubles, it is pleasurable to note the different attitude that has developed towards control. The co-operative attitude of new areas such as Howick West and Hollingwood (to name but two), is also most encouraging.

For the benefit of residents of newer Areas, next month's article will deal with house-plan facilities provided by the Commission for the convenience of the Public.

S. NEWMARK.

* * * *

YOU AND YOUR GARDEN

PART II

Before we leave the design and planning of the garden, I would suggest you do something about the boundary fences, and the entrance to your garden.

A well-kept hedge around your property is much more attractive than a wire fence and it affords a certain amount of privacy. Nevertheless, I would suggest you erect a fence in the first instance to keep out marauding cattle, etc.; it gives you a sense of security, and saves a lot of argument with your neighbours as to your boundary line.

I would suggest you dig a trench close to your fence, about the width of a spade cut and, say, fifteen to eighteen inches in depth. Then place in the bottom

of this trench some of that rubbish you have cleared from the plot, no matter if it has rotted. Fill the trench to within six inches of the top with this and trample it down. Replace all the soil which will now form a mound, but in a matter of a few weeks will settle down to the normal level again.

The Abelia Floribunda, to my mind, makes one of the most attractive hedges; it is comparatively quick-growing and is ever-green. Other suitable hedge plants are Spiraea (May), Cupressus Macrocarpa, Eugenia, Ligustrum (Privet) and Pyracantha. All of these species can be seen growing around the Works' Depot at Edendale and at Ashdown.

Before planting the hedge, water the trench well for a day or two beforehand then make holes in the trench at a distance of 18 inches apart; place your hedge plants in the holes and re-fill with soil; tread the earth around the plant well - this is very important, and will counter-act any movements by wind; water your hedge well once a week.

To complete your layout, a few shrubs and a shady tree or two according to the size of your ground should be sufficient. I would not advise the planting of these until early spring, unless you purchase your trees in tins, in which case they can be removed from the tin intact with soil. Don't buy a tree for 7/6d. and then sacrifice it for a sixpenny tin! - Cut the tin away from the tree.

Now just a few words about your entrance. The rough sketch I have shown here should be a



guide to what is necessary, with variations to taste. This could be erected at very little cost, from wattle poles, a few pieces of plank and a little paint.

A neat path leading from the gateway to the house should practically complete the design of your garden, and you should be well pleased with the results of your labours, of which the harder part is over, but remember that the constant care goes on for ever.

(Our contributor has very kindly offered to give advice and to answer any questions on this subject which readers might like to ask. Anyone wishing to avail himself of this excellent opportunity should address his request to the Editors, P. O. Box 416, Maritzburg, before the 7th of each month to ensure a reply in that month's issue of Ikhwezi. - The Editors.)

* * * *

PERCUSSION BANDS IN EDEIDALE

Few people in and around Pietermaritzburg know of the percussion bands which have been introduced into two of the Edendale Welfare Society Nursery Schools. Percussion Band playing, to the casual observer, appears to be a pleasant form of amusement for little children; but it is far more than this. Musical instruments, and not cheap toys, are used, and the children are encouraged to "make music" and not just noise. This makes for control in the small child, as he cannot play the instruments as and when he wishes, but must be a member of the band as a whole. Then, too, he realises that music is a series of rhythms and this cannot be too firmly stressed, particularly in the African child.

The African child has, as part of his heritage, a very strong and marked sense of rhythm and the percussion band gives him full scope for fostering this. I should like here to tell a story of the introduction of the band at the Plessislaer Nursery School.

Neither teachers nor pupils had ever seen or heard a percussion band, and it was suggested that the instruments be handed to the children to allow them to examine them before the actual instruction began. Within five minutes, with no word from any adult, the band was in full swing! As the children's ages ranged from two to five years, this was an incredible feat. Since that day the band has never looked back.

After a few months of instruction, it was decided to introduce conducting - a section of band-work which is difficult for any child, no matter what age. To our great amazement we did not have to train any particular child, but found at least six who were able to conduct the band with the greatest ease! At the end of last year we had a two-year-old girl taking over the conducting, and handling the baton with the precision of a concert hall artiste. As most children under the age of ten in any race find it difficult to control a band, especially keeping the strong beat in correct time, this little girl is quite outstanding, and we have several others like her.

The teachers at Plessislaer, and at the Ashdown Nursery School - where a band has been introduced as well - have been keenly interested and are now largely running the bands themselves. The joy of the children is a sight well worth seeing and they look forward to their weekly band lessons with great zest.

We have had many visitors to the schools and they have all been most impressed with the band, and more particularly with the control of the children and their ability to deal with the handling of difficult instruments. A little while ago a representative from Paxtons, a large music firm in London, visited the Plessislaer school and he expressed his amazement at the technique of the African children. He is an authority on percussion bands and during his travels over most of the globe, he has heard many bands, but has seen none to equal the Edendale ones, especially considering the youth of the children. He asked for photographs for the English musical press and these have been forwarded to him. We hope, at a

later date, to see these in such publications as "The Music Teacher", etc.

In conclusion, I would advocate the introduction of percussion bands into all African nursery schools. The African child is so advanced musically and rhythmically that it is a great pity more do not have the chance of this excellent musical activity. Let us hope that in the future all nursery schools will be equipped with band instruments. Anyone who has seen the band in action will have realised how much it is appreciated and enjoyed by all children.

M. ROBBINS.

The writer of the above article is a teacher of music at St. Mary's Government School, Pietermaritzburg, and has done a considerable amount of percussion band work in the last ten years. With another teacher, she trained a band for the Education Department's Centenary Concert.

About four years' ago she visited Plessislaer Nursery School and was so impressed with the musical ability of the children that she asked if they had a percussion band and when told that they had not, she set about getting sufficient money, through public subscription, to start one. From then on the percussion band was an established fact and went from strength to strength until they were able to collect sufficient money to give to a band for Ashdown Nursery School!

In the very near future Miss Robbins is hoping to get a band in full swing at the Siyamu School which is largely financed and run by the Edendale Welfare Society. She is an active member of this Society and of the Nursery Schools Committee.

* * *

THE Y.M.C.A. IN EDENDALE

I see that for several months now I have been promising you news, in your next issue on Ikhwezi, of the African Assistant to the Social Worker at Edendale. Again this month I am afraid I am going to have to disappoint you. However, we are getting a little nearer to making this appointment. Applicants will have been interviewed by the time you get this number of Ikhwezi and the most promising person will have been taken on to the Y.M.C.A.'s staff. I will give you further details of the appointment in next month's issue. One thing is certain and that is that from now on we will be able to expand the scope of our work, particularly insofar as our activities for adults are concerned.

BOXING: Last month we didn't even mention boxing in our monthly news-bulletin but we will be making up for it this month. The reason is that the Y.M.C.A. Boxing Club will be putting on its first Tournament in Edendale early in April. Since Christmas there has been a tremendous increase in the number of members and in their enthusiasm. The result is that we are now able to stage a tournament and hope to put on about eight bouts. Only members of the Y.M.C.A. will take place and the tournament is being held as much with the idea of giving them experience as anything else. It will be held in the Y.M.C.A. Hall at Mafikisa, probably in the second week in April. Keep your eyes open for posters announcing this event. A small admission fee will be charged.

SCHOOLS' SPORTS: The Y.M.C.A. League has started again and the first afternoon matches took place on Friday, March 6th. These were between Edendale and Esigodini and the results were as follows:-

A Division: Basket Ball.
Esigodini 10 Edendale 10.

B Division: Basket Ball.
Edendale 7 Esigodini 31.
Football.
Edendale 0 Esigodini 1.

C Division: Basket Ball.
Edendale 9 Esigodini 3
Football.
Edendale 1 Esigodini 1

D Division: Basket Ball.
Edendale 7 Esigodini 17

D Division: Football.
Edendale 3 Esigodini 1.

PETER BROWN.

* * *

LETTERS TO THE EDITOR

Howick West.

Dear Sir,

We had a meeting on January 3 regarding the establishment of an Advisory Board. I have not detected any signs of activity on the part of those members who were delegated certain work for the formation of this Board. Well, friends, wake up! Hold another meeting, and elect other members who can be more effective in getting this Advisory Board into full working order. Don't speak "behind the curtain", but be really helpful by coming forward and expressing your opinions and ideas.

Remember, always, "Unity is strength".

Anyone seeking further information, please write to the undersigned.

D. SOOKDHEW.

* * *

OPEN LETTER TO HOWICK INDIAN SPORTSMEN.

One Sunday I went to watch a match played between two local teams in Howick. I reflected that it was not much use the local teams playing only amongst themselves because they have unnecessary troubles. My opinion is that we should have a good selection of soccerites. Then we can challenge outside teams to play here and could look forward to a decent and interesting return match away from home. Don't you welcome the idea of a few new faces in your town?

Well, comrades, there is not much use in being a professional player in your own town; try and travel out to some other districts and show your skill abroad!

Try your utmost to do something for your town.

D. SOOKDHEW.

* * *



Umqulu 4 Nembe 3 Lilungiswe lasakazwayiKhomishani MARCH 1953
195 Longmarket Street, Maritzburg.

INCWADI KUBAFUNDI BETHU

EZINHLIZIYWENI zabantu bonke kukhona inhlansi yokumthanda umuntu okungathi ngoba izinto zilukhuni abese ephela amandhla. Sonke siyamthanda umuntu othi uma esephethe into ayiphathe aze ayiphethe. Kuyenzekake kulomshudulo ukuba abanye bahluleke endleleni badikibale. Bangayiqedi indima ababezimisele ukuyilima. Kanti bakhona okuthi noma sekulukhuni kwale ukuba bayeke into bengayiphetanga.

Kubonakala kakhulu emjwahweni lokhu okuye kuthi uma umuntu esesele yedwa emuva omunye ashiye phansi angabe esagijima. Omunye noma esesele yedwa kodwa agijime noma sekunjalo aze ayofika emgomeni. Nasempilweni yethu kunjalo. Kuyafika ukuba sethembeke kulabo abasethembile siyenze into size siyiphethe noma ilukhuni. Sethembeke ezimiselweni zethu. Ngenye inkathi kufike ukuba sisimze sidikibale-nje silahle phansi konke.

Akesibheke ezindaweni zeKhomishani sibone labo abangakwazi ukubekezela. Kukhona abavumayo ukukhethwa babengamalungu amaBhodi kodwa kuthi emuva kwokushiseka kwokuqala uyambona umuntu usedikibala. Kuhambe kuhambe uyambona kasabonwa nokubonwa emihlanganweni yeBhodi. Usekhathele endleleni. Kasayit nakwowodwa umhlangano weBhodi nowamaKomidi. Usahlulekile ukubekezela aze ayiqede induma azimisele yona.

NasemaKilabhini abesifazana kunjalo. Angene urname kusaqalwa, athole imifino emihle abonge ancincize. Kuyasuka lapho useyakhathala usesho no-

kusho ukuthi imifino leyo ibiza kakhulu kayinihle. Kuphela njalo useyadikibala. Kasabonwa ekilabhini. Kasasekeli nemizamo yokuba ikilabhu lakhe likhule liqine. Usephelelwa yisimilo sokubekezela. Usentshinga phansi konke.

Abesifazana nabesilisa bangena amakilabhu emidlalo nawokuzithokozisa. Bakhuthale kabi kusukwa phansi. Emuva kwesikhathi uyezwa sebeka imbiba bebika ibuzi. Besola ikilabhu besola umphathi besola izinto abazisebenzisayo. Sebeqala ukungezi sebedikibala njalo. Befadalala endleleni kasikho isimilo sokubekezela kubona.

Kuningi esingakusho okufana nalokhu. Siyabazi abantu abanjalo Mhlawumbe nathi siyibona. Siyazi thina uqobo ingozi yabantu abangakwazi ukuzimisela entweni abazinikela kuyona. Kulula kubona ukuba bafuge phansi ukwethembeka kwabo.

Yisilingo lesi uma singasahluli esingabangela ukuba singabi nalusizo kubantu bakithi nasendaweni yakithi.

Yikholwa lempela okwathi seliqeda umsebenzi walo omuhle obabazekayo woluntu labuyekeza impilo yalo ngamazwi lawa : NGIWUQEDILE UMSEBENZI WAMI. NGILUGCINILE UKHOLO.

Abenu bempela,

ABAHLELI.

* * * * *

UBUWAZI NJE?

ukuba bathole imali yokusiza nabo.

* *

...UKUTHI abenhlango elwa nesifo esibi sesifuba babika inqubekela enkulu ngonyala ka1952. Isicelo salenhlango semali yokulwa nesifo lesi samukeleka kahle kakhulu. Imali yangena iwoleleka yafika ezi£470,000.

Nakhu esikucaphune ephepheni labo likaJanuary : Abezitimela baqoqa imali engama £3,211 enye izolandela. UMasipala waseGoli wanikela ngama Eka ayisithupha omhlabathi ukuba kumiswe indawo yokusiza abagulwayo yisifo leso. Umasipala waseKrugersdorp wavuma nemali engama £2,500 iminyaka emihlanu enika inhlangano. Amandiya aseRoodepoort anikela ngekhulu lompondo. AbaseBloemfontein banikela ngama £2,563. EKoloni sebegoqe engaphezy kwezi £21,000 abelungu abantu £2,100. Amakhaladi aseWorcester asegoqe £479. Abantu abamnyama abayisi 7 benza ingoma emdlalweni wabantu bodwa

...UKUTHI izingane eziningi zamandiya kazikwazi ukufunda ngoba indawo ingekho ezikoleni yase inhlangano yothisha bamandiya base-Natal yayisukumela lendaba. Bazithelisa imali ethile emaholweni abo iminyaka emibili bakha isikhawama sokuba kwakhiwe izindlu zezikole lapho zidingeka khona bathola ngalendlela £6,250 baqonde ukuthola £25,000. Iyokhula lemali ngoba uHulumeni uyobeka upondo kuye wonke upondo onikelwe yibona. Amandiya wona wonke aqonde ukuqoqa £125,000 okuyakuthi ngompondo ngamunye kaHulumeni lemali ibe £300,000. (Lendatshana izezwe kuRace Relations News.)

* *

...UKUTHI UDr. M. R. Blair uke wathi ku eMgungundhlovu, wavela nasemahovisi eKhomishani kodwa wadabuka ukungabinasikhathi sokuyobona izihlobo eEdendale. Useneminyaka emihlanu eDr. Blair eseCape Town selukhu aashiye kaaKhomishani.

Manje usegudlulelwe eBloemfontein. Miningi iminyaka emihlanu kodwa u-Dr. Blair usakhumbula kahle ukukhinyabezeka kwemizamo yabempilo ezinsukwini zakugqala eKilinka elidala e-Edendale.

* * * *

IPHUTHA

Siyadabuka ukuba singabekanga endabeni kaMn. P. B. Khumalo ngenyanga edlulile ukuthi iKhomishani yanikela f10 kubafana laba. Kwabe kuqondwe ukuba lemali ithengele abafana okunye kwezinsimbi zokudlala kwathihe ngoba uMn. Ngema wabathengela zonke izinto zokudlala abafana imali lena yeKhomishani yase ithenga izigqoko nokunye kwenyunifomu yabafana.

* * * *

IMITHETHO YEZAKHIWO

Mhlawumbe abaningi benu bayadinga-nje ukuthi iKhomishani ihlushwa yini ilokhu ifuna ukwazi ukuthi ngizoyakhaphi noma kanjani indlu yami yodaka na?

Kwalani sizakhele-nje ngokuthanda kwethu singabiyelwa ngemithetho. Mhlawumbe nibuye nizophendule nithi iKhomishani ikwenza lokhu ichitha imali ngokungafanele isibiyela ngoba iqonde ukusibusa nokusicuphuluza.

Kanti kakunjalo neze!

Izimpendulo zemibuzo yenu zilula. Uma kwakhiwa noma iyiphi indlu yesitini noma yodaka noma okususa ukungcola kungesikhona okugculisayo nesimo sesakhiwo singavumelani nemithetho yeMpilo ingozi yokungcoliswa kwamanzi aphuzwayo nezifo eziningi ibancane. Nokwanda kwezifo kuyame kuphelele emizini leyo ngaminye. Izibi nokungcola kungabonakala kakhulu ngoba kungaqoqene ndawonye, umoya opholile ubemningi, noma isimo singebesihle ngokubabazekayo kodwa kayikho ingozi engenabela kumphakathi wonke.

Uma isimo esinje senabela phambili okusho ukuthi uma izindly zakhiwa zisondelana, zakhiwa emhlabathini emncane - ingozi empilweni iyakhula. Kuze kufike isikhathi laphe sekufanele abekhona ozokhalima isimo lesa - kufike isikhathi sokuba kumiswe imithetho eqondene - 3

nobuningi bezakhiwo noma eqondene nobuningi baBantu kuleyondawo.

Isikhathi esinjalo siyama ukufika ima ubuningi bezindlu zebuzenza zabangumuzi okungase kuthi uma uhlaselwa yisifo esithathe-lwanayo siwubhuqe-nya njengoba kwake kwenzeka ekuqaleni.

Yinhloso yokuvimbela ingozi enjalo nokuthuthukisa indawo eyabangela iKhomishani ibekhona futhi iqhube yenze ngalendlela eqhuba ngayo.

Onke amadolobha amakhulu anamuhla anemithetho eqondene nemihlaba nesimo nobuningi bezakhiwo kuyona, nokususa ukungcola, nokuletha amanzi nokunye, ukuvikela impilo enhle. UHulumeni obusa indawo leyo uyibhekela impilo yayo enhle njengomxali ebhekele izingane zakhe.

Maphake sizoxa ngohlangothi lunye kuphela lwemithetho yezakhiwo. IKhomishani yaqala ukulinga ukuthuthukisa ezindaweni zayo ngokuvumela kuphela izakhiwo eziqinileyo. Ngokuhamba kweminyaka kwabasobala ukuthi kufanele kubonelelwe ukuze kuthi noma ikwenza lokho kodwa bangakhinyabezeki kakhulu aBantu abangenawo amandla okwakha izindly eziqinileyo.

Ukuzwela lokhu enenzelwa khona yikuba nivunyelwe nakhe izindlu zodaka phansi kwemibandela ethile, imibandela elinga ngamandla onke ezakhiweni ezinhle. Ingeke iKhomishani iwavumele amavungu nanagogogo uma iqonde ukwenza umsebenzi wayo. Imithetho lena yezakhiwo iqonde intuthuko exombuluka kancane. Iyisimo senguguko eqonde ezakhiweni zempela eziqinileyo.

Labo benu abake bahlala ezindaweni ezibiyelwe ngemithetho bazovuma ngeqiniso ukuthi isimo senhlalo siyathuthuka, nokuthi imithetho yeKhomishani kayicindezeli kangako nokuthi izizathu ezibangela imithetho leyo zisobala.

Iningi laBantu ezindaweni zemithetho yeMpilo banemiqondo bayabambisana neKhomishani noma phela uma kusaqalwa baye bazabalaze ngoba phela kumnandi ukungabuswa kodwa ngokulibona iqiniso size sizimisele ukubambisana.

Uma sibheka emuva eminyakeni eyisi 8 edlulile eEdendale sikhumbula bonke ubuklungu bokumila amazinyo amasha njengasenganeni, kuyasithokozisa namuhla sesibona umoya omuhle esewukhona.

Umoya wokubambisana ezindaweni ezintsha zaseHowick West naseHollingwood (sishe ezimbili-nje) uya-khuthaza kakhulu.

Magondana naBantu abakhe ezindaweni ezintsha incwadi engizoyiloba ngenyanga ezayo iyoxoxa ngama-Pulani ezindlu namathuba avezwe yi-Khomishani ukusiza aBantu.

S. NEWMARK.

* * * *

JAPHA MALAPHAYA

EDENDALE.

"UKHISIMUSI. I-Edendale yabe yenze ukhisimusi ojwayelekile wabantwana bamaLungu eKilabhu yabesifazana ngo-December. Njengoba izingane eziningi zihamba ngokuvulwa kwezikole, kwabakhona isicelo esisheshayo samaLungu sokuthi lo) mkhosi kaKhisimusi kuhle wenziwe eqala uDecember, izikole zingakavalwa. Umkhosi walungiselelwa uNgqibelo womhlaka December 6, wenzelwa eHolo entsha, kwaba kuhle kakhulu. Umu. Shilton wanikela ngeHlahla elihle kakhulu lika Khisimusi; siyambonga. UBaba Khisimusi walonyala, kwaku ngu-Mnu Goodwin Mdunyelwa, uMsizi we-Mulo, owasebenza kahle kakhulu kulomsebenzi. Siyakubonga, Mnu. Goodwin Mdunyelwa, ngokusiza kulomkhosi.

Kwathokozisa ukubona abanengi bezile ngaleyomini kanti izulu lalilibi. Babebanengi abantwana ababengeba ngesango ababeziphethe kahle. Abaphathi bezitolo kulendawo nabaseNgungundhlovu bapha izingane amakhokhe, oSwidi, Nemenayidi no Agisi khilimu.

IKwaya yama 'Tiny Tots' yemukela imbuthano ngamaculo noMrs. Msimang unina kaMnu. Excell Msimang owabevela eGoli eze kuNdodana yakhe ngezinsuku sikaKhisimusi waba nenkulumo. Wagcizelela ngokuthi iKhomishani seyenze umsebenzi omkhulu ngokulungisa indawo yaseEdendale.

Umkhosi wabanempumelelo enkulu, izingane zajabula kakhulu sezemukela izipho ezinhle eHlahleni likaKhisimusi.

Sabanentokozo enkulu ngokubakhona kukaMnu. no Nkk. Clementz,

Mrs. Allsopp noMrs. J. Hollins, u-Nobhala weNatal Anti-T.B. Association benathi kulomkhosi.

* *

"UMKHOSI ENKUNDLENI YASE-ASHDOWN. Enkundleni yemidlalo yaseAshdown izingane zibanomkhosi minyaka yonke, ngalonyaka umkhosi waba ngolwesiHlanu, January 23, khona eNkundleni. Izulu lalilihle, umkhosi wenzelwa obala. Izingane zaphiwa amakhokhe, oSwidi, oNemenayidi nezipho ezincane iyinye.

UNkk. Grace Mnguni waculisa izingane amaculo amathathu, asithokozisa 'sabanokujabula impela. Kwakukhona futhi umjaho wezingane, owaba nentokoziso enkulu. Wonke umuntu wabanentambama ejabulisayo.

CLERMONT

"UMBIKO. Sidabuka ukubika ukufika ngokuzuma kuka Nkk. Grace Mhlongo ngoJanuary 2 kwaKhangela esibhedlela. Walondolozwa emathuneni ase-Berlin Mission eClermont. Umngcwabo Umngcwabo uphethwe nguMfu. Madondo. U)Grace wabenothando enabazukulu abane ababethembele kuyena emhlabeni. Noma wabeseekhulile ubudala bakhe kabuvimbela ukusebenzela abantwana bakhe. Wabesebenzela iKhomishani eClermont. Siyabezwe abantabakhe nabazukulu.

* *

"ABAGQWKWZI. Baggekeze amaHhovisi kaMnu. Ngema wamaBhasi beba amakhulu-khulu ompondo ngo-New Year. Sebeboshiwe okusolelwa kubona.

Isikole sase-Fannin sibuye saggekezwa futhi, zisayaliwe izikole. Bangena ngoshova emnyango. OkwesiBili lokhu ngawo lonyaka.

* *

"UKUBUNGAZANA. Usebuyele emsebenzini weKhomishani uMnu. I. P. Seitisho emuva kwokuhlaba ilifa eminceleni yaseFree State ethokoza nomuzi wakhe nezihlobo. Wathokoza ngangoba uma kwabe kuthiwe kasebenze khona lapho ngabe kabuyanga laph-eNatal.

* *

"U-Nurse Ida Mbukwana wakwa-Khangela esibhedlela osesigabeni sezigulana lapha useyasebenza futhi emuva kwokuphola inyanga wayeban-

jelwe nguNurse Winnie Mtshali. Kwasithokozisa ukubona isimilo sika Nurse Mtshali ayebatshazwa ngaso lapha esasebenza iminyaka embili engakayi kwaKhangela Sibhedlela. Useyikhona lokho.

* *

Siyathokoza ukubika ukuthi uMn. K. S. Mangelé usephumile esibhedlela kwaKhangela useyatotoba.

* *

ABAZELWEYO. Sibongela uMnu. noNkk. Bond ngendodakazi abaphiwe yona ngoJanuary. Ebonga lokho uMnu. Bond wapha isiTafu esiMnyama amakhhekhe noMamaneYidi. Siyambonga ngesenzo sothando esebongile nathi sithokoza kanye naye."

P. B. KHUMALO.

OCKERTS KRAAL

"Ukufa kwamuka ngokuzuma noNkk. Irene Mkhize (uMaGwala). Uthe lapho uMn. Mkhize ezibika ebandla amadoda awusingatha umsebenzi wakhe yena wahlala phansi. Ashabasheka amadoda ezimisele ukusiza owakubo. Ahlaba umkhosi enmpela abantu basabela. Nanka amadoda ayengamashoshozela M.P. Maeka, E. Kunene, P. Ngwenya, J. Mkhize. Ayibiza inhlangano ngokuthi nguMaphipha. Imali eyatholwa £10.11.

Kwaphinda futhi ukufa kwadlula nengane kwaNgcobo ngoJanuary 14, 1953, Imali yatholwa £1/1/1. Ngaye futhi uJanuary 27, 1953, kwaThomas kwalimala ingane futhi kwanikelwa £1/8/-. Uyasebenza uMaphipha esuka-nje. Kayimise sikhwama lenhlangano iyasiza-nje ngamandla okuzwana lowo aphonse anakho ngesikhathi leso sosizi.

Sizimisele ukusizana sonke. Funda abaseGalathiya 6 : 1 - 10. AbaseKorinte II : 3, 1 - 6."

E. S. KUNENE.

WASBANK

"UMBIKO. Ngemuva kwokugula isikhathi eside uNkk. Martha Mokoena kwamanela omzini wakhe eAssegai-kraal ngo March 9, walondolozwa emathuneni amasha aseWasbank. Kukhona abantu abaseduze kwama 200 emngcwabeni inkonzo iphethwe nguRev. A. Selepe wase Chruch e-

Dundee. Sizwelana nezintandane zakhe.

* *

UKUBUNGAZANA. UNkk. P. J. Nkosi okade sathi qu eGoli ubuye ebukeka ekwenhle impilo.

* *

IMIDLALO. Seyikhona imikhwazi ekhomba ukuvulwa kwemidlalo yebhola. Umhlangano wonyaka we-W. & D. A. F. A. wahlangana ngo-March 7. Kwakhethwa laba :

Banumzana C.B. Khanyile..President.
W. Gabuza..vice-President.
S.A. Nyandeni..Secretary
A. Shabangu.Asst. Secy.,
Simon V. Ntuli.Treasurer.
IsiGungu : P. K. Marhwa, P. Mbense,
J. J. J. Madela.

Sesibheke ngamehlo abomvu ukuba iqalwe imidlalo esethemba ukuthi iyohamba kahle namaClub ayesemukile abuye futhi.

* *

Nazi iziphathimandla zeClub esanda ukumiswa yama Home Defenders : Sonny A. Hayward (President/Treasurer), Paulos Ntuli (vice-President), P. B. Mtinkulu (Hon. Secretary), Peters J. Mathunjwa (Assistant Secretary), Isaiah Luvuno (Organiser).
IsiGungu : Petros K. Marhwa, D. R. Smith, Freddie Boodhoo, Billy Boodhoo.

* *

EDENDALE

Njengowokuzalwa nenkulelwane yaseEdendale ngifisa ukuloba phansi kwesihloko esithi ozaseEdendale ephepheni lakho. Ngiyabona ukuthi uSomkhanda ebhekile ukuthi ngubani ozothatha indawo yakhe ukuba avuse umuzi waseYideni njengoba yena esayekile ukuloba kulona Ikhwezi. Kunjaloke, Mnumzana ngiyayithatha inselele yakho, kodwa phela ungayeki ukulobela Ikhwezi uma uthola isikhathi. Siyawuthanda umqondo wakho namazwi akho anomqondo omuhle njalo sithole kuwona usizo.

* *

Sizwelana nomurwe wabakhi abaziwayo uMn. Mbele waseSkoonplaas eduze kwakaMachibise. Kunenkathi

ende egula uMn. Mbele esethemba ukuthi uzolulama masinyane. Abaningi bethu bangase bangamazi ngokumbona kodwa siyamazi ngokumbona engwaqweni uma sivela eThawini. Namuhla wakha indlu enhle kakhulu ebhekene nesitolo salwaMachibise Cash Store.

* *

"Sithakazela uMn. Ndaba onomuzi obehekene nongwaqo omusha eEdendale ovule indlu enhle yokuthengisela imithi yabantu. Yinhle lendly yakhe lendawo ingabukeka uma zinganda izakhiwo ezifananayo."

HOWICK WEST

"Sasinomhlangano lapho saxoxa ngokuphenjwa kweAdvisory Board lapha kodwa kasizwa lutho olwenziwayo yilabo abaphethe lomsebenzi. Ngeluleka abaphethe ukuba kukhethwe abanye abanothando kubizwe omunye umhlangano. Masingadlali ngesikhathi bakithi.

* *

"Badlali baseHowick qaphelani ukuba nidlale imidlalo yenu ngomoya omuhle. Ningadlali sengathi ninamagqubu. Nhlamazane. Njengoba sekuzoqala ibhola-nje sifisa sengathi lungavela umoya omuhle kubadlali ukuze nezihambeli zethu zingadumazeki. Nathi masihambe izindawo ezinye ukuze si-funde ukuziphatha kahle."

D. SOOKDHEW.

* * * *

AMA-BURSARY KU-BANTU

Emhlanganweni wamaBhodi ngo August 1952 kwacelwa ukuba kuhlo-lwe ukunikezwa kwama-Bursary kucelwe nezeluleko kwabaphetheyo Ophethe Imfundo eNatal usephendulile wathi useti imele kwikhomishani uhlu lwama-Bursary anganikwa abafundayo nawoThisha eNatal:

(a) AmaBhasari angama 50 lilinye lompondo abayi £18 kulabo abaphase uStd. 6 Higher ukuba bayofundela T4.

(b) AmaBhasari angama 40 ka£18 lilinye ukuba bayofundela uJ.C. abaphase Standard 6 Higher.

(c) AmaBhasari angama 20 ka£18 lilinye kulabo abaphase uJ.C. bayofundela uMatriculation.

(d) AmaBhasari angama 26 ka£18 lilinye kulabo abaphase uT4 noJ.C. ukuba baqhubeke noT3.

(g) AmaBhasari ayi 18 ka£18 lilinye kulabo abaphase uMatriculation Noma Senior Certificate ukuba bayofundela uT3.

(h) AmaBhasari angama 25 ukuba bayofundela unyaka ukulima eFort Cox othisha abathile abakhethiweyo.

(i) AmaBhasari ayishumi lika £18 lilinye ukuba bayofundela uNursery School.

(j) AmaBhasari ayisithupha ka £18 lilinye ngonyaka ukuba labo abaphase uJ.C. noma T4 bayofundela ikilasi lawothisha elifundisa amaarts and crafts.

IMITHETHO EYIMIBANDELA KUMABHASARI.

(i) Onke amaBhasari lawa aqeda iminyaka embibili kodwa angaphela ngonyaka wokugqala uma ebona Ophethe Imfundo. Ayosebenza kulabo abagculisayo ngokuziphatha nokusebenza.

(ii) Izinqumo ngawo s'Ophethe Imfundo singephikiswe.

(iii) Imali yamaBhasari iyonikwa ophethe isikole leso ayofunda kuso lowo.

AMANYE AMABHASARI.

(e) AmaBhasari angama 20 lika£18 lilinye ukuba othisha abakhethiwe asebefundise iminyaka embibili babuyele esikoleni.

(f) AmaBhasari angama 22 lika£18 lilinye ukuba abafunayo bayofundela ukubaza noma okwasendlini.

IMITHETHO EYIBANDELA KUMABHASARI.

(i) AmaBhasari lawa awonyaka kodwa angavuselelwa uma encoma Ophethe isikole.

(ii) Imali yawo iyonikwa Ophethe isikole leso afunda kuso lowo.

(iii) Othisha abafuna ukuwacela amaBhasari lawa mabacele amaFomu bagcwalise anikwe Ophethe Imfundo ngoSeptember 30 wonke unyaka.

(iv) Isinqumo s'Ophethe Imfundo kasiyukuphikiswa.

* * *

WENA NENGADI YAKHO

ISIGABA II

Singakadluli ekuhlelweni nase-lumisweni lwengadi ngithi kufanele ubheke uthango olubiyele umuzi wakho nolungenela engadini yakho.

Luhle kakhulu uthango olugcinwe kahle luzungeze umuzi wakho lwedlula ucingo ngoba lona lufihla umuzi wakho emehlweni. Kodwa qala ngocingo lwokuvimbela izinkomo nokunye futhi lukwenza ubenesibindi futhi ungalokhu wathethisana nomakhelwane bakho.

Yimba umsele eduzekwothango lwakho ububanzi bulingane ispade ushone amainshi ayi 15 noma 18 bese uthela kwona zonke izibi notshani obususe engadini noma sebubolile bese ubugcwalise bucishe buthi ngci ubunyathele bushone phansi. Fulela ngenhlabathi okuyakuthi ngemuva kwesikhathi umhlabathi uzinze.

Uthango lweAbelia Floribunda ekubukeni kwani luyabukeka impela futhi luhlala luluhlaza lukhula masinyane. Ezinye nazi Spiraea (May), Cupressus Macrocarpa, Eugenia Ligustrum (Privet) ne Pyracantha. Zonke lezi ningazibona othengweni lwama hovisi okusebenza aseshabhu alwaKhomishani eEdendale naseAshdown.

Ungakutshali uthango qala unethisele imsele kakhulu usuku noma ezimbili ungakutshali bese wenza imigodi emseleni uhlukane ama inshi ayi 18 faka izithombo emigodini, ugqwalise ngenhlabathi uyibhahtele impela eduze kwesithombo kufanele ukwenze lokho ukuvikela isithombo emoyeni nasemanzini. Kanye ngesonto thelela uthango lwakho.

Kuya ngobukhulu nendawo yakho utshale izihlahla ezimbalwa nemi-thi yomthunzi. Uyitshale ekuthwaseni kwehlobo uma ungazithenganga imithi yakho emathinini uma uyithengile ungayikhipha emathinini uyifake enhlabathini. Kodwa ungawuthengi umuthi ngo 7/6 bese uwulimaza ngethini lika 6d. Lisuse ithini esithombeni.

Nakhu okuncane ngesango elinganela engadini yakho. Bheka isifanekiso esikhomba okufanele ukwenze kuya ngokuthanda kwakho. Ungalenza ngezindleko ezincane ngezintingo zikawatela nepulangwe wlincane nangopende.

Ingabayinhle indlela encane esuka esangweni iya endlini yakho, uma sewukwenzile lokho uyothokoza ngomsebenzi owenzile ngoba sewudlulile okuyiwona wesindayo. Kodwa kufanele njalo uzinge uyibhekile.

(Umlobeli wethu uvumile ukweluleka nokuphendula imibuzo mayelana nezingadi. Ofunayo ukusebenzisa ithuba leli elihle kalobele Abahleli, P. O. Box 416, Maritzburg, ngaphambi kwosuku luka 7 enyangeni ukuze athole impendulo ngayo leyonyanga. - ABAAHLELI).

Y.M.C.A. E-EDENDALE.

Kade ngangethembisa ukuthi liyophuma Ikhwezi elizayo nendaba yalowoAmfika ozongisiza lapha esebenzini wami eEdendale. Nangayo lenyanga ngiyadabuka ngoba kanginibikeli lutho olujiyile. Kodwa sekuya khona ekubeni alithwe lomuntu. Niyoyifunda lena sesike sababona abafuna isikhundla lesi kukhethwe lowo oyogculisa kunabanye. Nginitshелеке ngenyanga ezayo ngokhethiweyo. Kusobala ukuthi kusukela manje sizoghubekela phambili nesikwenzayo lapha ikakhulu nokuqondene nabadala.

ISIBHAKELA : Kasikhulumanga lutho ngenyanga edlulile ngesibhakela nakhuکه namuhla sesivale isikhala leso. IClub yeY.M.C.A. ngenyanga kaApril izobe inempiliso swano yesibhakela. Kusukela Khisimusi bayanda abajoyinile futhi bayashisika. Okubangela ukuba sikwazi namuhla ukwenza lempikiswano, esethemba ukuthi kuyongcwekisana amqembu ayisi 8. Kuyodlala kuphela amalungu eY.M.C.A. owenzelwa wona lomdlalo ukuba ajwayele. Siyodlalela eholweni ensha yakwaKhomishani ePlessislaer. Lindani amaphephabika ngosuku lolo. Siyobiza imali encane emnyango.

IMIDLALO YEZIKOLE : Seyiqalile imidlalo yeLeague futhi ntambama

ABANTU EAFRIKA

Ngonyaka odlulile ngadabula elaseAfrika ngisuka eFrench Morocco ngiya eCairo ngisuka eCairo ngiya ezansi ngomqwapo omkhulu wasenyakatho ngehlela eSouth Africa. Ngahamba izinyanga eziyisithupha kulendlela kwangithokozisa ukubona futhi leliAfrika ngamanye amehlo ngoba kwabe sekuyisikhathi eside ngaligcina.

Labe linjani leliAfrika engalibona emuva kwokubona amadolobha aphucukile aseLondon elaseParis? Ngingathanda yini ukwakha kulona emuva kwokuzwa ubumnandi bempucuko kwamanye amadolobha? Nanso imibuzo eyangivelela kodwa ngazithola izimpendulo zayo endleleni yami.

Ngathi ukuba ngilubeke phansi unyawo lwami emhlabathini waseAfrika eTangier indawo eyingaba eyahlukile kodwa kungeyaseAfrika ngezwa egazini ukuthi iAfrika yikhaya kimina. Kuthe lapho sengiyishiya imizi ecinene yamaArab neyaseGiphithe ngabona ubuso obuhle obethembekile bababtu bomdabu ngezwa ngithokoza. Emuva kwokuhamba nokuhlala phakathi kwabantu abelungu namaArab imvama yabo abebekufihla abakuzwelayo kwaba yinto ekhulula umoya ukubona futhi amazinyo ahlekayo ngokusobala, ukuzwa abantu behleka kakhulu nokwazi abantu ababenza izinto ngokungafihli ngokungazinyezi.

Abantu bokuqala engafika kubona yisizwe esingaphucuki samaDinka aseningizimu neSudan. Sakhe osenkuni lomfula iNile phakathi ezihlanjeni. Kabevathi nolunci into leyo engithi ibalondela imali yabo ngezinsuku lezi zezinto ezibizayo. Into abazihlonisa ngayo kuphela yikuba baphice isikhumba samahlo ngaphezulu kwawo ukuba kubekhona amaghuqhuvana emyama ngenhla kwamahlo. Bakwenza lokho umuntu eseyingane.

Njengezizwe zamaAfrika eSouth Africa bayayithanda impana yomndeneni. Lapha esikebheni somfula iNile engabe ngihamba ngaso esithatha abantu abangama 43 abalimele kabi kulempi sabayisa esibhedlela sakwaHulumeni eMalakal amamayela angama 300. Isizwe lesi samaDinka ngesabantu abade kakhulu abajacile abanye babo bangazi lamaArab. Ziyanda izikole zabaFundisi neza kwaHulumeni ezibalethola ukwazi nemfundo afundile kubona sebeqalile ukuziphathela izinto zabo phansi kwesolamaNgisi.

Ngabantu abanomusa bangenzo wonke umusa bangihlinzeka ngezinkukhu namaqanda nangemifino nangobila emizini yabo. Izwe labo linothile utshani bude namahlathi nakkhulu agcwele izinyamazane. Siyobuya sizwe ngalendawo ngoba ingenye yezindawo ezinomhlabatho onothileyo eAfrika.

Kwalandela ukuba ngifinyelele kwesinye isizwe samaKikuyu okuyisona esisematheni namuhla ngezenzo zaso zobudlova. Labo baso abasenhla bangikhumbuza abakwaZulu. IMizimba yabo iyefana baqinile kabanalo igazi lamaArab elivanisile ezizweni ezisenyakatho noma ogwini lwaseMpumalanga. Ngezwa bekhluma izinhlamvu zamagama ziqothile kunezesiZulu olwamangalisa yikuthi amagama amathathu afana nelithi "Inyoni" nelithi "leta" asho kufanayo nesiZulu. Ngikholwa ukuthi izazi zezinhlobo zezizwe seza-kuhlola ukufana kwezilimi zaseKenya nezaseSouth Africa ukuthi kusuka lapho.

ETanganyika izwe elingaphucuki ngabona isizwe samaMasai, isizwe sempi. Sengathi impucuko kayikasinamatheli neze kasizifuni izevatho zabelungu, sethembele emkhontweni ukuba sithole ukudla ngawo. Sinomzimba omuhle ngokuqina. Singayisukela inyamazane ize ifumbeke phansi isikhathale. Singabazingeli bempela. Kodwa ekulimeni kufana nokuthi siqhanda inhlabathi okwenkukhu-nje ngoba inhlabathi yabo kayinohle, ukudlanamanzi kuyindlala.

Ngase ngiya kwelaseNyakatho neRhodesia elenile kakhulu, kulokho kwena uzinge ubona imizana emincane ezindaweni ezivulekile. Nakhona abantu sengathi uma belima baqhanda inhlabathi-nje. Bahlala bazungeze imifula ithi ingoma bese bema imigodi befuna amanzi. Kodwa ima wehlela ngaseningizimu ufica izwe elinotshani kowo omabili aseRhodesia abantu bomdabu bakhuthazwa ukulima kangcono ukuba bathole ukudla. Ngabona inqaba yombila olinywe ngabantu ngezwa kuthiwa abantu asebekwazi ukulima ngamsu amahle bathola izilimo ezinhle ngempela emasimini abo. Bathola nemali ekahle ngokudla kwabo abanye babo sebenezimotho zabo zokuthutha impahla nemishini yakulima.

Ngaze ngafinyelele kwelaseSouth Africa. Umahluko mkhulu kubantu bakhona nabaseNyakatho. Kulolonke laseNyakatho kabakho abantu abafana nabantu basendulo abanobuqoqo.

njengabantu abamnyama baseSouth Afrika. Ngabona eningini labo ukuzethemba kubaqhubi bamaLoli nakwabanye abasebenza emisenemzini abasondeza kubelungu. Umuntu waseSouth Afrika wazi kakhulu ngamazwe aphesheya, ugqoka kahle, sengathi unemali eningi kunabantu basenyakatho. Eginisweni usehambe kakhulu endleleni eqonde empilweni ensha esingakucabangi thina belungu ukuthi sekunjalo ngoba umahluko lona useduze kwethu.

Emazweni asenyakatho kuyenzeka ubone umuntu ofunde ngempela owake wayofunda phesheya eOxford noma eLondon University. Kodwa uquqaba lwabantu sengathi kalufundile neze. Basadla ngendala ngempela, bahlukile kubantu baseSouth Afrika iningi labo eselifundile noma bengafundi kodwa babonela kwabafundayo.

Kwangimangelisa njalo lokhu engikushoyo ukuthi ngemfundo nokwazi imishini umuntu waseSouth Afrika usethuthukile eya ekuzisindiseni kunabanye abantu kwamanye amazwe. Kwangikhuthaza lokhu okukhombisa ukuthi angase akwazi ukungena enkambweni ensha yempilo ngokushesha esingakubhekile ngalenkathi yenguquko elukhuni. Okokugcina. Ngithinta kwokugondene nobuntu. Ukuze ngifinyelele kuleli ngangethembeke ekubeni ngisizwe yizimotho zingethwale endleleni, uma ngicela. Imvama yazo ziqhutshwa ngabantu abamnyama. Yibona engabonana nabo kakhulu.

Wangihlaba umhxwele umusa wabo nokungihlinzeka. Bevamise noku-ngipha ukudla bengisiza endleleni yami benze ukuhamba kwami kwabalula. Phinde ngilahlekelwe wutho lwami, nokuba ngishaywe noma ngisongelwe phezu kwokuba ngabe ngihlala kwenye inkathi ezindaweni ezikude nemithetho nemibuso. Abantu abangaphucukile nabo uqobo isihambi basiphatha njen-goba iNgisi noma iFulenshi lingaphatha isihambi, ngenhlonipho.

Kusobala ukuthi sonke singabazalwane uma sesibheka ngaphansi kwesikhumba esadalwa ngaso.

"MADEVU".

* * *

Ikhwezi liyathokoza ukuveza lebcwadi eliyilotshelwe ngomsebenzi kaNkk. Allsopp osanda ukusiyeka isikundla sakhe kwiEdendale Welfare Society ukuba ahambele phesheya ayophumula.

UNKOSIKAZI ALLSOPP NEEDENDALE

UNkk. Allsopp waziwa ngabantu abangabalwa baseEdendale noma abanye babo bemazi ngokumbonela kude-nje. Bonke abamnyama noma bemazi noma bengamazi basizakala ngemisebenzi yakhe ayenza ekulendawo.

Kude lena ngawo 1941 nawo 1942 uNkk. Allsopp wayeilungu-nje lomhlango wabesifazana abamhlophe ababefisa ukulethela indawo yaseEdendale impilo enhle. Ngokuhamba kwesikhathi lelodlanzana lajiya labayiEdendale Welfare Society enamandla. Iminyaka ulandelayo uNkk. Allsopp wayekhethwa abenguSibhlalo wabo. Iminyaka ilandelayo elwela ukuba lendawo ithokoze iphile kangcono. Kwathi ngo 1952 iNkosi kaHulumeni wesiFunda yathi ngaye esidlangeleni ungumuntu owaphendula indawo yaseEdendale wayibhekisa phezu.

Bakhona abakhumbula iEdendale ngenkathi yayo iseyiMishani-nje. Bakhona nabayikhumbula seyabandwamidwa ngokusikwa kweziza zayo ngezindlela ezingahleliwe kahle nokwakha kwayo amavungu nokungcola kwayo, nobuswezi bayo nokuhlasekwa yizifo nobuqola, iEdendale okwathi ngo 1938 yabe seyaziwa emhlabeni wonke ukuthi ingcolile, inezifo, nokunokubala kwezimilo, lapho kwabe kufa izingane ngokwethusayo zisazalwa izifo zokulamba zidlangile. Basekhona nabazi iEdendale yanamuhla, ebuswa nguKhomishani inezindawo zesimanje ezinezakhiwo zesimanje ezingama 400 phezu kwegquma, neHole enkulu, nomuzi wezimpabanga, neKlinika epheleleyo, namabhilidi amasha akwaKhomishani, nezibane emigwaqweni namanzi amahle, nezikole eziningi zezingane ezincane, nesibhedlela esikhulu sakwaHulumeni wesiFunda, nezitolo ezinhle ezinkulu, iEdendale eseyicishe yakulahla konke okunokubezayo kwasendulo.

UNkk. Allsopp wenza imizamo emikhulu ukuguqula isimo seEdendale kulokho esabe siyikhona sibeyilokhu esiyikhona namuhla.

Ngo 1941 ingakangeni iKhomishani okwabe kubhekene nempilo lapha

yiklinika eyabe ihlala ngezinsuku ezithile iphethwe nguDokotela wakwaHulumeni. Kwabayibona labo bedlanzana labesifazana boletha uNesi wokuqala kulendawo, baqala indlu encane, bathenga impahla yokusebenza baqamba indawo yokusiza iziguli zingakayiswa ezibhedlela. Ngo 1943 banikeza umsebenzi lowo kwikhomishani okwathi ngenkathi yeshumi leminyaka yakugugula lokho okuncane kwabayileKlinika esiza abantu abayizi 40,000 minyaka yonke.

Into abayenza baguqula ukusebenza kwabo. Ngoba sebebonile ukuthi okugondene nempilo yabantu bangakuyekela kwikhomishani, bagebela manje emisebenzini egondene nenhlalakahle yabantu. IEdendale Welfare Society noSihlalo wayo onguNkk. Allsopp yavula isikole sokuqala sezingane ezincane zabantu ngo 1945. Ngo 1946 bavula umuzi was'EMuseni isiphephelo sabaphelelwe ngamandla bakithi. Ngo 1947 bastza ekuvulweni kwesikole sesibili sezingane ezincane nesikole sawothisha abafundela ukufundisa izingane ezincane. Kwathi ngo 1948 bavula esizingane ezincane eAshdown. Ngo 1951 baqala amaKilasi okufundela ukubaza kulendawo. Ngo 1951 banikela izi £1,700 ekwaxhiweni kwendlu yeHolo. Manje sebegonde ukuvula esinye isikole sezingane ezincane eHenryville.

Nansoke indaba esobala yokusebenza kwalenhlango. Kodwa ingeke iphelele lendaba uma singavezi obala isibindi nokuzidela kwalaba okwabangelakwenziwe konke lokhu. Kulaphake kuvela obala ikhono nobuholi bempela bukaNkk. Allsopp. Kazibalwa izikhathi engumholi wayo lenhlango yenza izinto obese kusengathi zingeke zisaphumelela, ezabe zifungelwe ukuthi zingeke zilunge imali ingekho. Ezinye zazo kuthiwa kazikafaneli ukwenziwa ezinye kuthiwa, kakukafaneli neze zenziwe. Konke lokho kufane namanzi emhlane wedada ngoba uNkk. Allsopp enesibindi sokukholelwa entweni azimisele yona. Yena egabe kuphela ngezwi elithi-nje "uma kulungile lokhu esikufunayo kuzolandela okunye". Kuphela-nje. Yilenhlansi ikakhulu kunokunye okukuyena uNkk. Allsopp okwabangela uNkk. Allsopp kanye ne Edendale Welfare Society babenomfutho omangalisayo wokwenza izinto ezinkulu ngesikhathi esifushane.

Esemqoka njalo nakuwo umfutho lowo uNkk. Allsopp. Engakhathali neze uma kukhona okuthinta inhla-

lakahle yeEdendale. Yebo, umsebenzi wakhe omkhulu nosindayo wakhe ungukucela izimali, ukubonana naba-Busi nokusebenza nokusebenza naba-Komidi akhe ngemisebenzi yenhlango bokuxoxa njalo nabakhulu nenqwaba yezincwadi ayeziloba eziphendula eziqondene nawo umsebenzi wakhe. Kepha lomsebenzi omkhulu kangaka wawungandikibalisi ukuba angakwenzi okugondene nomuntu ngamunye ocela usizo kuyena ekhombisa nozwelano nabantu noma ephi lapho kukhona abakuntulayo ngezikhathi nangezindlela ezingeke zabalwa.

UNkk. Allsopp uyeke isikhundla sobuSihlalo benhlango nyakenye kodwa walekelela kuwona noNkk. Frank Collins kwaza kwaba yinyanga edlulile. Usevalelisile enhlango nweni useyakuphumula eNgilandi.

Uyavuma uNkk. Allsopp ukuthi ukusizwa yiKhomishani kwansiza ngokukhulu emsebenzini wakhe. Hle evaleliswa uNkk. Allsopp ngo February 13 uMn. T. M. Wadley uSihlalo weKhomishani waveza okunye ngoNkk. Allsopp uma ebonga umsebenzi.

Wakhe omkhulu awenzela abantu baseEdendale okwabangela ubelula lomsebenzi weKhomishani. Waqhubeka uMn. Wadley wathi : Ikhono lakhe lobuholi nokunquma ngesibindi namandla akhe awasebenzisa ngempela kulemisebenzi eminingi yenhlalakahle kulendawo yikhona okwabangela iphumelela. Kuningi kulendawo okuyohlala kukhomba imisebenzi yakhe njengesikhumbuzo nesiqu sakhe ugobo sobugotho siyohlala sisikhumbula njalo ngeminyaka ezayo siyakubonga konke akwenzile wakwenza kahle kangaka.

* * * * *

AMAVIYO EZINTO EZIKHOLO-ZAYC E EDENDALE.

Bayingcosana abantu abaziyo endaweni yaseMgungundhlovu ukuthi kukhona amaviyo ashaya izinto ezikhohlozayo aseqaliwe ezikoleni zezingane ezincane ezimbili zaseEdendale ngabe Edendale Welfare Society. Ukudlala izinto ezikhohlozayo kumuntu onganakile angabona kusamdalo-nje wokuthokoza izingane kanti ziyinto enkulu kunalokho. Kusetshenziswa izinto ngenpela ezikhlayo kakusiwona amathoyizi-nje abantwana bakhuthazwe ukuba benze izingoma bangasimze babange umsindo-nje. Lokhu kubangela ukuba ingane encane iqoqeke ngoba bayun-

yelwe adlale izinto lezi noma yinini ngokuthanda kwakhe, kufanele adlale kanye naban'nye kanye-kanye. Futhi ibone ukuthi ingoma yinto ebumbeneyo ezwanayo into okufanele igcizelelwe ezinganeni zabantu.

Ingane yomuntu ngokudalwa inozwela nokubumbana kwamazwi okuhlabelela izinto lezike ezidlalwayo zimenza ayikhuthaze lenhlansi. Ngifiza ukunitshela ukuthi yaqalwa kanjani lento esikoleni sasePlessislaer sezingane. Othisha nezingane nabagazange bazibone noma bezwe ngezinto lezi ezishaywayo zibewubukhohlokhohlo, kwathiwake izinto lezi azinikwe izingane kuqala ziziphathe zizibuke zingakaqali ukuzifunda. Ngenkathi yamaminithi amahlanu bengazange basho lutho abadala zase ziqalile izingane ukushaya. Njengoba ubudala bezingane babuphakathi kweminyaka embibili kuya kwemihlanu kwabayinto emangalisayo leyo. Kusukela mhla lokho iviyo lelo kalizange libheke emuva futhi.

Ngemuva kwezinyanga ezimbalwa befundiswa kwathiwa akuqalwe ozobahola into elukhuni leyo noma yikuyiphi ingane noma yayiphi intanga. Samangala ukuba singadingeki nokuba sifundise ingane ethile sabona sekuvela izingane eziyisithupha ezabe zikwazi ukuhola abashayi laba kahle kakhulu. Wathi uphela unyaka odlulile sabe sinengane nentombazana eneminyaka emibili seyihola abashayi bezinzimbi lezi induku lena yababhithisi iyibamba umunyu ingane. Izingane zoma ngezasiphi isizwe ezingaphansi kweminyaka eyishumi zikufica kuyinto elukhuni ukuhola iBhendi nokuyishayela amanoti lentombazana yadla ubhedu baningi abayifuzile lapha.

Othisha ePlessislaer naseAshdown Nursery School lapho amabhendi lawa ekhona bakuthokozela lokhu yibona asebeqhuba amabhendi lawa. Izingane ziwathokozela kakhulu ziwalangaza onke anasonto ima sekufike isikhathi sawo. Baningi abahambela izikole lezi abakuncomayo lokhukudlala nokuphathwa kwezingane nekhono lazo lokudlala izinto lezi ezilukhuni. Ngesikhashana esidlule kwafika isihambeli Ngilandi esikoleni sasePlessislaer samangaliswa wukwazi kwezingane. Uyisazi salwamabhendi uwezwa kulo lonke izwe lapho ehamba khona, uthi kayikho eyedlula lena wezingane zasePlessislaer ikakhulu uma ebuka ubudala bwazo....Wacela izithombe ayoziweza ephepheni leNgoma samthumela zona. Sethemba

ukuzibona sezivela ephepheni elifana nelithi, "The Music Teacher", etc.

Ngiphetha ngelithi ngiluleka ukuba aqalwe amabhendi kuzonke izikole zesingane ezincane zabantu. Izingane zabantu zinkwazi okukhulu kwendabuko kwengoma ngangoba kuyadumaza ukuba singasibenzisi kakhulu lelithuba lemitshingo efana nalena. Sethemba ukuthi zonke izikole lezi zizobanawo amabhendi lawa. Izingane ziwathanda kakhulu.

M. ROBBINS.

Umlobi walencwadi engenhla unguthisha wase St. Mary's Government School, usewusebenze kakhulu umsebenzi wamaBhendi kakhohlokhohlo kul'eminyaka edlule. Yena nomunye uthisha bafundise iBhendi, belifundisela abeKhonsethe leEducation Department Centenary.

Eminyakeni emine edlule wake wavakashela i-Plessislaer Nursery School, mhlaloko wakhangwa kakhulu wubugagu bezingane zakhona ngangoba waze wabuza ukuthi banalo yini iBhendi likakhohlokhohlo na? Kwathi ukuba atshelwe ukuthi kabanalo, wase uyaqala njalo ukuqoqa imali eyanele, eyicela kuwo wonke umuntu, ukuba kuphenjwe iBhendi. Kusukela ngaleso sikhathi iBhendi kakhohlokhohlo yabakhona ngempela, yaya iqina njalo, base babanemali eyanele ukuba kuphiwe neBhendi la se-Ashdown Nursery School.

UNKosazana Robbins wathomba ukuthi sekuseduze ukuba iBhendi yaseSiyamu Nursery School iphelele ngako konke kokudlala. Yonake ngemali yondliwe ikakhulu yinhlangano yeEdendale Welfare Society. Futhi uyilungu elikhuthele leKomiti yamaNursery Schools.

* * *

ngolwesihlanu March 6. Kwabe kugqhudelana iEdendale neEsigodini.
A. Division: Basket Ball - Esigodini 10, Edendale 10.
B. Division: Basket Ball - Edendale 7, Esigodini 31. Football: Edendale 0, Esigodini 1.
C. Division: Basket Ball - Edendale 9, Esigodini 3. Football - Edendale 1, Esigodini 1.
D. Division: Basket Ball - Edendale 7, Esigodini 7. Football - Edendale 3, Esigodini 1.

*

MAY, 1953

Vol. 4 No. 4

F I R



25th April, 1953, six schools met at Wasbank to play in the Lower Primary Soccer Tournament. The day was a success and the tournament was well managed. The matches began at 9 a.m., and the last match ended at 4 p.m.

Mr. S. S. Nyandeni totalled and checked the points, after which the President, Mr. A. J. Shabangu, announced the results as follows:-

1. THOLENI GOVERNMENT SCHOOL 11 pts.
2. Ruigtefontein Govt. School 9 "
3. Maria Ratschitz " " 7 "
4. Lyall Maran Govt. School 7 "
5. Wasbank Govt. School 6 "
6. St. Joseph's Govt.-aided " 3 "

Tholeni School won the Trophy which had been donated by Messrs. Mall (Pty.), Limited.

* * * *

Mr. T. M. Wadley, Chairman of the Local Health Commission, is on a short visit overseas, during which he will be privileged to be present in Westminster Abbey at the Coronation of Her Majesty Queen Elizabeth II - Colonel Short, Deputy Chairman of the Natal Housing Board, is acting temporarily as a member of the Commission while Mr. Wadley is away.

At a Commission meeting on the 15th May, 1953, Mr. J. C. Boshoff, Acting Chairman, said: "Before we start the business of the day, I should like to extend our welcome to Colonel Short as temporary member of this Commission. Colonel Short is the first Acting Commissioner ever to take his seat at a Commission meeting, so we can rightly regard the occasion as Historic! Though his period with us will only be a limited one, I trust that he will find it an interesting and fruitful time. On our side, I have no doubt that we shall benefit by his counsel, and his now wide experience of the other Statutory Bodies.

On behalf of the Commission, its Heads of Departments and its general staff, I wish Colonel Short every success in his new temporary office."

* * * *

IKIWEZI



Umqulu 4 Nembe 4 Lilungiswe lasakazwa yiKhomishani MAY 1953
195 Longmarket Street, Maritzburg.

UBCWADI KUBAFUNDI BETHU

KUKHONA izinhlobo ezimbili zabantu emhlabeni : labo ababuka izinto ngeso lokuzingabaza njalo nokuzibhekela okubi. Nalabo okuthi noma izinto zizimbi kodwa umuntu ahlale njalo phezu kwethemba lokuthi ziyobuya zilunge.

Kulomhlabathi okukhuni njengoba wonke ophila kuwona uyawuzwa ngempela ukuthi ulukhuni, singabanga ukuthi umuntu obuka izinto ngeso lokukhala nokusola njalo nguyena ohlakaniphile. Ngoba nathi siyazibona izinto zihamba kabi. Singeke sikubalekele lokho. Kodwa lokho kusho ukuthi umuntu ohlala ngokusola ufanele ukunconywa? Nathi sonke sifuze yena silibale wukusola singenzi lutho. Nathi kungabayinto enhle uma sonke sikholelwa eku-thini kakusizi lutho ukuzama?

Ngeminyaka engamakhulukhulu cyadlula izwe lakhonjiswa indlela yokubona izindlela ezahlukeneyo zem-pilo. Selulekwa ukuba Siyakubazi ngezithelo zabo. Ngokubona inqubo abahamba ngayo nezinto ezihamba ngayo. Kayikho enye indlela eyedlula leyo nana-muhla.

Siyazibuza ukuthi iyiphi indlela engcono nehla-kaniphile kunenye. Leyo yokwethembela kwokuhle naleyo yokulahla ithemba. Akasihlole ngayo len-dlela uma sibhekene nokuqondene nathi.

Singazibuza ukuthi umuntu ohlala ngokulahla i-themba wenzani yena. Lowo ohlala ngokwethemba wenzani yena.

Lowo ongenalo ithemba uthi engayenzi kube kade elilahlele ithemba ukuthi izophimelela. Abone no-kuthi kakusizi nokuyenza. Uma engumutu olahla ithemba kodwa ezama ayenze into leyo kodwa ayenze

eyingabaza, eyenza-nje ngoba ecabanga ukuthi kufanele ayenze. Kanti lokho-nje sekumkhubazile ngoba uyakholwa kuleyonto okufanele ayenze kodwa kakholwa ukuthi angayenza. Lokho kubangele ukuba angayizami ngokufanele. Ayenze engazethembile elahle ithemba, ezidlelile yena.

Uma shluleka njalo naye umoya wakhe uye ngokuya wonakala. Aze aphethe ngokucabanga ukuthi kayikho into okufanele umuntu ayizabalazele. Abese ehlala phansi esonga izindla aphenduke umthwalo omkhulu kubantu bakubo.

Akesibheke lowo onethemba lokuthi akwenzayo kuzophumelela. Uthi esuka phansi-nje abeshi-sheka efudumala ukuba ayenze leyonto. Ayenze ngenhliziyo yonke yakhe. Uma efikelwa yizikhubekiso anganaki kodwa abekezele ngoba uhlezi phezu kwethemba.

Zisobala izinto ezifana nalezi emhlabathini. Siyabona ukuthi umhlangothi waseU.N.O. kawunalo ithuba nempela njengawo omdala weLeague of Nations ngoba namuhla izinhliziyi zabantu sezilahle ithemba emuva kwezimpi ezimbili ezaliwayo. Kodwa siyabona ukuthi ngokwethembela kuNkulunkulu abafundi abayishumi nambili baliguqula izwe. Kodwa akesizifundise ngesikubona eduze kwethu.

Akesibheke izindawo zethu. Uma ziphumelela ngobani abaziphumelelisayo? Yilabo abangenalo ithemba nabahlala besola njalo noma yilabo abahlala ngethemba benesibindi noma behluleka. Uma siqhubela phambili kaniboni ukuthi bayimithwalo engakanani kithina labo bakithi abahlezi phansi besonge izindla ngoba belahle ithemba?

Emakhaya ethu nguba ni osiphilisayo...yilowo
ohlala ngokusola nokukhala noma yilowo ohlala
ngethemba nesibindi sokukholelwe entweni ayen-
zayo?

Ezimpilweni zethu uqobo. Singabantu abanjani uma sihlala phansi sisenge izandla noma ima sisukuma silinga ukuzenzela esikubona kufanele sikwenze?

Izimpendulo zisobala. Uma sizicabangisisa izimpendulo ukuthi sithini siyobona ukuthi kusekhona esingase sikwenze nathi.

Abenu beqiniso,

ABAHLELI.

UBUWAZI-NJE

...UKUTHI sekutholwe indlela yokufunda kwabayizimpumputhe abamnyama ngesiZulu nangesiXhosa ngokufunda ngeminwe ehlelwe kabusha ngo1952. Ukuze indlela isebenze ngesizulu kwadingeka kubalwe amagama ayizi 12,000 esiZulu okufanele igama ngalinye lihleshulwe libeyisinhlamvana ezincane. Omunye umsebenzi omkhulu obhekene nalabo abakhandaulimi lwezimpumputhe ezifunda

ngalo ngeminwe wukuthola imishini yokucindezela izincwadi ngamagama ebraille okuthi afundwa ngeminwe bese beqhubeka nokuhlelela abafunda isiSuthu saseTransvaal. Okuyisona kuphela kwesikole sezimpimputhe zangesibona abelungu yiAthlone School eCape esicindezelekile ngokungakho izincwadi zesinto ezicindezelwe ngamagama afundwa yizimpimputher ukuba sifundise ngesiNgisi

nesiBhunu.

*

...UKUTHI uMasipala waseGermiston wenze ingqala yokuba abenoDokotela omnyama elokishi lakhe laseNatal Spruit. Yingqala leyo nga yenziwa nguMbuso kuleli.

Lona nguDr. W. T. N. Phaleng osesebenze kwaMasipala izinyanga wziyi 18.

*

...UKUTHI emhlanganweni wokugcina weKomidi ebhekele inhlalo yeRace Relations Institute kwanqunywa ukuba kuhlolwe isimo sezinto mayelana namathuba ababelethayo babantu okuthiwa kawanele. Kufunwe okungenziwa Amahovisi alenhlango eGoli naseThekwini nase Cape Town aluphethe udaba lolu ukuze kutholakale imibhede nezibhedlela.

*

***UKUTHI oyinhloko yenhlango evimbela ubumpumputhe yabesifazana uMn. S. K. Wentworth wahamba ngo-March ukuyohlola inkasa yase Oliphants River lapho abantu abangama 900 bedinga usizo lwamehlo. Imotho lena esiza ezifweni zamehlo ihamba phakathi kwabantu inodokotela wamehlo noSister omhlophe noNurse womuntu.

Sebehlole abantu abayizi 1,300 kwaphumelela abangama 60 ekusizweni ezifweni zamehlo. Yaqala lemotho ngoOctober 1952 imali ithelwa ngeminikelo yabelungu. Waqala uMn. Wentworth ngokuhola izindawo zabantu ezingama 20 eNyunyani ingakafiki imotho lena. Lemotho iphethe nokufundisayo kubantu ngokubafundisa ezikoleni ngalolusizo.

*

***UKUTHI iKomidi ephethe udaba lwokudla kwezingane zabantu ezikoleni eGoli ikholelwa ekuthini abantu bayafuna ukuzisiza. Ngesizathu lesi baqale isu lezitembu ezibiza u3d sisinye esiyakuthengiswa kwabadala babantu ukuze kutholwe imali yokusiza ekudlelweni kwezingane. UFather Trevor Huddleston, C.R., uSihlalo wabaphethe lomsebenzi wathi uneqiniso lokuthi abantu bayozithenga izitembu ngo 3d sisinye ima betshelwa ukuthi sisinye siyokupha ingane ukudla.

*

***UKUTHI uDr. E. G. Malherbe oyinhloko yesikole esikhulu eNatal

University uthe uma benikwa iziqu nonyaka bonke abafundayo kuyolandeliswa ngokulandelana kwamagama abo uma bebziwa beyoklon-yeliswa. Phela kuqala kwabe kuqala ngabafundayo abamhlophe banikwe ezabo iziqu bese kulandela abangesibona abelungu. Lokho kwabanengisa abangesibona abelungu bathi bayakhethe ngebala labo ngakho bangayo okuyobekwa izwatho zeziqu zabo.

UDr. Malherbe uthe abafundayo bamandiya bayizi 174 babantu 46 bamakhaladi 10 abafundayo nje okungenesibona abelungu bangama 198.

* * * *

IZINDABA ZEKHOMISHANI

UKUPHATHWA KWEZAKHIWO

ISIGABA 2

INDINGAKALO yokuphatha izakhiwo yachachiswa esigabeni sethu sokuqala kulezindaba ezaphuma kulo. Ikhwezi likaMarch. Namuhla sikhuluma ngosizo olwenziwa yiKhomishani ngokuphatha kwayo udaba lwezakhiwo.

Ngaphandle kwokusiza ngokubolekisa imali yokwakha ekhona ngemibandela ethile uma kwehzeke kayicindezelwe iKhomishani ukuba yazi ukuthi abafuna ukuzakha...Into esemqoka yikuba amapulani avumelane nomthetho wezakhiwo, noma ngubani-nje onokwazi okupheleleyo angawenza amapulani...Ikhomishani kayimsizi nangokuncane noma yimuphi owenzayo amapulani futhi nomthetho kawuyivumeli.

Kodwa iKhomishani iyazi kusukwanje ukukhathazeka nokuhlupheka nokubizwa izimali kwabatheli bayo bamaRates uma kwakhiwa amapulani impela omthetho ngakho yazama ukubasiza...Inawo amandla uma ibona okwenza amapulani abantu. Iiyazi nani futhi niyabona ukuthi kuyinto engabalukhuni ngempela ukwanelisa bonke abantu laba ngohlobo lwezakhiwo ezahlukeneyo abazifunayo. I-ikhomishani yase yenza isu lokuba yenzenze uhlu lwamapulani alula enziwe ukuba acishe anelise iningi labantu bayo.

Noma ngubani othela amaRates angawasebenzisa amapulani lawa akhethe lelo elimgculisayo. Bese enikwa elifana nalo ngemadlana nguSheleni.

Leyomali kayilingene nezindleko zokwenza ipulani lelo. Okusho ukuthi amaRatepayers asizwa ngu-Khomishani uma esebenzisa ipulani lelo lohlobo abazikhethele lona kuyena. Laboke abazithandela o okwabo abangeneliswa yiloluhlobo lwamapulani bangena ezindlekweni zokuzenzela awabo amapulani ngoba iKhomishani kayikuboni kungumsebenzi wayo ukungena ezindlekweni ezinjalo ezingeswelekile. Khumbulani ukuthi amapulani enziwa yiKhomishani niwathola ngesihle.

Okwamanje noma iyiphi ipulani noma yenzelwa indlu ezobuya idilizwe noma yendlu esiyimile okwokuphela ungazikhethele kodwa kuyinto okufanele niyejwayele ukubuza abakwaKhomishani kuqalangobukhulu bendlu ezokwakhiwa noba uma ingenkulu ngokwaneleyo abantu bangacinana kuyona.

Amapulani akhona azinhlobo ezimbili eziwuluhla. Olwokuqala lunezinhlobo ezahlukeneyo eziyisi 9 zezakhiwo zikasemende, nezezitini nezodaka. Zisuka ebukhulwini ku 409 sq.ft. nge ndlu enamakamelo amabili okulala kanye nekhishi kuya ku888 sq.ft. zendlu enamakamelo amane kanye nekhishi. Sesibonile ukuthi izinhlobo ezintathu zosayizi 463,780 no 860 sq.ft. yizona ngempela ezithandwayo ngokulandelana kwazo.

Ohleni lwesibili kukhona izinhlobo eziyisi 8 osayizi kusuka ku 507 kuya ku 824 sq.f.t zabe ziqonde izakhiwo ezingaseyukudiliza kubantu ngabanye abazakhe ngokuboleka eClermont. Ngesu lelo noma ngubani umninimhlaba wayengacela abolekwe imali yi-Khomishani ukuba akhe. IKhomishani imnike konke okuqondene nomsebenzi lowo ilinga ukusiza umuntu lowo ukuba athole abakhi abafanele noma phela kufanele umakhi alethe abakhi ababili okuzokhethwa kubona. Indlu encane kunazo zonke inamakamelo okulala amabili, bendlu yokuhlala, nekhishi, nendlu yangasese neyokogezela. Enkulu kunazo zonke inendlu yokulala yesithathu kanye nokunye okuncane okukhona. Noma lingasebenzi isu leli ngokuntuleka kwemali kodwa lisasebenza.

Amapulani ezinhla zombili lezi akhona ukuba uzikhethele oyithandayo...ukhethekumapulani ayisi 17. Ezindaweni zaseEdendale, Clermont naseWasbank abantu bayakwazi konke lokhu abanikwa khona bayakusebenzisa futhi. Ezin-

dawo ezinsha ziyakhunjuzwa ukuthi abakwa Khomishani bakhona ukubasiza babeluleke ngezinto eziqondene nezakhiwo. Khuluma nabo uziphumuze emthwalweni.

Ipepha lokugcina kulezingxoxo liyoxoxangemibandela ebekwa yi-Khomishani ngezakhiwo eziyobuya zidilizwe.

S. NEWMARK.

LAPHA NALAPHAYA

CLERMONT.

ISIKOLE SAMAKHATHOLIKA. Umn. E.H.G. Mutwa oyinhloko yesikole lesi iminyaka eyi 12 ubika ukuthi sivulwe nezingane ezingama 710 ngalonyaka kanye nothisha abayi 18. Nyakenye amakilasi ayesuka ku First Year kuya kuStandard VI Lower. Nonyaka kuqalwe uStd. VI Higher.

UMn. Mutwa uthi igrantee yesikole uFather E. Canevet uyasithanda esisekela isikole. Ufisa sikhule sibeyiSecondary. AmaKilasiRoom amabili neshabhu lokubazela asezo-phela kwethenjwa ukuthi ukufundela ukubaza kuyoqalwa ngonyaka ozayo. Isikole sinetennis club ethiwa "White Lilies" ephethwe nguMn. Mutwa. Ngalenyanga sebedlale namaInkonyane L.T.C. aseAdams College. Imidlalo yebhola inogazi esikoleni. Ngomhla kaMarch 3 lasha phansi kubafana nawothisha ibhola. Abafana badlala ngempela nabo othisha basinda ngokulambisa ukuba undlalo ube yidraw.

* * *

NATAL AFRICAN BUILDERS' ASSOCIATION. Umn. O. Z. Mseleku usibikela ukuthi ngoJanuary 11, 1953, abakhi babantu bahlangana eClermont. Kukhona abangama 29 umhlangano omunye nguyena uMn. Mseleku umakhi awaziwayo lapha.

Injongo kungukwakha inhlangano yabakhi babantu. Inhloso wukwakha ukuzwana nokuzisiza kubakhi babantu. Kwavunyelwana ukuba yakhiwe inhlangano. Kwakhethwa izihlalo zacelwa ukuba zakhe umthetho oseke inhlangano. Kwathiwa abantu bonke bayowuhola umthetho bawuvume mehlanganweni kaMarch 1, 1953. Wavunywa kulowomhlangano.

Kwezinye izindaba ezaxoxwa ngumthetho wabakhi babantu. Kuchwan-

ingwa ukusebenza kwawo. Kwathiwa abakhi babantu nabasebenzi bayosebenza ezindaweni zabantu bodwa noma lapho bebaningi khona okusho abelungu sebevinjelwe ezindaweni zabantu.

UMn. Mseleku ubona lomthetho ubanika ithuba elihle abantu abangabakhi. Ubacela bonke bajoyine kulenhlango. Obuzayo abuze kuMbali, Mn. H. Ciliza, Clermont Township, P. O. Clernaville.

* *

UBUQOLA. Ekubukeni kwomlobeli wethu iClermont izokwaziwa iyisiphephelo samaqola uma amadoda engahlangani afune ikhambi lokwelapha ubugebengu obangaka.

Ukwanda kwemisebenzi ePinetown kubangele kungene eClermont abantu abangafanele abanemikhuba amibi. Umlobeli wethu uthi ngenyanga edlulile omurwe wezisebenzi zakwaKhomishani uMn. I. Msweli wahlaselwa yizinswelaboya lezi. Abikelwa amaphoyisa kodwa phinde itholwe inswelaboya.

* *

AMABHASI ECLERMONT. Ngesonto March 22, 1952, iBhodi yabiza umhlango wabantu eBus Rank. Ukuba abantu bathole ithuba lokuletha izikhalelo zabo ngokuhamba kwamabhasi nokuba uMn. Ngema umninimabhasi weBantu Bus Service athole ithuba naye lokuzwa ukuthi bathini ngamabhasi akhe.

Kuhlezi esihlalweni uMn. H. S. Methwa uSihlalo weBhodi. Abamele izigodi ba baletha izikhalelo zabo ezabe zigxile lapha : Ukungahambi kwamabhasi ngezikhathi. Ukumiswa kwamabhasi eshedini babe abantu abawa lindile bemi phandle beshaywa yimimoya.

UMn. D. Mazibuko iMeneja yaseRenke noyiSpekithali wabizwa ukuba abike ngokuhamba kwamabhasi. Wathi ahamba ngeTime Table yabeTransportation Board wathi okubangela amabhasi eme eshedini abantu bewalindele yingoba abantu kabavumi ukuma ebhasini ukuze lisuke lihamba nesibalo salo. Ukukugeda lokho nokucindezela abantu ukuba beme uma indawo yabahlezi seyiphelile kuma ibhasi libelinye kuphela eRenke.

Umphumela kaMn. Mazibuko kwaba yizinqumo (i) UMn. Ngema kathengisele abantu amaTime Table (2) Kwathiwa akumiswe i-

Komidi yezigodi zonke isebenzelane zeNkampani yamabhasi uMn. R. Nyanda, uMbali, Mbatha, Manager noD. Mazibuko, uSpekithali ukuba baveze isulingaqeda lokho.

UMn. Ngema wathi leKomidi kayivumi ngoba kakusiwona umqondo wakhe. Umhlango wathi kuyinto emqoka ukuba imiswe iKomidi ukuba iqede isimo lesokuphelele izinsolo. Kwakhethwa laba : R. S. Mtshali (Umgeni Ward; I. M. Mabaso, Central Ward; A. Khumalo, Indunduma Ward; no F. E. Bethelazi, Umvuzana Ward.

Siyambonga uMn. P. B. Khumalo osithumele lombiko.

* *

KASEKHO UMn. Bernard James Malinga, B.A., M.Edu., F.R.I.P., M.H.C.Phil., A.Dip., D.B.Ch.(London) M.C.S.M.(Chicago)l

Umufi washona ngokuthula emzini wakhe ngomhla ka April 8, 1953, wafihlwa emathuneni aseClermont ngomhla ka April 11.

Abantu abangama 500 belandela isidumbu basuka emzini wakhe ntambama ngo 2. UFather Kerautret esizwa nguFather Canevet babephele inkonzo emathuneni bakhuluma ngemisebenzi emihle kaMn. Malinga. UFather Canevet wathi uMn. Malinga wabeqinisile enkonzweni yobukhatholika engomunye wabakhwezeli bokugala bemfundo yabantu. Okukhunjwa yiziqu zakhe eziqondene nokuphilisa ezabe zedlula zonke. Abanye abakhuluma ngawobaNumzana A. I. Molife no Kumalo Supervisor besikole, Mrs. J. L. Dube umkaMafukuzela, Mn. R. S. Mtshali emele iBhodi yomuzi noMn. G. Yeni emele othisha baseAshdown Mn B.M.J. Thusi. Inhloko yesikole saseAshdown emele iBhodi yase Ashdown nabazali, Mr. Ndimande, B. A., inhloko yeLoram Secondary. Mn. Z. A. Kumalo wase Indaleni. Bonke bekhuluma ngeziqu zikaMn, Malinga nokusebenza kwakhe nokuhlabana kwakhe,

Wazalwa ngo 1906 wafunda eAdams College wazikhethela ukufundisa. Wanamathela kukhona waza wafa esentangeni esencane. Eyiphokophele imfundo nokwazi. Ezifundisa ekhaya wathola iziqu zika B.A., M. Ed., nezinye. Uzunywe wukufa esefuna esinye isiqu ngokuloba ngokugondene nokuloba amabhuku.

Unezincwadi eziningi azilobayo ezifundwa ezikoleni. Phakathi kwabantu emnene eziphethe ngokuzinikela nokuthobeka ezimisele ukusiza abanye. Ukufa kwakhe kwasisikhumbuza ukufa kwawaMn. Dr. Vila-

kazi. M.A., D.Litt., noMn. Lembede, M.A., LLd., abafa bebasha futhi besentangeni yokukhalipha ngobuchopho.

UMn. Malinga ushiye umfelo-kazi namadodana amabili nendo-dakazi eneziqu zobu B.A. efundisa eMontobello High School. UMn. G. Yeni, B.A., wathi ngokufa kukaMn. Malinga amaAfrika alahlekelwe yindoda, yisazi, nguthisha ngumlobi ngumpilisi.

Sikhalela abantwana bakhe.

Umnikelo owatholakala £7.

* *

AMATHANGI. UMn. P. Mntungwa ubika ukuthi umkhuba wezingane wokukha amanzi emathangini ngenkathi engelho kumaphayiphi uye- thusa futhi uyingozi. Futhi kubangela amanzi angahlanzeki ma kukhiwa ngezinhlobo zonke zezitsha Nazo izingane zisengozini uma zingawela ngaphakathi. UMn. Mntungwa ucela abazali bethuse izingane ngalengozi naye uyalinga ukuzikhuza.

(UNjiniyela uyambonga uMntungwa ngomoya wakhe wokusiza nokuletha udaba olunje phambi kwakhe.

Bekusimangalisa ukuthi kwenziwa yini ukuba amasampula amanzi ahlolwa ngabeMpilo akhombise ukungahlanzeki. Mhlawumbe kubangelwa yizingane lezi ngesenzo sazo.

Kwenziwa izaba zokukuqeda lokhu ukuba zingasondeli kumathangi kutshelwa abazali ukuthi amathangib lawa asemhlabathini onga-vunyelwe ukuba nobani-nje ahambe kuwona. Uma sebezwayisiwe kahle bonke labo abaoyificwa khona sebeyobekwa icala.

Siyabonga, Mntungwa. - ABAHLELI)

HOWICK WEST.

"Yabe igcwele iphuphuma indlu yesonto yaseGood Shepherd Mission ekuseni ngesonto likaEaster kumanjwa udwendwe. Isonto labethwala ngokulambisa abantu abayi 152.

Ngelilandelayo abangu 150 beza enkonzweni yomqiniso abayi-15 balethwa nguBishop ukuzobekwa izandla. Yaqala ngodwendwe luzungeza indlu yezonto. U-

Bishop esizwa nguRev. A. H. Cross, Vicar, no Rev. J. S. Dunn.

URev. Canon Badham wathatha izithonbe ezinhle ezithasisela enqwabeni yakhe.

Sebusondele ubusika abesifazana abahlakaniphile sebenitha izingubo ezifudumele zemizi yabo. Sengathi ukudla kukhona nonyaka ema simini. Kodwa uma bebengalimi-nje kuphela umbila kodwa balime nezilimo ukudla okuyimpilo.

Kuza umbukiso esikoleni sabantu sakwaHulumeni ngoJune 10 kuya ku 13. Kuyobakhona zonke izinhlobo zezinto ezibukiswayo. Zabadala nezingane Bonke bayongena ngezigaba zabo ezimisiweyo. Selukhona uhlelo lwenqubo. Kuyoajawa ngoDecember.

UMBukiso uyovulwa yiManshi yalapha uMn. T. G. Stokes ngoMgqi belo June 13 ngo 10 emini.

Okunye okunewozawoza lapha ngumbukiso wezingane ozoba ngo June 13 ngo 2 ntambama. Bayokwahlukaniswa izigaba : izingane kuya ezinyangeni eziyisithupha ubudala; kusuka kweziyisithupha kuya kunyaka; kusuka onyakeni kuya kwemibili.

Kubekhona zonke zinto zasendhlini zemithungo nobuhlalu nemi-khilosho nezipheko. Kungatlen-giswa uma bethanda abaninikho uma bengathandi babuyele nakho emakhaya.

Kuyobakhona indebe yomklomelo kwabawine uFirst Prize esingathanda ihlale emashalufini amahovisi akwa-Khomishani lapha eHowick West! "

J. S. DUNN.

(Siyathokoza ukumbona esebuya futhi uMn. Dunn emakhasini eKhwezi simbonga ngezindaba zakhe. - ABAHLELI.)

EDENDALE.

Amazinyane asePietermaritzburg and District ayenomdlalo ka Five-a-Side ngo April 25, 1953, egrawundini laseMount Partridge Indian School Ground. Indebe yanikwzwa nguMn. W. G. Phillips ekhumbula umyeni wakhe owabeyi Rover Scout ngenkathi kazamcolo ka 1947.

INTUTHUKO E EDENDALE. Sekukhona indlu yokufundela amakhuku lapha eyencikene neHholo ensha. Indlu sayinikelwa nguMn. A. H.

Smith yenzelwe lowomsebenzi nanga-nasheluf. Izihlobo zanikela ngezincwadi zezinhlobo zonke. Wozani bafundi base Edendale nizodela. Izinhlobo zonke zezincwadi nezinkolo zikhona nezesiZulu nesi-Bhunu.

Bangasizakala othisha kuzona. Nabafundi ukuthunga nokunitha ziyobasiza nemin imisebenzi.

Okwamanje lendlu ivulwa kabili ngesonto uma banda abafundi iyovula njalo kwande nezincwadi pakathi ezithandwa ngabantu. Kakhungenwa ngamali ngakho joyinani.

PIETERMARITZBURG

"EZEBOLA EMGUNGUNDLOVU M.D.A.F.A. Mhleli bengicela kwelakho lodumo kengibeke amazwana ngezebola ebelilapha kithi eMgungundlovu. Phela uNatal ubengiqhathile nenkuzi zake Mnambithi ezi bizwa ngokuthi amaZebras, okuyizona ezithathe indebe enkulu kaNatal. Njengoba miyazi phela ukuthi lapha eMgungundlovu inkunzi ebeyizingqobile amaCannons F. C. ebeyizingqobe ngo1952.

Kuthe ngomhla kaMarch zingu 22, 1953, uNatal wasithumela khona le eMnambithi. Sakhwela ngolwesihlanu ngo12.30 a.m. Safika khona ekuseni ngo 6.30 a.m. Kwathi lapho selibantu bahle seliya ngomtsha wendoda, wazibiza unompempe womNdiya enkundleni yebola. Kwathi ngo 3.15p.m. waziqhatha zasuka ngesikhulu izingqazu abafana bama Cannons F.C. Lapho kwanyakaza bonke abantu ababekhona bebukele, babonanje ukuthi ziminyene manje izinkwa. Abantu baseMnambithi kwakuduma iground, laphoke kwashisa phansi kwabanda phezulu.

Wawuzwa abantu bekhala ngo Bidla Belebana, babuye bakhale ngo Thamthamu umfokaMakathini, babuye bakhale ngo T.T. ugwegwe umfoka Luthuli wase MPolweni. Kwasekuthi emveni kwesikhashana unompempe wabanika ikhefu lokuphumula. Sezibuyelana isibili ngathi mina Wo, he, kazi iyoza nkonomi, ngoba kwaku ngu 2 - 2 goals. Zabanbana olwesibili kwathula kwathi du nhlangothi zombili. Kuthe sekuya ekupheleni ngemva kuka 25 minutes umdlalo sewuzaohela, Mamo abafana bamaZebras sebeqala ukuzixhaphaza.

Ngempela umdlalo wethu wabamhle waze waphela kahle futhi. Ngiyawabonga ama Natal ngoba indebe sabuya nayo. Phoke ngithi nako ke ma club ase M.D.A.F.A. sesiqalile ukudlala manje nginifisela inhlanhla iclub ezophuma ngonyaka ozayo iza me ukubuyanendebe enkulu, njengoba amaCannons eselinganisile ukubuya nendebe, Waphela kahle umdlalo wethu. AmaZebras 5 goals, Cannons 2 goals.

A. F. MBANJWA.

INTOKOZO NGEZINTO EZITSHA

KWELAKHO lodumo Mhleli ngikhulekela isikhala. Kuyathokozi sa ukuzwa ephepheni izindaba ngoqedisizunguwase Thekwini. Siyababongela abasethekweni ngomsewabo onco mekayo wempucuko.

Uphekelwa unyawo, kuyiqiniso luyaphekela ngezinye isikhathi, ngoba ngokuhamba ubona izinto eziningi ongazazi. Ngike ngacelwa abangani bami oMnu. A. Mbanjwa beno Mnu. T. Mncadi. Ukuba siye ku (club meeting) wabo owabuse African Restaurant, ku Otto Street, e-Maritzburg, ngo 7.30 p.m. ngomhla ka 17.4.53.

Kwangithokozi sa ngisezwa nje ngento etsha engizoyibona nembala lafika usukunesikhathi, sasuka saqonda khona endawe ni esengiyishilo. Kuthe ukuba sifike sakhumula amajazi sawa lengisa ku (umbrella stand) ngoba lalina phela ngalobobusuku.

Wayesethi unobala we club, u-Nks. omhlophe, uMiss M. Wright, asidlale ama-games ngoba naku azikaphелеli imember ze-club, nempela sadlala kahle, kuthe singababangi omunye uMnu. ohlophe wadlalisa i-film enhle nge-Royal Visit, angiphumelelanga ukuthola igama lalomnu.

Kwangi jabulisaukubona ukuthi kanti abanye abamhlophe bayasithanda, kwazekwaphela kusekhle.

Kwaphinda ngomhla ka 21.4.53 bangibiza abangani bami bathi asiye eSt. Peters Hall. Safika saqala ngawo futhi ama-games, kwakuhle kwadela. Ngithe ngibona omunye umlisa omhlophe wabesinika itiyе, okuyiphutha naye angilitholanga igama lakhe. Ekugcineni wasinika izeluleko uMiss

Wright (lecture) ngokuziphathakahle, ekhaya nasekuhambeni. Ngiyayibonga lento ngifisa engathi ingaqhubekela phambili.

Ngiyabonga Mhleli ngesikhala omncane."

A. M. NGOBESE

WENA NENGADI YAKHO

ISIGABA III

UKUTSHALA IMBEWU. Ziningi izizathu ezibangele imbewu ingakhuli. Kuvamise kubangelwe nguyena uqobo umlimi. Mhlawumbe kwenziwa wukuba imbewu ayitshale ishona kakhulu phansi.

Kuningi esikufunda kuyona imvelo uqobo. Izilimo zemvelo zivamise ukumila zonke. Okubangela lokho yingoba imbewu ipheshulwa ngumoya iwele emhlabathini ilale phezu kwomhlabathi. Ngokuna kwemvula inyakaze kancane imbewu lena isibekelwe kancane uyabona se yibheduka imila masinyane. Kusobala ukuthi uma imbewu yethu ingamili kusuka kukhona okukhona mhlawumbe siyimbele kakhulu imbewu yethu.

Funa indawo enomthunzi uma uzokwenza indawo ozotshala kuyona imbewu yakho noma yibhokisi. Yimba kahle inhlabathi uhlephule onke amagabade aphezulu wenze indawo ozotshala kuyona ithi ukukhula amanishi amabili ukuze amanzi angene ahambe kahle.

Nethisela kancane ngekani elinezimbobo ezincane ungakatshali. Ulungise inhlabathi icolekile ihlanganiswe nesihlabathi somfula uma sikhona.

Bese uhlanyela imbewu uyendle kahle bese uyemboza kalula ngenhlabathi, wenze ngezandla uyeneke phezu kwenhlabathi ishone $\frac{1}{2}$ inshi kuya $\frac{1}{2}$ inshi kuya ngobukhulu bembewu. Yembeze-nje imbewu ungayigqibi.

Bese unethisela kancane ngamanzi emuva kwokutshala wemboze ngotshani obusikiwe. Utshani ebnza umswakama uhlale enhlabathini ungabe usalokhu ukunethisela uze ususe futhi utshani.

Emuva lwezinsukwana utshalile hlola izindawo otshale kuzona

ususe kahle utshani obembozile. Uma izilimo zivela kancane ungabe usazemboza futhi. Kuyingozi ukuzemboza isikhathi eside ngoba izithombo zi zokhula zingene otshanini kwemboze ngabo zifuna ilanga nomoya bese zibabuthaka.

UMA SEWUTSHALA LEZOZITHOMBO.

Nansi indlela enhle yokutshala izithombo esezivele kancane emhlabathini okade utshale kuwona imbewu.

Sizothi uziyisa lapho sewulungise kahle khona inhlabathi. Yimba imigojana yahlukane ngokufisa kwakho nesimo sezimbali ozitshalayo nezilimo. Gwalisa izigojana ngamanzi uwayeke ashone phansi. Bese ususa izithombo ebhedini ngemfoloko encane uzifaka emhlabathini ozitshala kuwona. Uthi ungazifaka bese ucindezela inhlabathi uzungeze izimpande zazo. Beseke unethisela yonke indawo ezungeze lapho uzifake khona, naseduze kwayo yonke.

Ungalokothi ususe izilimo ebhedini ngenkathi ilanga lishisa. Inkathi enhle yokutshala kuntambama impela. Kuthi ekuseni okulandela ukutshala kwakho izilimo vikela izithombo zakho ngamahlala bese kuthi ntambama uzinethisela futhi. Ungavumi inhlabathi otshale kuyona yome ima usanda ukutshala zisakhula izithombo.

TSHALA NANSI IMBEWU NGO MAY.

Izilimo : Cabbage, Lettuce, Onions; Peas, Radish, Beetroot.
Izimbali : Pansy, Snapdragon, Verbena, Phlox, Calendula, Petunia, Candytuft, Carnations, Dianthus, Poppy.

Nazi izimpendulo embuzweni yenu.

Umbuzo I ngomanyolo. Nginayo incwadi yakho. Ngifuna ukuloba ngawo umquba encwadini elandelayo. Uthi inhlabathi yakho iwudaka iyesinda. Thenga uLayimi wabalimi uqufake enhlabathini yakho. ULayimi uthambisa inhlabathi ihlale imanzi. Iqede okubi kuyona ihlanzeke. Yense nezifo zingabikho enhlabathini.

Yichele iLayimi enhlabathini kuKwata yeEka thela 200 lb. ungenise phansi khayi kakhulu. Ungawuhlanganisi uLayimi nomquba wesibaya. Uma ufuna ukulima izithombo khona manje hlanganisa nobulongwe bezinkomo obomile. Ubuhlakaze ubeneke phezu kwenhlabathi yakho. Kuzoyenza ibelula

ibenokudla kwayo kodwa laphoke ungahlanganisi noLayimi.

Umbuzo 2 : Ngokuhlola inhlabathi.

Uma ungenakho ukuthumela inhlabathi yakho kwaHulumeni iyohlolwa thela imquba kuyona. Wenziwe ukuba uhlangabezana noku-funwa yinhlabathi. Uma inhlabathi yakho yesinda noma iyisinhlabathi ifuna uLayimi noma umquba wezinkomo. Uma utshala amatupils kakulula ukuzilima. Kufanele inhlabathi ebenhle ngempela uma uzotshala amabulba aphuma kwamanye amazwe.

Kungcono uthenge amabulbs ayejwayele inhlabathi yalapha. Uwazungeze ngenhlabathi chlakazekile ukuze kungene amanzi uhlanganise nomanyolo wamathambo agayiwe kodwa ungawusebenzisi umanyolo wezinkomo uma sewutshala.

Tshala amabulbs endaweni epholile enomthunzi ehlala iswakeme. Bese ufaka inxube yomanyolo omanzi zingaveli izimbali.

Umbuzo wesithathu : Ngokubopha uthango olutshaliwe.

Kulukhuni ukukweluleka ukutshala izithombo ezifanele endaweni yakho ngoba kangiyazi ukujula kwayo. Uma wenza uthango lobude amainshi ayi 18 noma amafidi amabili kuya phezulu ngeluleka ukuba utshale izithombo ezenabayo njenge-Verbena, Ivy Geraniums, Mesembryanthemums noma Clematis Flamula noma lena yokugcina ithanda indawo enethunzi.

Uma uthango lwako lulude kususka ku 4 kuya ku 6 fidi noma ngaphezulu ngeluleka ukuba uqale utshale utshani baphansi ushiye izikhala ozotshala kuzona izithombo eziminyene. Noma uzingume izithombo zakho ukuba zenze izitebhisi ezehlela phansi ezithobeni ezimfushane. Kungcono lokhu futhi kuhlala kuswakeme.

Umbuzo wakho ngezintuthane ezimnyama. Kangazi ukuthi zidonswa yini. Kodwa ngikweluleka ukuba uthenge iCapex Ant Killer umuthi ongamanzi obulalayo. Uma ubhekisisa uzobona ukuthi izintuthane lezi ziyalandelana udwendwe zingene emgodini oseduze nendlu lapho inhlabathi ithambile futhi ivikelekile. Chela ngempela uphendule inhlabathi ubuye uchele futhi.

Lomuthi iCapex Ant Killer ungayisondezi ezinganeni nasezilwa-

neni.

I Y.M.C.A. E EDENDALE

NGENKATHI nifunda lokhu kuyobe sekwenzeke okuningi laphaya e-Holweni yeY.M.C.A. eEdendale. Okwokuqala ekuqaleni kuka April isikhundla sika Social Worker ngasilahla sathathwa nguMn. H. Elliot. Okunye umuntu ongumsizi okade ayefunwa sewatholwa uyasebenza, eEdendale. Umsebenzi khona uzobanjwa nguMn. Elliot noMn. Selby Jali ozomsiza.

UMn. Elliot uyaziwa kakhulu ngamalungu eClub ngoba nguyena okade ephethe amaBoxing Classes sonke isikhathi lesi. UMn. Jali uyafika kulendawo kodwa ngineqiniso ukuthi angeke athathe isikhathi eside engayazi kahle indawo yaseEdendale. Nginethemba ukuthi ngokubambisana kwalwamadoda imsebenzi weY.M.C.A. uzokwenaba usondelane nabantu abaningi kunakuqala ezindaweni lezi.

Ngezindaba zonke lezi kangifuni ukukhohlwa ukunitshela ngokwenzekile ngenyanga edlulile.

NgolwesiBili April 14 iClub yesibhakela yabanomqudelwano wokuqala eHolweni ensha yakwaKhomishani e-Plessislaer. Ngenkathi okuloba kuselukhuni ukusho ukuthi kwahmaba kanjani.

Uma kwenzeka ngizokuveza ekupheleni kwayo lencwadi uma lingekho ithuba kuvele kulo Ikhwezi lenyanga ezayo.

Ngiphetha ngelithi kuyangidabukisa kakhulu ukuhamba lapha e-Edendale nokushiya izihlobo eziningi ebesenginazo ngenkathi yezinyanga eziyi 18 ngikhona. Ngethemba ukuthi liyobakhona ithuba lokuba ngilokhu ngizosiza emsebenzini weY.M.C.A. kulendawo ngibekhona njalo khona emzini wethu lona.

PETER BROWN.

Siyakubonga ukuthola lokhu

NGAMAClub ABESIFAZANA E EDENDALE

Mane amaClub abesifazana kulendawo, Macibise, Ashdown, Georgetown

Siyamu nalamandiya. ePlessislaer. Aqalwa ukusiza abesifazana ukuba bajwayele ukuhlangana bafundisane ukuthunga nokupheka nezinto zemizi - Ofundisayo ngoweKhomishani ofundisa iClub ngayinye kanye ngeSonto. AbakwaMacibise banikwe olwesiBili kuhlanguaniswa amaclub aseAshdown noMacibise nabaseSiyamu babekhona. Bahlangana eholweni ensha. Usuku lolu luyathandeka kwabaningi.

Usuku lweClub lwaqalwa kwaMacibise eholweni yeDutch Reformed Church. Amalungu ayekhona aqala iclub yawo yetiye. UMrs. Ndwandwa ohlala eduze wababoleka izinkomishi namasosi. UMiss Sigwili obafundisayo ubasiza ngokusika izingubo bazi thungele izingubo nezabantwana babo. Banomshini wokuthunga abathunga ngawo. Kuthengwa izindwangu ngemali encane zithengiswe kumalungu ngentengo elula. Ababengakwazi ukunitha nokuthunga sebeyakwazi manje.

Ukufundela ukupheka kukanye ngenyanga kodwa okwamanje kazinawozawoza. Ukufundisa olwasemakhaya kabakuthandisisinakho. Noma sizama ukuba imihlangano ibesendaweni ephakathi ngoba iEdendale ibanzi kulukhuni kumalungu ngezizathu ezithile ukuza.

Sihlangana ngezinyanga njalo amalungu ezayo akhokhelwa imali yamabhasi ngemali yesikhwama. Ngenyanga amalungu akhipha iTiki bambisa ngo 3/ uma befuna izingubo sokuthunga.

Banendawo lapho begcina khona amaphepha amapatterns bayavunyelwa baziboleke. Zonke izincwadi lezi zamaPatterns sazinikwa ngabasizwelayo. Sibonga uBkk. Gibbs (ngo-Miss Lee) owasipha inqwaba yamaPatterns asisize kakhulu.

IZINCWADI ZABALCBELI BETHU

Mkhondeni.

Mnumzana,

Siyalibonga Ikhwezi lesihle esilamukelayo. Ngilithanda kakhulu. Ngamangala ukuzwa ukuthi amabhasi aseyahamba kangakhulwa. Kodwa uma sengiwabona ngabonga kuMn. R. Goba uwawacela ukuba ahambe. Siwathokozela sonke amabhasi ahamba kwaOckert's Kraal.

Masibe eKhasi labantwana e-Khwezini.

Owakho.

(Miss) P. M. Lawrence.

(Siyambonga uMiss Lawrence ngomqondo wakhe weKhasi labantwana. Sizokucabanga lokho ngezinyanga ezizayo. Kuyasithokozisa ukuzwa ukuthi amabhasi aseyahamba e-Ockert's Kraal. Kwanga angachuma njalo bawasekele abantu. - ABAHLELI.)

* * * *

AMALAYISENSE

IZINJA. Intelala ye shumi lo sheleni yezinja zonke ezino budala kusukela ezi nyangeni eziyi situpa kweqe, ezisezigodeni: Edendale, Wasbank, Clermont, Pinetown nase Mgungundhlovu lentela iqale ukutela ngoJanuary 1953.

AMABHAYISIKILI. Intelala yesihlanu so sheleni yama Bhayisikili onke asetshenzisqayo. Iqale ukutelwa ngomhla woku qala ku January 1953 kulezo zigodi.


Wonke umuntu owu mnikazi wenja noma osiselwe ngayo noma ogcineinja okuso fumaniseka ukuthi akayi telele, nalowo pakati kwale ndawo yase Edendale namapetelo, laba bantu base ngozini yokuti uma begwetshwa bajesizwe ngesinqumo esise mtetweni wakwa Hulumeni.

Lemali sekudingeke ukuba ikishwe eHovisi lika Area Secretary, elise :

Edendale,
Clermont,
Wasbank,
Pinetown,
Pietermaritzburg (naseHovisi elihambo emotweno).

* * * *

1. WH Pp. 3 ✓ 1. The Name!
2. MH ✓
3. Litter ✓



Vol. 4 No.5

Prepared and published by the Local Health Commission, 195, Longmarket Street, PIETER- JUNE 1953
MARITZBURG.

A LETTER TO EDENDALE

Dear People of Edendale,

We have a special message that we want to put across to you, and we ask the other Areas and Ikhwezi's other readers to stand aside, this month, and let us use these columns to convey it.

The message is a question - or, rather, a whole lot of questions!

Here they are:-

What is the MATTER with the Commission's oldest Area? - the Area that (whether you believe it or not) owes its present relative health and decency and comfort to the Local Health Commission? - the Area that always wanted explanations of the Commission's actions and its policies, and asked (through its Advisory Board) to have a news-sheet? - the Area that gave so warm a welcome to the "child" Ikhwezi, and once kept these pages going with fun and goodnatured gossip and shrewd comment? - the Area whose every interest "the child" has tried to study?

Why does the Area feel so "dead" now - and so useless - from our editorial point of view?

Perhaps you remember what we once said in these pages - that Ikhwezi was to be the Voice of Conversation? Well, do you know what it feels like when one person in a conversation has to go on talking and talking, when the other doesn't bother to say anything at all? Is that a very USEFUL form of conversation? Or very enjoyable? Does it occur to you that it might be easier for the first person to decide to talk to someone else? If Edendale really can't spare time to join in Commission-Area talk, there are other places, and other people, that can.

Day after day, we regretfully inform private

individuals that we can't spare them a personal copy of Ikhwezi every month - and those individuals apply from all sorts of places. Some of them don't even live in Commission Areas, but they are fond of Ikhwezi, and they ask very nicely for a copy and we hate saying 'no'. What is more, they are keen to "join in". In this very number, there is news from Harden Heights - the tiny settlement not far from Maritzburg, which insisted on "adopting" us three years ago although it isn't a Commission Area. Our last issue carried an account of African football affairs by Alfred Mbanjwa. He doesn't live in a Commission Area, either; but he has been a faithful reader of Ikhwezi for years, and he is happy to "join in".

Then - more importantly, perhaps - there are Commission places asking, month after month, for more copies of the magazine. They like "joining in", too! Ockert's Kraal and Hollingwood used our magazine, a few months back, to put all sorts of needs and wants before the Commission. And when, for instance, a bus-service opened up to Ockert's Kraal, someone remembered to write in and thank "the child" for its part in procuring this amenity. Places like this are good and patient when we say "Sorry! We can't spare more copies" - but we don't like saying it.

Do you know WHY we have to say it? - Because we are limited in production and, of our limited copies, the great bulk goes to Edendale!

We are not forgetting Ikhwezi's great debt to "Somkanda" who kept Edendale "on the map" for us so cheerfully and long. Now that (as we know) he cannot spare the time to act as local correspondent - is there no other African in Edendale who will "join in"?

Ikhwezi has long been grateful to Health Assistant Mr. Moodley for his Indian scout-and-cub news from the Area. But is Mr. Moodley Ikhwezi's only friend in Edendale today?

We have said enough. It will be Edendale's responsibility if, at some future date, we should decide to divert some of its present copies of Ikhwezi to newer, and more helpful, Areas.

Yours faithfully,

THE EDITORS.

DID YOU KNOW?

...THAT Mrs. Lucy Johnston, widow of a Durban doctor, has left £5,000 to the Umbumbulu community centre? This centre was founded by Miss Violet Makanya, a Zulu social worker, twenty years ago. Here she has struggled to raise the standards of the Africans living in the neighbouring areas

by conducting night schools, domestic science classes and agricultural classes as well as by tending the sick. The controlling board of this centre is composed of Europeans and non-Europeans. With the unexpected donation of £5,000 it is hoped to build accommodation for night schools, a kitchen for

domestic science classes, a recreation hall for the adults and a library. (Race Relations News.)

* * *

...THAT beds for a further 500 non-European tuberculosis patients will be made available to the King George V Hospital in Durban during this year? The Medical Superintendent of the hospital states that 140 additional beds are now being used, a further 110 will be in use in July, and 250 further beds will be added at the end of the year.

* * *

...THAT a book called "BUILD YOUR OWN HOUSE" - a guide to owner-builders - has recently been published by the Government Printer, price 3/6d.? The book is written by Betty Spence. This is what Race Relations News says about it: - "This excellent publication is certain to be greatly in demand. The book states simply that it 'is written for people who want to build their own houses', and carefully, step by step it does this. It has been written for Africans and care has been taken to ensure that the English used is easily understood. All terms are explained with helpful, well drawn diagrams, as are all the tools required to build the five houses for which instructions and plans are given. The book is for the use 'of people who know little about building', but will be of great assistance to those who have a slight knowledge of the subject. The houses described are 'cheap and easy to build' and are of sizes 'to suit different families and people earning different wages'. Here, indeed, is the A.B.C. of building for everybody. Written particularly for Africans this book is certain to be useful to all concerned in any way with African housing. All concerned with the book's production merit the community's most sincere congratulations, and in particular the Department of Native Affairs for its foresight in advancing the funds required to publish this inexpensive and excellently produced book. Obtainable from the Government Printer, Pretoria."

Ikhwezi hopes to get permission to publish a series of extracts from this book; but those interested in building are

strongly advised to get a copy for themselves. Readers who would like us to order their copies for them may, if they wish, send 3/6d. to us for the purpose - but please, if you take advantage of this offer, see that you furnish us with a reliable and clearly-written address to which we can forward your copy when received.

COMMISSION AFFAIRS

BUILDING CONTROL

Part III of the above series will appear in the July issue of Ikhwezi.

HERE AND THERE

CLERMONT

SHOW. Sunday, July 12th, 1953, is the day set aside for the Adults Bantu Show to be held at Fannin School. The Show has been widely advertised and a considerable amount of spade work has been completed but there is still a great deal to be done before the great day. Readers of Ikhwezi will recall the previous article about the Show and how a call was then made to each and every talented individual to use his skill and make exhibits. This is a reminder to everyone to support the Show with exhibits of all kinds - agricultural products, livestock (including poultry), handicrafts such as African curios, beadwork, woodwork, all kinds of grasswork in Incema, Ilala, Ikhwani, Umsingizane, Ingongoni, Isikhonko, etc.

The sponsor of the Show is the Native Commissioner, Pinetown. This is the first show to be held at Clermont and it is appreciated that his task in organising its inception has not been an easy one. All that is needed now to make the Show an unqualified success is the co-operation of the Clermont residents. This is your chance, Clermont! The success of the Show will depend on the support and co-operation of the residents : and its success will be remembered as one of the finest hours Clermont

has known.

Exhibits, other than livestock, will be received at Fannin School on Saturday, 11th July, and prizes distributed on Sunday, 12th.

Livestock will be received on Monday, 13th July, and prizes awarded the same day.

On the 13th and 14th a sale of exhibits will be held.

Any further information sought can be obtained from the following members of the Show Committee:-
Native Commissioner, Pinetown (Sponsor); Mr. S. Nxaba (Chairman); Mrs. G. Nyanda (Secretary); Mr. Msibi (Umgeni Ward); Mr. Sibeko (Umgeni Ward); Mrs. Sotole (Central Ward); Mrs. Msweli (Central Ward); Mrs. Nzimande (Central Ward); Mr. Kunene (Central Ward); Mr. P. Nzimande (Umvuzane Ward); Mr. J. Ndhlovu (Umvuzane Ward); Mrs. E. Msane (Umvuzane Ward); M. S. Nzimande (Umvuzane Ward); Mr. A. Mtetwa (Indunduma Ward); Mrs. Mtetwa (Indunduma Ward); Mr. Mabaso (Berlin Mission); Mr. Msomi (Berlin Mission).

* * *

This month finds us eagerly looking forward to the opening of our new offices. Judging by the noise the carpenters' hammers are making and the smell of paint this should not be too far off, now.

* * *

OMISSION. Death of BERNARD JAMES MALINGA. The following list of wreaths was inadvertently omitted from the obituary notice in last month's issue of Ikhwezi:-

"Wreaths were sent from : His loving wife and family; Mr. and Mrs. H. S. Mtetwa; Mr. and Mrs. R. N. Dimba; Mr. and Mrs. T. R. Khumalo; Mr. and Mrs. K. S. Manqe; Mr. and Mrs. Mlala; Principal and Staff, Adams School; Principal and Staff, Ashdown Secondary School; Principal and Staff, Loram Secondary School; Ashdown Senior Pupils; Fannin Government School (children and Staff); Mr. and Mrs. D. Malinga, Richmond."

HARDEN HEIGHTS

A lot of changes have taken place since the previous issue of news from Harden Heights.

Mr. V. V. Naidoo, of the local school, has been transferred to the Umgeni Government School. We hope Mr. Naidoo will like his new school and wish him every happiness.

Miss E. G. B. David, niece of Mr. E. G. David of Pietermaritzburg, has been appointed in his place. She and Miss Jaaggasor are the first women teachers to have been appointed to the staff of the Harden Heights School.

The school is growing rapidly and has 180 children at present on the roll. Noticeable progress has been made under its able Principal, Mr. H. Sewpal, B.A. He is a keen sportsman and a splendid organiser, and encourages an interest in social work and all types of sport. Netball, Tennis, quoits and football are played regularly and swings and seesaws are provided for the younger children. There is a beautiful lawn in front of the school on which a netball field has been set out.

A Scout Meeting was held recently at which Mr. A. T. David, a retired ex-teacher of the school, was elected Scoutmaster; Mr. Arumajan Moodley, Assistant Scoutmaster; Mr. R. A. Marajah, Cubmaster.

Mr. H. Sewpal was elected President of the Harden Heights Scouts Association.

Harden Heights combined with Greytown and held a most successful camp fire here. Scouts from New Hanover and a Rover Crew from Pentrich attended. The camp fire was a great success and enjoyed by a large gathering of parents and children. Hot coffee and biscuits were served by the scouts. The New Hanover Scoutmaster and 20 Scouts camped out that night and hiked back to New Hanover next morning.

The Harden Heights scouts are looking forward to a four-day camp in Durban. This will be their first outing since the formation of their Company five years ago.

The front page of last month's

Ikhwezi, with its beautifully-designed crown, gave much pleasure to readers here.

Long live our noble Queen! "

A. T. DAVID.

(Thank you for your contribution of news from your little corner and your promise to keep Ikhwezi up-to-date with local activities. We appreciate your remarks about our front page. - The Editors.)

MHLATUZANA

"Corrosion had set in upon my pen and the inkpot dried out. However, the rust now seems to be falling off and the inkwell refilling, and the cause? - The Coronation, hence these inkspots.

"Numerous things have occurred in such a short space of time that it becomes difficult to register them all. All thought was concentrated on two most outstanding events in the world - the Coronation of Her Majesty Queen Elizabeth II, and the conquest of the once inviolate Goddess-Mother-of-the-World - Mount Everest. This is history indeed.

"To commemorate the Coronation of Her Majesty Queen Elizabeth II local authorities all over the Union decided (and a very good decision it was too!) to spend moneys on the purchase of Coronation souvenirs, the issue of free meals, the organising of sports and the arrangement of lectures to school children to mark and to impress on their minds the importance of the occasion. Nearly 450 children and parents gathered at the Maranatha School grounds to celebrate that never-to-be-forgotten day - the Coronation of our Queen. Four schools took part in the athletic sports and rendered musical items as well - St. Theresa School; St. Donald's School; Maranatha School; and a private school, Enkanyisweni.

At the end of the day the Chairman of the Celebrations Committee (whose signature appears on the certificates) presented printed Coronation Certificates

to those competitors gaining first, second and third places in the various events, after which he made a closing speech. Most of these handsome Certificates have gone to decorate the homes of Maranatha School students.

Miss Dlamini, a private school teacher at Shall Cross, decided to let those in her charge celebrate the occasion as well. After some explanatory notes to the parents of her scholars, she requested them to contribute 3d. a head towards expenses. The parents gave their whole-hearted support and these private school toddlers, like the other school children, enjoyed themselves at the Shall Cross Sports Grounds. One could see enthusiasm oozing from their young illuminated faces. Hearty congratulations on your splendid effort to entertain the young folk.

"Enkanyisweni private school thought fit to join hands with the other schools.

"The geographical make-up of the Area was the only disadvantage to children living far away from the meeting place.

"A very pleasant and happy day was spent by all. "

"ROCKY MOUNTAINS".

(Thank you, "Rocky Mountains", for the above news of your Area. We trust that all the rust on your pen will have vanished after this fine effort. "May your inkpot never run dry!" - The Editors.)

HOWICK WEST

And stare as long as sheep or cows.

*

No time to see, when woods we pass,
Where squirrels hide their nuts in grass.

*

No time to see, in broad daylight,
Streams full of stars, like skies at night.

*

No time to turn at Beauty's glance,
And watch her feet, how they can dance.

*

No time to wait till her mouth can
Enrich that smile her eyes began.

*

A poor life this if, full of care,
We have no time to stand and stare.

W. H. Davies.

The late OSCAR MUSAWENKOSI AARON
NKWANYANA, B.A.

Africans will be shocked and grieved to learn of the death of the late Oscar A. Nkwanyana, articled clerk to Messrs. Cowley & Cowley, Attorneys, Durban, whose sudden death took place at McCord Hospital on 21st September, 1953. The funeral took place at Clermont Berlin Mission Cemetery on the 26th. Rev. Madondo conducted the service.

Senator Major Cowley paying tribute said, "We are gathered here on a sorrowful occasion to mourn Oscar's death. We mourn his death for many reasons. Death has stolen from us the man whose ideals were to fight for the rights of his people. He died before reaching his prime; he was a very young man. Had he been spared, he would have served his nation well and his name would have been inscribed in the annals of history. This man was a soldier, scholar and patriot and I have no doubt that his patriotism was responsible for his early death for he sacrificed his life for his people. He was loyal to his ideals, patriotic and truthful. There was no doubt that his patriotism and truth would live long after his death as an example for the younger generation to emulate. If Africans responded, his life would not have been in vain - his purpose will have been fulfilled. Oscar was not liked for his geniality alone, but because he was a patriot and struggled for the uplift of his people. He dedicated his life - mind, body and soul - to his people." He then referred to Zulu leadership and said that in the past Zulus had had leaders who acquired their leadership by strain and stress through lack of education. This had been an example and a lesson to the younger generation, of whom Oscar was one, and he had answered the call. A certain patriot in Africa, passionately loyal to his ideals, once said, "There is so much to do and so little done".

Concluding his tribute, Senator Cowley said, "Africans have lost a patriot, and his family a good husband and father. Farewell Oscar, I loved your smile, your loyal support and your fortitude - Thank you for it. Blessed are the righteous for they will dwell with the Lord for ever."

Rev. Regal associated himself with Major Cowley's remarks.

Other tributes were paid by Messrs. Mathias, representing Messrs. Cowley & Cowley; I. M. Bawa (Solicitor), representing the Indian community; Chief Buthelezi, B.A., of Mahlabatini, Zululand; J. M. Kambule (Wanderers F. C., Durban); E. P. Ngwenya (Durban & District A.F.A.); W. G. Champion, former president of the Natal African Congress and former N.R.C.; W. W. Ndhlovu of Vryheid (former N.R.C.); F. P. Ngema, Director, Bantu Bus Service, Clermont; Rev. Sikhakhana (Lutheran Church) and H. S. Mbambo, Brakpan, Transvaal.

Two trolley buses brought mourners from Chesterville location where the late Oscar Nkwanyana resided. About 100 Europeans attended the funeral. There were a thousand mourners.

P. B. KHUMALO.

*

* In every part and corner
* of life, to lose oneself
* is to be gainer, to forget
* get oneself is to be happy.

R. L. Stevenson.

*

SOCGER AT WILGEFONTEIN INDIAN SCHOOL.

ASHDOWN AFRICAN TEACHERS versus EDENDALE INDIAN TEACHERS.

Scholars from the three Indian Schools and from Ashdown did not take their usual paths home on Wednesday, the 23rd September; instead, their steps were directed to an unusual football match. The Edendale Indian Teachers had invited the Ashdown Teachers to a friendly soccer match and the scholars were anxious to see whether teachers could put into practice what they repeatedly preached about football.

The match started at a great pace and one wondered whether the tempo could last to the end! Both goalkeepers had kept their nets intact when the half-time whistle

shrilled. How the teachers relished their oranges! and what quantities of water were consumed during the five minutes' interval!

On resumption, the Indian team quickly led two nil. Undeterred, the Ashdown Teachers applied pressure. This pressure was bound to tell, and before the final whistle blew Ashdown had scored two goals to equalise.

It was a draw. Both sides warmly congratulated the other. Remarks such as "I did not think you could play so well", "the spirit was willing but the body was weak", were overheard. The boys nodded their heads, "Yes, teachers were boys once and know the game!"

Features of the match were the able handling of the match by Referee Mr. H. Bandu; the support given by the lady teachers of the four schools and the number of balls used in one match - no fewer than THREE, one even exploding!!

A social was held after the match. Mr. Thusi, Principal of Ashdown, said, among other things, "What others were doing elsewhere to promote cordial racial harmony, we in Edendale were demonstrating that harmony on the football field". Mr. R. Ragavan, Principal of Vedic School, Wilgefontein, said, "History has been made here, I think. This is the first teachers' match of its kind in Natal; let us hope it is a forerunner of other inter-community affairs."

Mr. Elliott, Y.M.C.A. Sports' Organiser, congratulated both teams on their fine performance.

C. E. SEETHAL.

* * *

I think I shall never see
A poem lovely as a tree.

*

Poems are made by fools like me,
But only God can make a tree.

Joyce Kilmer.

* * *

YOU AND YOUR GARDEN

PART VII

Shade in your Garden.

There is a wide choice of suitable trees and shrubs for the provision of shade and beauty.

In small gardens, where room can be found for only a few trees, the fruiting varieties have much to commend them. They take up little room, are attractive when in blossom and most useful when fruiting.

The Loquat is evergreen and can be grown into a shapely and shady tree and in warmer climates the Avocado pear and the Mango are excellent shade trees. The peach, plum, apple and pear, of course, lose their leaves during the winter months, but are very pretty when in flower and the leaves shoot simultaneously with the fading out of blossoms.

Before giving you a list of trees and shrubs, I would like to offer a little advice on planting. Remember that trees need to be introduced only after very careful thought and one of the most important points to remember, is that trees will eventually become full-sized specimens; therefore it is essential to plan carefully the spot in which you propose to plant your one or two shade-giving trees according to the size of your garden. I think it advisable to select a spot on the westerly side of your house to afford shade on the verandah from the heat of the afternoon sun.

Prepare the hole in which to plant your tree very carefully; dig to a depth of about three feet by three feet in diameter; fill to within a foot from the top with good rotted compost, then replace the soil to level. Pour a generous amount of water into the hole before planting and remember to firm the soil around your newly-planted tree. This is most important.

The following is a selection of suitable trees. ("ST." denotes Sub-Tropical, and these will not stand more than about 3 degrees of frost.)

Acacia Baileyana. Spring flowering wattle, quick-growing.

Acacia Podalyriaefolia. (Queensland Silver Wattle). "Very attractive and quick-growing."

Australian Chestnut. Excellent for shade. Attains a height of about 50 feet.

Frangipani (ST.) Easily grown from cuttings. Flowers highly scented.

Grevillea Robusta (Silver Oak). Height to 60 ft. Very handsome.

Rhus Glabra. A very large and attractive tree when mature, covered with red leaves in Autumn.

Salix Babylonica (Weeping Willow). A graceful tree near the water-side.

✓ Platanus (Plane). Desirable shade tree.

Jacaranda. Fast-growing and very pretty when in blossom.

*

Congratulations, Howick West, on your gardening efforts.

* * * *

LETTERS TO THE EDITOR

The Editor,
IKHWEZI.

An African friend of mine, a widow, "wants to know".

She has a house in Edendale, not far from Edendale Station. She pays rates. She gets Commission-water from a public stand-pipe some eighty to a hundred yards away.

She says, "I hear that Poy'nandi is going to charge fees for water next year. Shall I have to pay for getting mine from the stand-pipe?"

I should be grateful if you, Sir, would answer her question in your paper.

Yours, etc.,

"ENGLISH READER"

The Editor,
IKHWEZI.

Housing Control.

Dear Sir,

In the March and May issues of Ikhwezi Mr. Newmark wrote in detail on the matter of Housing Control. At the end of Part II of his series (May issue) he promised to give us "conditions under which the Commission permits the construction of temporary dwellings". But for some reason or other, the June, July, August and September issues did not have Part III of the series. I was hoping to reply after hearing his arguments on Part III, but perhaps if his article had come out with satisfactory explanations I wouldn't be writing in this strain.

I take it that when the Commission came to administer the Areas under their care, they had to "peg" the number of "shacks" going up, and in so doing, they were prepared to consider "Commission-type" wattle-and-daub houses to replace those they had condemned. This meant that a person had to have a condemned "shack" first before he could put up a "Commission-type" structure of wattle-and-daub, and when a Certificate of Occupation was issued he would have to demolish the condemned "shack". This in turn meant that the "shacks" would eventually be replaced by Commission-type wattle-and-daub structures. So far, so good.

But what happens if a new family comes into the Area, and wishes to put up a Commission-type wattle-and-daub dwelling when they have no "shack" to "swop" with? What actually does happen is that this new family finds itself forced to seek accommodation with those who own the Commission-type wattle-and-daub houses. The result is that congestion takes place, with its detrimental effects on public health. In other words, the Commission is fostering what it set out to destroy - slum conditions. This is because the number of houses has been "pegged", but the influx of the population has not.

If the Commission is prepared to tolerate Commission-type wattle-and-daub structures, then I submit that people who desire to erect these, should not be told that they should possess some old "shack" before they can be given plans to build. The Commission officials

could point out a site which would conform to the rules of public health, and decent buildings would go up to ease off the prevailing undesirable conditions.

Perhaps Mr. Newmark could kindly add the answer to the question just raised in Part III of his series, as soon as it could be convenient to him.

Yours truly,

J. S. DUNN.

(Mr. Dunn will find that most of his questions have been answered by Mr. Newmark's third talk on building control, which we publish in this issue. Questions such as those that Mr. Dunn has raised are of real service in putting forward an Area's "case" in respect of housing-policy. -
The Editors.)

* * *

We thank Mr. Reddy for his letter correcting certain points in the Mhlatusana news published in our August issue. We think it possible that editorial adjustment led to a certain amount of misconception.

Mr. Reddy says that the Chatsworth Rover Crew certainly has had its ups and downs like any other long-lived organisation, but it is functioning normally under leadership that leaves nothing to be desired. He gives the names of the founders of the Chatsworth Crew, namely, Messrs. P. I. Moodley, Israel Gengan, K. W. Thambiran and the late Mr. E. Alli. At least two of these have served the movement faithfully for the past fifteen years and are responsible officials of the Crew today. He points out that at the time the Crew was founded in 1939 Mr. M. G. Govender was a Scout and a pupil at the Chatsworth Primary School. -
The Editors.

* * *

CHRISTMAS is coming. Look out for the Christmas Ikhwezi, complete with very special Christmas cover.

We regret that, for reasons beyond our control, the official answers to "Uzitulele"'s second letter must be held over until our Christmas Number. Please look out for them, then! -

The Editors.

* *

P. C. Plessislaer.

The Editors,
IKHWEZI.

Gentlemen,

An interesting return match was played at Ashdown location on the 15th October by the Indian teachers drawn from three Indian Schools in the Edendale Area against African teachers from Ashdown Secondary School.

The standard of the game was not high due to lack of sufficient practice, but the spirit of sportsmanship was well exhibited.

I shall not mention the result of the match for that is relatively unimportant but I do wish to say that matches of this kind in a country like ours are invaluable as a means towards racial harmony and tolerance.

Yours faithfully,

H. PAMLA.

* *

Kind souls, you wonder why, love
you,
When you, you wonder why, love
none.
We love, Fool, for the good we
do,
Not that which unto us is done.

Coventry Patmore.

* *



Umqulu 4 Nembe 9

Lilungiswe lasakazwa yiKhomishani
195 Longmarket Street, Maritzburg

October 1953

INCWADI KUBAFUNDI BETHU

Kwelidlule sakhuluma ngempilo ukuthi ifana nezinyathelo zeLada. Sazibona silinga ukukhwela eladini leli. Sabona ukuthi kufanele sibabonelele abakithi abasezansi nezinyathelo zeladi. Uma se-sifinyelela ezingeni lokubonelela abakithi abaswele kunathi sifika ephuzwini lokuzakha ngokuzisiza.

Kuleliphuzu kuthinteka izinto ngambili noma ngabantu noma yizinto ezimbili noma ngamaqembu amabili. Omunye yilowo ofukulwayo omunye kubengulowo ofukulayo. Kufana nokuthi nanguya omuntu efuna ukusizwa bese kuvela omunye ozomsiza.

Yinto ebukeka ilula leyo, sizibuze ukuthi pho kungabe kuyini okubi lapho?

Iqiniso lithi ekuphakamiseni omunye kuyenzeka izinto zingahambi kahle. Omunye afise ukusiza kodwa imizano yakhe ingavunywa futhi bangayamukeli abanye abafuna ukusizwa. Omunye aluvume usizo kodwa alubona lungamsizi ngalutho olusobala. Kubonakale sengathi lonke usizo alunkikwe kalunamongo. - Kubesengathi izinto sezizimbi ngokweqile manje kuna-kugala. Ngoba lona okade ethi uyamsiza abone ukuthi wukudlala ukusiza abantu kanti naye lona okade

esizwa abone ukuthi ukusizwa kakunambuyiselo.
Kantike bobabili bayalahleka uma becabanga kanjalo.

Okubangela lokho yini?

Impendulo ithi kukhona indlela efanele nengafanele yokusiza umuntu, kukhona futhi nendlela efanele nengafanele yokwamukela usizo. Namuhla sizokhuluma ngokufuna ukusiza abanye.

Yinto ebucayi ukufuna ukusiza umuntu Kungoniwa yizinto eziningi. Sizophawula zibentathu namuhla.

Eyona'nto esingathi icishe ifune ngempela ukubulala usizo olunika omuntu wukuba uthi lapho umsiza ukhombise umoya wokumkhombisa ukuthi kalutho nokuthi umsiza-nje ngoba wena ungcono kunaye.

ISikhulu Herbert Stanley sithi kakusizi lutho ukusiza umuntu uma ungakhombisi umoya wokumhlonipha umuntu lowo nowokumzwela.

Esinye isazi sithi ungeke umsize umuntu ebuntwini bakhe uma yena siqu sakhe ungamhloniphi.

Akesibuyele eladini lethu, kungenzeka omunye abesinyathelweni ezingezansi kwezomnunye. Kodwa lokho kakusho ukuthi uma kunjalo lona ongehla kwa-khe usemkhulu kunaye. Kungase kwenzeka ukuba lona osesinyathelweni esingaphansi kubenguyena umuntu ongcono kunalowo ongasenhla. Bayefana bona ngeziqu zobuntu babo noma izikhundla zoba zingase zahluke.

Uma usiza umuntu ngokuzinweba kukwenza wena uzibuke ungcono kumenze lona omsizayo azibuke ephansi kakhulu. Adumale. Ngenyeke lena indlela yokusiza umuntu.

Nansi enye. Kufanele umuntu umsize ngenkathi eludunga usizo. Sivamise ukubakhohlwa abaphansi kunathi eladini baze bahlupheke kakhulu kuthi nalapho sesithi siyabasiza kungabe kusasiza lutho. Umuntu noma umuzi wakhe noma yisizwe bahluleke ukuphumelela ngosizo lwethu. Kuvela nengozi yokuba bahlehle. Usizo lwempela yilolo olufika ngenkathi ludingeka ngayo kakhulu. Kalulindi izinto zize zonakale andukuba lufike. Wake wathi omunye umuntu "kungcono ukubayisibane esikhanyisela imikhumbi olwandle kunokuba yisikebhe esisiza umuntu esecwila. "Kungcono ukusiza nokweluleka umuntu kuseyisikhathi kunokumsiza lapho eseminza ezinhlaphekweni".

Iphuzu lesithathu, elicishe lifane nelokuqala Umuntu ofuna ukusiza omunye makenze ngendlela nangesu elingezukubangela lowo amsizayo adumale noma abenamahloni. Kakusizi lutho ukuthi usiza umuntu uma uzomenza azeye yena abenamahloni. Noma engene ukuzisiza. Yilendlela eletha ubuswezi nokudangala nolwenqena.

Bayingcosana kithina abeswele ngangokuba singeke sibasize abanye abeswele kunathi. Bayingcosana kithina abahlupheke ngangokuba singekwazi ukusiza abanye. Kufanele sazi ukuthi intando yokusiza kufanele ibe yinto esuka ekuboneleleni omunye wakithi. Kufanele usizo lwethu lumkhuthaze ukuba eme ngezinyawo naye azisize.

Abenu,

ABAHLELI.

UBUWAZI-NJE?

...UKUTHI ngoSeptember 6, 1953, amaNdiya alahlekelwa ngenye yezinsika zawo ngokufa kukaMn. M. L. Sultan owayesenezipho zokusiza abantu bakubo zemali eyizi £200,000. Amandiya onke amkhalela lomnumzana omkhulu kangaka. Wazalwa eMalabar, eningizimu nendiya iminyaka engama 81 eyadlu layo weza kuleli wakhula ebuphofini. Emuva kwokusebenza isikhashana eBerea Road Station waqala ibhizinisi likagwayi. Walahlekelwa yimali yakhe yonke. Waqala futhi ukuzenzela lengcebo. Yindiya lokuqala elabanomcabanango wesikole sabangesibo abelungu seUnivesithi wanikela isif£5,000 isipho sakhe sokugcina kwabayizi £20,000 sokuba kwakhiwe iUnivesithi yabangesibo abelungu. Kumandiya inhliziyi yakhe nokuphana kwakhe kuyohlala njalo kuyisifundo ezizukulwaneni. Isipho sakhe esikhulu sezi £100,000 ngesokusiza iM. L. Sultan Charitable and Educational Trust no£20,000 wokuthuthukisa iNatal University ne £33,000 ye M. L. Sultan Technical Colleges.

Babeqile ezi£5,000 emngcwabeni wakhe ngoSeptember 7.

* * *

...UKUTHI ngo September 4 uMn. D. G. Shepstone wavula isikole sakwaNyuswa esabiza izif£10,000 sakhiwa. Kwahlabelela ikwaya yezingane sibonga uHulumeni wesifunda ngokuzakhela isikole sokuqala kuNokhesheni bengakhiphanga ngisho indibilishi abantu. Sakhiwa ngabakwaNyuswa. Ababekhona ekuvulweni kwaso bengama 300. Umhlonipheki wabacele abakwa Nyuswa ukusisekela ngokufundisa izingane ziqhubeke njalo. Kwaduma uMlomo uma ethi ngonyaka ozayo kuzovulwa noStandard 6 ngeminyaka elandelayo ziqhubeke nezitandathi. Injongo kusho uMn. Shepstone yikuba bazenzele izinto lezi abazenzelwa ngabelungu namuhla. Makwande uthisha babantu nawodokotela babantu nahafundisi benhlalathi. Wathi uHulumeni wesifunda usechithe izif£1,500,000 emfundweni yabantu.

* * *

...UKUTHI mhla kuqalwa ukuba a-

bantu baseOrlando bathole uwayelense ezindlini kwabe kwethembela ukuthi ziyothi zidlula izinyanga eziyisithupha besekukhona abantu abanamalayisense okulalela abangama 150 eOrlando. Kodwa abantu bakuthakazela lokhu ngangokuba yathi iphela lenkathi kwase khona abantu abayizi 4,000 abanamalayisense amawayalense ngenkathi yezinyanga eziyishumi abantu asebethelile babeyizi 6,052.

Abantu bayalubona usizo lwalokhu abanengi sebecele nokuba kwande izindaba ezifundisayo emoyeni ezifana nokuphatha imizi nezingane nokupheka nokulungisa indlu.

Uyabonakala umoya walemfundiso emakhaya abantu ngoba izingane nabadala kabasezukulula emigwaqweni manje befuna okwokubathokozisa ngoba bazothokoza khona ezindlini zabo futhi bathokoze abadala nabancane abafundile nabangafundile.

Olunye usizo wukuthi sekuvulele izikhundla ezinhle zabantu abasebenza lapho kusakazwa khona izindaba zomoya nalabo abaletha ukhlabelela nezinkuluno emoyeni.

* * *

...UKUTHI uMajor Henning Turner uqoqa izitembu ezindala zezinhlobo zonke kwabavuma nazo ukuba azithengise athole imali yokusiza inhlangothi yesifo seT. B. lowo onazo kazithumele eHHOvisi lenhlangothi lena ku 11, Hesom St., Pietermaritzburg, siyobongeka kakhulu.

IZINDABA ZEKHOMISHANI

IMITHETHO YOKWAKHA.

ISIGABA III

Ngiyaxolisa ukuba lencwadi yokugcina okuyiyonayona yephuze ukulandela ezokuqala engazilobayo. Kangizenzanga.

Ukuze nikhumbule lapho sagcina khona encwadini yokuqala ngakhluma ngokudingakala kwokumisa imithetho yokwakha. Kweyesibili ngamathuba anikwa abantu yi-Khomishani ukuba bayenze lemithe-tho. Lenake yesithathu izokhluma.

NGAMALUNGULO OKUVUNYELWE NGAWO
UKUBA UMUNTU AKHE INDLU YOKU-
PHUTHUMA-NJE.

Lenqubo eqhuba ngayo iKhomishani yayithola emuva kweminyaka eyi 12 ibona ihlola isimo sezinto nokuhamba kwezinye izindawo ezabe zibusa ngeyazo imithetho efana nalena nangokubonisana namaRhodi ezindawo zayo neyaseEdendale lapho yahlola khona lenqubo ukusebenza kwayo.

Uma ekhona ocabanga ukuthi ukumisa imithetho eqondene nezakhiwo zodaka kuyinto elula ngiyathanda ukumphikisa. Izindleko nokusebenza kwemithetho enje kuyedlula lena leyo eqondene nezakhiwo eziqinileyo...kulena kufanele kuqashwe abazobhekana nenqubo, abempilo. abahloli bababheki bezindawo okuzokwakhiwa kuzona. Ekusukeni uma iKhomishani inikwa amandla okuphatha indawo zabe zingavunywa neze izindlu zodaka nezingodo, kodwa bevunyelwa labo ababevuselela izindlu zabo ezindala uma zivumelana nemithetho yempilo futhi zakhiwe endaweni eyi Kwata ye-Akela indlu ngayinye.

Ngokuqhubeka ukuze kuhlangabezwane bokwabe kuvela zavunyelwa nezinye izindlu ezintsha zodaka phansi kwemibandela ethile. Kumhla lokho izakhiwo zodaka zabe kwa phansi kwababhekeli abaqondene nazo nqo kwathi izakhiwo eziqinile zabhelwa ngawoInspector bezindlu abebevele bekhona. Lentuba yenzelwa ukuba kungacinani abantu nokuminyana, kwezakhiwo ezikhona ngokwanda kwabantu ngoba izakhiwo eziqinile zona zabe zingandi nokwanda kwabantu.

Iphuzu elisemqoka okusweleke nilikhumbule iKhomishani kayizange izinciphise izakhiwo ezindaweni zayo ngokusola ezinye ithi kakufanele kuhlalwe kuzona. Kwabe kuqhutshwa ngalendlela. Kwabe kukhethwa indawo okubonwa ukuthi iyivungu ngempela kuthiwe iyivungu kodwa kazadilizwa yaza iKhomishani yabaneqiniso lokuthi abantu abadilizelwe bayozithola yini ezinye izindlu abayothuthelwa kuzona na? Ngosuku lolo abantu labo besuka beya esakhiweni esikhonjwe nguKhomishani kumhlalokhoke idilizwa indlu yabo endala indawo leyo ilungiswe ukuba ifanele okuhle. Lomthetho ngakhoke kawusebenzanga ngolunya kubantu.

Bathi abanye uma iKhomishani ingavumi kwande izakhiwo ezinye zodaka ukwanda kwabantu nokungena kwabo endaweni kuyodala wona amavungu lawa awazondayo yena ugobo uKhomishani ngoba abantu labo abafikayo bayohlala kuzona izindlu lezi ezikhona. Kuyiqiniso lokho futhi yikhona okwabe kubhekisiswe yiKhomishani uma imisa lemithetho. Makukhunjulwe ukuthi ngezizathu eziningi izindawo eziningi zeKhomishani ezakhiwe ngabantu kazinawo umhlaba owaneleyo kazikwazike ukuqhubekela phambili njengezindawo zabelungu. Kuhamba kuhambe kufikwe efindweni lokucinana ngokugcwala kwabantu lokho okungase kulungiswe ngokusebenza kwomthetho owahlukanisa izizwe ongase wenze umhlaba wongezeke. OKudala futhi enye inzakanxaka wukuba abanikazi-mihlaba bavumela abantu baqashe kuyona okubangela ukuba iningi labantu abalapho ngabantu abangenayo eyabo imihlaba abahlezi ngempela kulendawo.

Inqubo yeKhomishani yenziwe ukuhlangabezana nazo zonke izinto lezi yenze indawo ithuthuke ngangobanoma abantu sebeminyana kungabuyelwa futhi esimweni esibi saluqala.

Isimo esikhuluma ngaso ngezansi lapho siqondene nendawo yaseEdendale neyaseClermont kanti lapho isimo sifana nezinye izindawo ziyophathwa ngalenqubo.

1. Abaninizakhiwo zodaka noma ngumqashi noma ngumninimhlaba bayavunyelwa ukuvuselela izakhiwo zabo kuKwata yeEka yendawo indlu ngayinye uma leyo evuswayo izokwakhiwa khona lapho emhlabeni lowo ngaphandle kwokuba:

- (a) uma indawo leyo kayilungile noma icinene; noma
- (b) uma umqashi echithiwe ngumninindawo; noma
- (c) uma indawo leyo ifunwa ukusiza uluntu lonke,

uma lemibandela (a), (b) no (c) ikhonakuyavunywa ukuba uvuse isakhiwo sakho kwenye indawo ekhona Kukho konke kufanele uthole invume elotshiweyo.

2. Abaninizindawo abaknona manje noma abantu okuthe ngo April 30, 1951, bavumelana ukuthenga umhlaba nezindlamafa zabo bavunyelwe ukwakha indlu bahlale kuyona ngemvume yeKhomishani yodaka eziqinithini zomhlaba uma:

- (a) umninimhlaba ecele leyo mvume.

ngogama lakhe. Lokhu kwenzelwe ukuba isakhiwo leso sibengesomnini-ndawo.

(b) Kungekho enye indlu eyakhiwe kulowomhlaba.

(c) Uma kuzokwakhiwa ngamaPulani eKhomishani noma avunywe yiyona.

(d) Uma kuzokwakhiwa ngodaka noma ngesithini esithiwa Kimberley brick noma blocks nezinye izinto ezibunjwe.

(e) Uma isakhiwo sizohlala sikahle njalo.

(f) Uma umuntu engezukuba nelungelo lokwenza okunye esakhiweni leso phansi kwemvume ngaphandle kwelungelo lokusilungisa noku-phatha kahle indlu.

3. Abaqashi bavunyelwe ukwakha ngemvume yeKhomishani izindlu zodaka. Izihloko lezi ezingenhla (c), (d), (e), (f) ezisesigabeni 2 eziqondene nabanihlaba ziwondene nabo futhi abaqashi omunye umbandela uthi kungakhiwa izindlu ezingaphezu kweyodwa esiqinithini somhlaba weEka umniniwo avume ukuthi makwakhiwe endaweni yakhe.

Umahluko okhona abaninizindawo bavunyelwe bakhe indlu yodaka esiqinithini se subdivision kanti umqashi uvunyelwe kwiEka.

4. IZINDAWO ZAMAVUNGU Ukwakha noma yiyiphi indlu yodaka endaweni eseyimiswe ukuba yivungu kayikuvumeli iKhomishani kodwa iyavuma endaweni okungakashiwo ukuthi iyivungu noma izophetha ibeyilona kuyavunywa wakhe indlu yodaka ngemibandela leyo eseyishiwo ngenhla okuyothi mhla leyondlu eyakhiwe kuleyondawo seyidilizwa ngomthetho wamavungu idilizwe. Bayaxwayiswa abantu ngaleliphuzu.

5. UKWANDISA izindlu ezikhona zodaka kuvunyelwe ngemibandela ethile ecelwe kuKhomishani uma kwande abantwana bomuntu.

Kusobala ukuthi imibandela lena kayinzima kangakho usizo lwalomthetho lusobala kuye wonke owabesazi isimo esidlala esabe si khona kwaMachibise naseSkoonplaats.

S. NEWMARK.

* * * *

LAPHA NALAPHAYA

HOWICK WEST

ABAZELWEYO. Sithakazelela uMn. noNkk. Jonathan D. Vilakazi bakiwa-Lot li Quail abaphiwe indodakazi ngo August 16, 1953. Igama layo nguThokozile nathi "sithokoza" nabo simfisela okuhle omncane.

*

Sibongela uMn. noNkk. A. Mkize baseAfrican Location lapha ngokuphiwa indodana nendhlafa yabo simfisela impilo enhle uMkosana lona nentokozo.

*

Sazisa bonke abakhe kulendawo ukuthi iKhomishani inazo izinto lezi emahovisi ayo eHowick West: ANAFASITELA - 6-light. (Yiwo kanye afunwa yiKhomishani okwakha izindlu lezi ezifunwayo.)

OKWEZINDLU ZANGASESE. Izivalo nazihlalo namatshe kasemende aphantsi. Yonke indlu yangasese ibiza £9/19/6 ungakhokha kancane njalo uma ulungisile. Yinhle lendlu iqinile futhi ungadane uyigudluza uyisusa lapha iye laphaya. Ivumelana nempilo. Uma unazo izindlwana lezi izizishaya "ogugqa-ngingene" uzosinda ukulokhu ubeleselwa ngu-Health Assistant nohlupho lwakhe elokhu esola ngezimpukane nokuthi yimbi indlu yakho yangasese. Bonana nomabhalane ehhovisi uzwe konke kuyena.

*

IMIDLALO:

Tennis : IClub yaseHowick Submarine Tennis Club isaphila sizwa ngabaphathi ukuthi seyingenele umncintiswano eMgungundhlovu laphaya Ematsheni enkundleni yakhona kuzoqalwa imidlalo ngaye uOctober. Okuhle bakithi. Nibuye nayo indebe.

IBhola : IHowick African Football Association seyiphakathi kweRound yesibili noma ngingazi ukuthi eyokuqala yawela kubani. Siyonixocela uma sesizwile kahle imibiko.

*

UMn. G. Pillay isithunywa sase-Hovisi likaKhomishani lapha osiququdayo isiZulu lesi usahlabe ikhefu izinsukwana. AbaseKilnika bayamkhumbula nami ehovisi lapha ngiyamkhumbula.

*

UMn. B. Madikwa uHealth Assistant nomuzi wakhe usathe shelele ngase Mampondweni. UMn. Colin Sipho uthi kuhle emampondweni. Angase azakhele umuzi khona.

P. MPUNLOSE.

(Ikhwezi liyathokoza ukuba ubuyile futhi ezinhleni zalo Mn. Mpungose namaxoxo akho ahlwabusi-
le. - ABAHLELI.)

UMSHADO OYIDABULI : NgoSeptember 26 uJacob Klein waseDale washada noMary Hettie inkosazana kaMn. noNkk. Paulsen baseDale kwashada uFrank Edward wase iMshwati no-Jimaima Nkabini waseDale. Amafindo ayo yombili aboshwa ngu-Rev. J. S. Dunn wase Good Shepherd Church. Sibafisela okuhle okunhlophe bonke laba.

*

UMn. noNkk. Pheme kanye noMickey noRuby sebehhlala eQuail. UMn. Pheme ufundisa eHowick Bantu School. Siyababingelela lapha ekhaya.

*

IzuLu liyinsembatheka ngezinsuku lezi. Emuva kwenyanga libalele lisakazeka sathi sethuka sabe si-phakathi kwamagquma avunule ngen-gubo emhlophe kangqongqwane ngo September 14. Uqobo lwakhe un-gqongqwane.

J. S. DUNN.

(Siyabonga Mn. Dunn ngezindaba lezi. Ungasazisa njalo umcintis-wano wezingadi ughuba kanjani na lapho? - ABAHLELI.)

WASBANK

IMIDLALO. Wasbank & D.A.F.A. ama-Wasbank Roses ayabongelwa ngo-kungoba kufirst round yeNdebe ka-Farmers' Store. Umdlalo woku-gcina wabe ungoSeptember 13. Amaclub ayedlala emahlanu, Was-bank Roses, Winter Roses, Northern Stars, Morning Stars ne Try Agains.

*

Ngo September 6 lWasbank & Dis-trict Football Association ba-thumela iPicnic eMgungundhlovu.

Yadlula ngehubo eMgungundhlovu
5 - 1.

*

UKUBUNGAZANA. UMrs. R. T. M usebuyile eholidayini yakhe yama-sonto amabili ayichithe eMrothi.

*

UMn. M. Mdunyelwa osebenza eMgun-gundhlovu uke wahambela lapha ngo September 27. Hamthokozisa abe-Jungle Kids Choir emzini womfo-wabo.

*

Unina kaMn. T. P. Mngadi usahlaba ikhefu lapha. Sethemba uzolutho kozela ukuhlala lapha.

*

UMn. Nimrod Mtimkulu wase S. A. usahlaba ikhefu lamasonto amabili lapha.

SIKHUKHUKHU.

(Siyathokoza ukubona seyivela futhi iWasbank ezinhleni zethu. Siyakubonga, Sikhukhukhu. -
ABAHLELI.)

EDENDALE

Sibongela abaNuzana F. Makhathini noN, Myaka abakhethiwe ukuba ngamalungu eBhodi yaseAshdown. Bazohlala unyaka kusuka kuOctober 1953 kuya kuSeptember, 1954.

MHLATHUZANA

Ingabe u"Rocky Mountains" wathela uyinki ezindabeni lezo zakubo aye-sixoxela ngazo ngenyanga edlulile: Sethemba akunjalo ngoba siyazithanda izindaba zakhe.

*

Kazi baphi-nje kodwa awo :

OCKERT'S KRAAL?
ALLANDALE?
HOLLINGWOOD?
LINCOLNMEADE?

Akewume uMshini-Bo!

Sithe sesicindezele sezwa ukuthi uMhlathuzana kade ushuka isikhumba sawo senkothotho. IKhomishani kubhekelele ukuhlala kwayo kahle ngaleniathi yokungaphili kwayo. Sethemba umkhuhlane sewudlulile.

* * * * *

INGADI YOMUZI WAKHUMALO

Ngike ngahambela eEdendale ngeSonto ntambama ngifuna ukubona ukuthi izindaba zami ngezingadi zabanosizo yini kinina. Ngadabuka ukubona ukuthi kayikhona neze imizamo eyenziwa ngabaningi yokusebenzisa izeluleko zomlobeli wezindaba zezingadi. Beyingcosana kakhulu-nje bona uqobo abaqalise nokwenza izingadi.

Ngadumala ngadabuka ikakhulu ngoba iHowick West yona seyaze yaqala nempikiswano yezingadi zabadala nezingane. Ngoba kakusizi lutho ukukhalela ubisi ose luthithekile ngase ngihamba ngeindlela ejwayelelele ngiqonde kwaKhumalo onengajana uma nikhumbula ukuthi ungumtungi wezicathulo kanye nomkathi nomuzi wakhe. Ngema ngankema khona ngabuka into enhle yenkuthalo yalaba abebefuna ukufunda banukela nezeluleko abaziphwayo. Kwaphela ukudumala uma ngibona ingadi yabo uma sengibona okuhle okuthokozisayo kuyona.

Uthango olubiyele ingadi yakhe seluqinisiwe ukuze kungangeni imfuyo kwakhiwe nesango elifana nalelo elabe liseKhowezini lenyanga edlulile kwasengathi ngizobona negama elithi "Ikhowezi/ kulona. Sekukhula uthango lwezihlahla ze-Lobelia. Ngathokoza ukuba uNkk. Khumalo akuthola ayekufisa ngezimbali ngoba zabe zilele uwaca emacaleni endlela egonde emnyango wendlu yakhe. Kukhona zonke izinhlobo ezinhle zezimbali ezithokozisayo nezemibala emihle. Siyabonga Nkk. Khumalo ngobuhle bengadi yakho. Selingasekho ixhaphozi lamanzi phansi kwe-sango sekukhona amatshe abekwe kahle embozwe ngotshani kwenza indlela enhle ebukekayo. Ngabona ukuthi kalukho udaba oluzongena endlini kaMrs. Khumalo ehlobo leli ngoba amatshe lawo notshani abu wembethe kuzoluqeda amandla udaba.

Ngabona imithi emithathu yezi-thelo eduze kwendlu noma yabe isabonakala ukuthi iphuma esitolo kepha omunye wabe sewuqhakaza isithombo. Kwamangalisa kwathokozisa ukubona umahluko ongaka ngenkathi encane kangakaya endaweni eyabe iwugwadule igcwele amagabha namathini amadala kuzalela omiyane namuhla seyifana nomakoti ngobuhle.

Engadini yezilimo ngafica okhaloti ophizi bemi kahle ngemigqa, omazambane, oNyanisi namabhece.

Kwenye ingosi ingadi yembiwe kwathelwa umquba wendlu yezinkukhu nezibi. Kutchalwe uganandela phambi kwendlu yezinkukhu uluba ingabonakali. Amathini ayekhona egcwele yimbewu yezithombo ezabe zizobuya zitshalwe futhi emhlabathini.

Ngabona ukuthi kungenzeka konke uma intando ikhona. Bakhona abantu abangesiwona amavila ababgeniyo ukwelulekwa nokusebenza ngezandla zabo.

Mhlawumbe kabhona abanye bemizi efana nokaKhumalo eOckert's Kraal, Lincoln Meade, Hollingwood, nase Cleland lapho inhlabathi ivundile esingabona umvuzo wezikhwepha zabo.

* * * * *

WENA NENGADI YAKHO

ISIGABA VII

UMTHUNZI ENGADINI YAKHO. Luningi uhlobo lwemithi nezihlahla ongazikhethela kuyona ukwenza imthunzi nokuhlobisa indawo yakho.

Ezingadini ezincane lapho indawo yanele imithi eyingcosana thenga leyo eqhakazayo nethelayo. Kayithathi indawo enkulu kanti futhi iyabukeka uma seyiqhakaza nomaseyithela.

UMalikhwata uhlala uluhlaza ungakhula ubengumuthi omuhle obukekayo onemthunzi kwezishisayo ama-Avodado Pear noMango bahle ngethunzi labo. Amapetshisi nama Apula nanaPear ebusika kuyavuthuluka amahlamvu awo kodwa mihle uma iqhakaza.

Ngingakaniniki uhlu lwamagama

emithi ngineluleka ngokutshalwa kwayo. Nihumbule ukuthi imithi ifuna ukuyitshale emuva kwokucabangisisa kakulu ukhumbule ukuthi iphetha ngokukhula ibemikhulu ngakho kufanele uyihlele kahle indawo lapho uzoyitshala khona imithi noma munye onethunzi ngokukhulu bengadi yakho. Ngithi kuhle ukukhetha indawo ngasentshonalanga nengadi yakho ukuze uthole umthunzi uma selibalele ntambama.

Lungisa umgodi kahle umbe ushonise amafidi angu 3 x 3 ubude nobubanzi. Gwalisa ngezibi luze kucishe kufike phezulu bese usibekela ngenhlabathi. Thela amanzi amaningi emgodini ungakatshali uthi ungatshala unyathele uqine umhlabathi eduze nesithombo. Yinto enkulu leyo.

Nansi imithi elhethiwe ukuba ego uyitshale.

* * * * *

IZINCWADI ZABALOBELI

Mhleli,
IKHWEZI.

Isihlobo sami somuntu esingumfelokazi sifuna ukuzwa kuwena.

Unendlu eEdendale eduze nesiteshi. Uthela amarates. Amanzi uwathola empompini kaKhomishani okude ibanga lamayadi ayi 80 noma 100 kusuka endlini.

Uthi, IKhomishani izosithelisa ngamanzi ngonyaka ozayo. Nami kuyofuneka ngithelele amanzi engiwathola lapho kude nendlu yami na?

Ngingathokoza, Mnumzana, uma ungampendula kuzona izinhla zakho.

Owakho,

"UMFUNDI OMILOPHE WENGISI".

* *

Mhleli,
IKHWEZI.

Mnumzana,

Ekhwezini lika March noMay

uMn. Newmark waloba ngodaba lwomthetho wezindlu. Wathi ekugcineni kwesigaba sesibili ngo May uzositshena ngezindlela lapho iKhomishani ibavumela abantu bakhe izindlu zodaka. Sengibona amaphepha alendelayo eKhwezi engenayo indaba leyo. Bengifisa ukuloba ngiphendule uma seyiphumile leyo-ncwadi yokugcina asetembisa yona ngoba uma bese iphumile ngabe kangilobi ngalendlela engiloba ngayo.

Umqondo wami uthi mhla iKhomishani izophatha izindawo lezi kwabe kufanele imise ukwanda kwamagogo ayekhona uma benza njalo bezolungiselela uhlobo lwezakhiwo zeKhomishani sodaka. Kuthike uma seluphume imvume yokuba umuntu angene endlini leyo beseke leyo okuthiwa iyivungu ayidilize. Okusho ukuthi umuntu kusweleke aqale ngokuba ngogo lokuhlala kuqala elingafunwayo ngaphambi kwokuba athole indlu yodaka ngemvume kaKhomishani. Okusho ukuthi amagogo lawo kuyogcina indawo yawo ithathwe yizindlu zikaKhomishani zodaka. Kuyezwakal konke lokho.

Kodwa kwenziwa njani uma umuzi omusha ungena endaweni ebuswa yiKhomishani ufuna ukwakha uhlobo lwendlu yodaka yeKhomishani uma bengenayo yevungu leyo okuzothiwa kabayidilize uma sebakhe lena yodaka? Okwenzekayo wukuthi lomuzi omusha ofikayo ucindezelekile ukuhlala nalabo abasezindlini zeKhomishani zodaka. Umphumela kube wukuminyana okudala umpilo embi. Okusho ukuthi yona iKhomishani ikhuthasa lokho eyasungulwa ukuba ikugede. - inhlalo yamavungu. Lokho kubangelwa wukuba izindlu zivinjelwe ukwakhiwa kuyilapho abantu bengavinjelwe ukungena kulenyondawo.

Uma IKhomishani izivuma izindlu zodaka ngithi abantu abazifunayo mabangavinjelwa kuthiwe kabahlale kuqala engogogweni anduluba bavunyelwe ukwakha. Abaphathi beKhomishani bangakhomba indawo engavumelana nemithetho yempilo kwakhiwe izindlu ezinhle ziphugule uhlupho lolu olukhona manje.

Mhlawumbe uMn. Newmark angaphendula lemibuzo encwadini yakhe leyo yesigaba sesithathu ethembisa ukuyiloba.

Owakho weqiniso,

J. S. DUNN.

(Umfundisi Dunn uzobona ukuthi imvama yemibuzo yakhe seyiphenduliwe encwadini lena elapha kaMn. Newmark

yesigaba sesithathu somthetho wezindlu. Imibuzo efana nalena kaMn. Dunn ilusizo kakhulu kulabo abafuna ukwazi ngenithetho lena yezakhiwo. - ABAHLELI.)

* * *

Siyambonga uMn. Reddy ngencwadi yakhe ayekhomba kuyona amaphutha ethu athi avelayo ngamahuzu amaxoxo aseMhlathuzana.

* * *

IZINDABA ZAMABODI

Umhlangotho wamaBodi onke phansi kwe Khomishani. Ngo-September zi25, kwakuhlangene umhlangotho wamalungu amaBodi ne Khomishani, ohlangana ngonyaka njalo. Esihlalweni kwakuhlezi uMnu. T. M. Wadley, onguSihlalo we-Khomishani. Kukhona noMn. J. C. Boshoff, iSekela likaSihlalo, noMn. J. Addison, oyilungu noDr. Seymour, no Mn. Donaldson, noMn. Newmark, bonke laba abangabaphathi beminyango eyahlukile ye-Khomishani.

Kwajabisa ukungabikho kahle kwezithunywa zamaBodi. Sasisinye-vo isithunywa esasimele eyase Edendale. Abase Clermont bebabili (nezibukeli ezimbili), i-Wasbank imelwe yisithunywa esisodwa. IBodi yaseAshdown ya ingenamuntu oyimele.

Awataphumi amaminithi alomhlangotho, ngakoke asikakwazi ukuxoxa ngokuphelele ngawo. Nokoke ezinye zezindaba ezazilethiwe ukuzoxoxwa zazihlaba umXhwele. Zazisukela kwezika Gesi, kuye kweze Migwaqo, nezezindlu zangasese, nezamaqceke okudlalala, kuze kufike kweze zimali zokwetshelekisa kwabakha izindlu. Malunga nezokuphatha, kwakhulunywa kakhulu ngamalungiselo okuba abantu abaphansi kwe Khomishani bagcine baziphathe ngokwabo, nokufundisa abangesibo abelungu ukuthi amadoloba aphathwa kanjani, nokugashwa kwabo emsebenzini, nangendlela yokuziphatha ngokwezimali.

Edendale.

IAvisory Board yase Edendale ilobe umbiko ohlwabusile ngokuthi kubangwa yini izakhamisi zase Ideni (Edendale) sithelwe

ngabandayo njena malunga nokhetlo lweBodi. Loombiko usahlolwa yi-Khomishani-ke, ngakoke asizugale si-xoxe ngawo namhlanje. Sethemba ukuthi sowukhipha eKhwezini lika-Khisimuzi.

* * * *

Siyadabuka ukuthi kasibanga namandla ukuba izimpendulo ze-Khwezi eziphendula incwadi yesibili ka "Uzitulele" ziphume manje, sesiyozikhipha eKhwezini lika-Khisimuzi. Hlalani senizi qaphele-ke! - ABAHLELI.

* * * *

Abahleli,
Be-KHWEZI.

Banumzane,

Umdlalo othokozisayo, owa sewenana omunye owa udlalwe ngaphambili, udlalwe e-Ashdown ngo-15 October kuqhudelene oThisha baMandiya, beyinhlanganisela yezikole ezintathu, bezodlala noThisha besikole sase-Ashdown.

Ukudlala akuhlabanga unzhwele kangakanani ngenxa yokuba abadlali bengakwejwayele ukudlala kodwa umoya wokubudlelwane emidlalweni wa umuhle.

Angizukusho ukuthi kwehlulwa bani ngoba yinto encane leyo, kodwa ngithandukusho ukuthi ezweni elinjengaleli lakithi imidlalo yaloluhlobo mihle njengesu lokwenza izizwe zizwane.

Owenu,

H. PAMLA.

* *

Useyeza uKhisimuzi. Liqapheleni-ke iKhwezi lekaKhisimuzi, lizoqhamuka linhllobele ngolungandile uKhisimuzi.

* *

IMITHETHO ELISHUMI KU6AZALI

1. Wothanda ingane yakho ngenhliziyo yakho yonke, ngomphefumulo wonke wakho, nangamandla onke akho, kodwa ngo6uqotho, nango-mqondo wakho wonke.
2. Uca6ange ngengane yakho, hhayi njengento yakho-nje , kodwa njengomuntu.
3. Qaphela inhlonipho nothando lwakhe, hhayi njengento yoku6a iphoqwe, kodwa njengento efanele ukutholwa ngezithukuthuku.
4. Sonke isikhathi uma ufikelwa wukuthukuthela ngenxa yeziphosiso zengane nangenxa yokungaqondi kwayo, u6okhumbula izinto zobungane nezinye iziphosiso zayo nawe owdlula kuzona ngesikhathi ukhula.
5. Khumbula ukuthi kuyinto esemqondweni wengane uku6a ikuthathe ikwenze njengomuntu ongehlulwa lutho, ikuthathe konke okushoyo njengento eyiqiniso, nengaphazameki.
6. Khumbula futhi ukuthi izi6onelo zakho ezinhle ziyisifundo esikhulu kunokubheka iziphosiso noku6eka imithetho yokuziphatha kahle.
7. Ufanele u6e yisi6ani esiphakeme empilweni yakho yonke, kunoku6a yisifo6e esi6i esivimbela isondo uku6a linyakaze liyephambili.
8. Kuyisi6opho sakho ukufundisa umtanakho uku6a azimele yena ngezinyawo, noku6a azakhe yena ngokwakhe.
9. Kuyisi6opho sakho ukusiza umtanakho uku6a a6one u6uhle, afunde ukwenza izinto ezinhle zokulunga, athande iqiniso noku6a ahlale inhlalo enhle yo6uhlo6o na6anye omakhelwane.
10. Kuyimfanelo yakho uku6a wenze indawo ohlala kuyona ku6e yindawo yakho enhle yokuthokoza na6abtabakho, na6ahlo6o 6akho kanye na6ahlo6o 6a6antabakho.

PAUL M. PITMAN.

Collection Number: AD2533

Collection Name: South African Institute of Race Relations, Collection of publications, 1932-1979

PUBLISHER:

Publisher: Historical Papers Research Archive, University of the Witwatersrand, Johannesburg, South Africa

Location: Johannesburg

©2017

LEGAL NOTICES:

Copyright Notice: All materials on the Historical Papers website are protected by South African copyright law and may not be reproduced, distributed, transmitted, displayed, or otherwise published in any format, without the prior written permission of the copyright owner.

Disclaimer and Terms of Use: Provided that you maintain all copyright and other notices contained therein, you may download material (one machine readable copy and one print copy per page) for your personal and/or educational non-commercial use only.

This collection forms part of the archive of the South African Institute of Race Relations (SAIRR), held at the Historical Papers Research Archive, University of the Witwatersrand, Johannesburg, South Africa.